# OKUQUKETHWE


## INGXENYE A: IMININININGWANE EJWAYELEKILE 2

1. Imininingwane Ejwayelekile yoHlaka loMphakathi 2
2. Uhlu Lwezifinyezo 2
3. Uhlolojikelele Lwamasu Okusebenza 3
4. Igunya Lemithetho kanye namanye Amagunya 4
5. Umumo Wohlaka Lwesikhungo 4
6. Isendlalelo sikaSihlalo 5
7. Amazwi eSikhulu Esiphezulu 6
8. Isitatimende Sesibopho Sokubika kanye Nokuqinisekiswa Kobuqiniso Bombiko Wonyaka 22

## INGXENYE B: IMININININGWANE YOKWENZIWA KOMSEBENZI 24

1. Isitatimende Sesibopho Sokubiko Maqondana Nokwenziwa Komsebenzi 24
2. Umbiko kaMcwaningimabhuku: Izinjongo Ezazinqunywe Ekuqaleni 25
3. Imininingwane Yokwenziwa Komsebenzi ngokoHlelo 25
4. Imininigwane Yezezimali Ngokufingqiwe 34

## INGXENYE C: UKWENGAMELA 35

1. Isingeniso 35
2. UMkhandlu 35
3. Ukulawulwa Kwezimo Ezingcuphe 37
4. UPhiko Olubhekele Ulawulo Lwangaphakathi 37
5. Umsebenzi Wokucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi 37
6. IKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokwengamela 38
7. Ukuthobela imithetho kanye nemithehtonqubo 38
8. Ukukhwabanisa Nenkohlakalo 38
9. Ukunciphisa Ukungaboni Ngaso Linye 38
10. Inqubo Yokuziphatha 39
11. Izindaba ezimaqondana Nezempilo, Ezokuphepha kanye Nezemvelo 39
12. Isibopho Emphakathini 39
13. Umbiko weKomidi Lezokucwaninga Kwamabhuku 40

## INGXENYE D: EZOKUPHATHWA KWABASEBENZI 42

1. Izibalo Zabasebenzi 42

## INGXENYE E: IMININININGWANE NGEZEZIMALI 44

1. Isitatimende Sesibopho Sokubika kanye Nokuqinisekiswa Kobuqiniso Bombiko Wonyaka 44
2. UMbiko weSikhulu Esiphezulu esiphinde sibe nguMqondisi Wezobuciko 45
3. UMbiko kaMncwaningimabhuku-Jikelele awethulela iPhalamende maqondana ne-Playhouse Company 46
4. Izitatimende Zemali Zonyaka 49

# INGXENYE A: IMININGWANE EJWAYELEKILE

## 1. Imininingwane Ejwayelekile Maqondana Nohlaka Lukahulumeni

| | |
|---|---|
| Igama olubhaliswe ngalo: | The Playhouse Company |
| Ikheli Lendawo: | 29 Acutt Street, Durban, 4001 |
| Ikheli Leposi: | P O Box 5353, Durban, 4000 |
| Inombolo Yocingo: | +27 (0)31 369 9555 |
| Inombolo Yefeksi: | +27 (0)31 306 2166 |
| Ikheli le-imeyli: | cfo@playhousecompany.com |
| Ikheli lesizindalwazi: | www.playhousecompany.com |
| Abacwaningimabhuku Bangaphandle: | The Auditor-General of South Africa |
| IBhange: | First National Bank |

## 2. UHlu Lwezifinyezo Zamagama

| | |
|---|---|
| CEO | ISikhulu Esiphezulu |
| CFO | ISikhulu Esiphezulu Sezezimali |
| DAC | UMnyango Wezobuciko Namasiko |
| PFMA | UMthetho Wezokuphathwa Kwezimali zikaHulumeni |
| MTEF | UHlaka Lokusetshenziswa Kwemali esikhathini Esimaphakathi |
| SAWAF | Idili Lezobuciko Labesifazane baseNingizimu Afrika |
| SCM | Ukulawulwa Kokuthengwa Nokusatshalaliswa Kwempahla |

# 3. Uhlolojikelele Lwamasu Okusebenza

## 3.1. UMbono

Silwela ukuvelela kwezobuciko kanye nokwehlukahlukana kwamasiko kwezobuciko obudlalwayo.

## 3.2. Mission

Ukufezekisa lo mbono ongenhla, i-*Playhouse Company* iyichaza kanje impokophelo yayo: Siyaqhubeka, sikhuthaze futhi silondoloze ubuciko obudlalwayo ngokuthi:

- Ikhiqize, iphinde yethule imidlalo yamakhono obuciko, ezokuzijabulisa kanye nezemfundo esezingeni elikhulayo kanye nangokwahlukahlukena;
- Igqugquzele ukuhlangana komphakathi, ukuhlukahlukana kanye nokuhlanganiswa ngumsebenzi esiwenzayo;
- Ibhekelele abantu abehlukahlukene ngokusebenzisa indlela yokumaketha kanye nendlela yokugxila kumakhasimende;
- Ikhuthaze ukwazisa ngobuciko obudlalwayo, ukuthuthukisa abalandeli bakusasa kanye nokusabalalisa imidlalo yasekhaya;
- Yeseke imfundo, ukuqeqeshwa kanye nokuthuthukiswa kwamakhono amaciko, abasebenza kwezobuciko kanye nabasebenzi;
- Isebenze ngokubambisana nabalingani bendawo, abakuzwelonke kanye namazwe ngamazwe ukuze kukhule umthelela wezinhlelo zethu;
- Yenze ngcono ukusebenza kwezezimali ngokusebenzisa ushintsho olulingeneyo kanye nokuhlelwa kwezezimali ezizukulwaneni ezizayo; ngokunjalo
- Nokuqinisekisa ukuvikelwa komlando maqondana ne-*The Playhouse*.

## 3.3. Amagugungqang

**Kusho ukuthini kulokho okwenziwa yi-*The Playhouse Company***

The Playhouse Company
**an agency of the**
Department of Sport, Arts & Culture

**IKHONO LOKWAKHA KANYE NOKUQAMBA KABUSHA**

Sibeka phambili ikhono lokwakha kanye nokuqamba kabusha ngokokucabanga kanye nezibonakaliso ezivumelana nemiklamo eminingi yezwe lethu.

**UKUSEBENZA KAHLE KANYE NOKUTHEMBEKA**

Sifuna ukusebenza ngokufanele kanye nangempumelelo futhi sikhule ngokwengeziwe.
Sisebenza ngesikhathi esisibekile kanye nomongo wempokophelo yethu.
Sizibophezele ekuziphatheni kahle futhi asihambisani nokwenzelela kanye nokuhlukunyezwa kwanoma yiluphi uhlobo.
Sihlose ukuphumelela futhi sifunde emaphutheni ethu.

**UKWEHLUKAHLUKANA**

Siyazihlonipha izinkulumo zamasiko nobuciko ezithuthukisa okuhle okuvamile ngomuntu.
Sithuthukisa amalungelo amaqembu anganakiwe siphinde sithuthukise ukufinyelela ezinhlelweni kanye nasezikhungweni zethu.

**UKUGCINA KAHLE**

Sifuna ukuzigcina sibuka izinto ngeso langomuso futhi sicabange ukuqhubeka nokugcina kahle iSikhungo ngaso sonke isikhathi.
Sifuna ukuhlala sihamba phambili embukisweni yeshashalazi.

**SINOBUNTU**


Silwela ukusebenza ngokunakekela, uzwelo, inhlonipho nokucabangela inhlalakahle yabasebenzi bethu, amakhasimende kanye nezinhlaka esisebenzisana nazo.
Sisebenza kanzima ekulondolozeni indawo yokusebenza ephephile futhi enempilo, ukuvikela izimpahla zethu kanye nezinsizakusebenza ezingatholakali kalula, ukuthuthukisa abantu bethu kanye nokukhuthaza ukulingana empilweni/emsebenzini.

# 4. Igunya Lemithetho kanye namanye Amagunya

Ngokwesigaba 8(5) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, uNo. 119 we-1998, iqhaza le-The Playhouse Company ukuthuthukisa, ukukhuthaza kanye nokulondoloza ubuciko obudlalwayo eNingizimu Afrika. I-The Playhouse Company isebenza ngokulawulwa ngumthetho, kubandakanya nalena elandelayo:

- UMthetho Wezokuphathwa Kwezimali zikaHulumeni (PFMA);
- UMthetho Wokwabiwa Kwenzuzo (DORA);
- UMthetho Wezikhungo Zezamasiko;
- UMthetho Wokuvikelwa Kwamakhasimende (uNo. 68 wezi-2008);
- UMthetho Wohlaka Lwezokusebenzisana Kuhulumeni (uNo. 13 wezi-2005);
- UMthetho Wezindaba Eziphathelene Nabasebenzi (LRA);
- UMthetho Wezemibandela Yokuziphatha Eyisisekelo (BCSA);
- UMthetho Wezempilo kanye Nokuphepha Emsebenzini (OHSA);
- UMthetho Wemithethonqubo Yokuphathwa Kwehhovisi Okujwayelekile (GARA);
- UMthetho Wokugqugquzela Ukufinyelela Olwazini (PAIA);
- UMthetho Wokugqugquzela Ukuphathwa Kwehhovisi Ngobulungiswa (PAJA);
- UMthetho Wezokuqasha Ngokulingana;
- UMthetho Wezokuvikelwa Kolwazi Oluyimfihlo;
- Iyona yonke imithethonqubo kaMgcinimafa, imiyalelo nemigomo yokusebenza njengoba ishicilelwe; kanye
- Nayo yonke imithetho kaMasipala nemithetho yendawo ephathelene ne-Playhouse Company nokusebenza kwayo.

# 5. Umumo Wohlaka Lwesikhungo



# 6. Isendlalelo sikaSihlalo



Kulo nyaka obuyekezwayo uMkhandlu ubambe iqhaza elibonakalayo ekuqinisekiseni ukuthi isikhungo siyahambisana nezinhlaka zaso ezisemqoka kanjalo nomsebenzi ojutshwe ukuba uwenze.

Nokho-ke, unyaka ubungelula njengeminye iminyaka ngaphansi kolawulo lwamathimba oMkhandlu okhona manje, phakathi kokunye, ngenxa yalokhu okulandelayo okusemqoka:

Ukuhlanganiswa koMnyango Wezobuciko, Amasiko Namagugu kanye noMnyango Wezemidlalo kuthathe esakho isikhathi futhi kwadinga ukuthi kugxilwe kukona. Kuye kwadingeka kuhanjelwe imihlangano yokucobelelana ngolwazi ehlukahlukene, ikakhulu ihanjelwe nguSihlalo, iSikhulu Esiphezulu, kwenye inkathi uSekela Sihlalo, ukuqinisekisa ukuthi le minyango ihlanganiswa ngobunyoninco ukuze kuzuzwe imiphumela elindelekile kuzona zombili zinhlaka ezibandakanyekayo kule nqubo. Imihlangano yokuhlela amasu okusebenza ebibanjwa noMkhandlu bekumele ibhekelele nalokhu kuhlangana kweminyango.

Umvalelandlini obe ngenxa yokubhebhetheka kobhubhane umhlaba wonke okuholele ekufeni kwabanu abaningi eNingizimu Afrika nasemazweni angaphandle. I- Playhouse Company nayo luyikhahlamezile lolu bhubhane njengalokhu amalungu oMkhandlu amabili aye alahlekelwa ngamalungu emindeni. Kwangati imiphefumulo yabo ingalala ngokuthula.

I-Playhouse Company iye yathikamezeka ngokusobala nangokucashile ngokullandulela leli komunye wabasunguli odumileweSicathamiya, uBaba uJoseph Shabalala, njengalokhu leli qembu lesicathumiya linegalelo elikhulu ekusungulweni kwemincintiswano yesicathamiya yalolu hlaka. Izwe lonkana, umhlaba kanye namaqembu asafufusa agqemeke engeqiwa ntwala ngokudlula emhlabeni kwaleli qhawe. Sengathi angalala ngokuthula.

Ngenxa yokusebenza ngokubambisana koMkhandlu naBaphathi ngalesi sikhathi esinzima, uMkhandlu ukwazile ukuqinisekisa ukuthi umsebenzi ojutshelwe lesi sikhungo uyafezekiswa.

Egameni loMkhandlu kanye naBaphathi, ngifisa ukuzwakalisa ukubonga kwami okukhulu kumphakathi wezobuciko, abezindaba kanye nabasekeli bethu ngeqhaza labo ekuqinisekiseni ukuthi lesi sikhungo siyawufezekisa umsebenzi esiwujutshelwe. Kuintokozo kithina ukwethula umbiko wonyaka kanye nesitatimende sezimali se-Playhouse sonyaka wezimali ophela ngomhla zingama-31 kuNdasa wezi 2020.

**uNk. Hlengiwe Christophina Mgabadeli**

**USihlalo woMkhandlu**



# 7. Amazwi eSikhulu Esiphezulu

Kulo nyaka esiwubuyekezayo, i- Playhouse Company yethule uhlelo lezobuciko obunhlobonhlobo oluyingqayizivele olube yinkomba yokuthi nempela umsebenzi wasesiteji uphethe ubuciko obuhlukahlukene. Sisebenzisa ubuciko bokunandisa njengendlela yokukhuthaza ukuqonda okukhulu kanye nokugqugquzela ukuthi kube nezingxoxo ezisemqoka ezimayelana nezindaba ezisemqoka ezithinta umphakathi wethu.

**170**
IMIDLALO EYI-

**442**
IMIBUKISO ENGAMA-

**12 704**
AMACIKO AYIZI-

**183 151**
IZETHAMELI EZIYIZI-

Kube nemibukiso enhlobonhlobo yezinhlelo nemicimbi yezobuciko. Lokhu kubandakanya izinhlelo zokwelekelela amaciko asafufusa ngokuweluleka, ukuthuthukiswa yizingcweti kanye nezinhlelo zezemfundo yezobuciko ngenhloso yokuthi kuhlinzekwe abasebenzi bezobuciko ngempilo esimeme.

Konke lokhu okungenhla kwenzeke ngenxa yokwesekwa okuqhubekayo kanye nokusebenza ngokubambisana nohulumeni wethu, uMkhandlu, abasebenzi abazibophezele, indima yezobuciko bokunandisa kanye nababukeli bethu.

Izandla zedlula ikhanda kinina nonke.



**uNk Linda Bukhosini**
**Isikhulu esiphezulu esiphinde sibe nguMqondisi Wezobuciko**

# IMIDLALO YANGAPHAKATHI

Ikhiqizwe futhi/noma yethulwa yi-The Playhouse Company

I-The Playhouse Company ikhiqiza

## I-Handel's Messiah

| | |
|---|---|
| Umqondisi | **u-Ralph Lawson** |
| Umbhidi | **u-Naum Roussine** |
| Amaciko | **u-Lauren Dasappa, u-Violina Anguelov, u-Wayne Mkhize, uBongani Kubheka, i-KwaZulu Natal Philharmonic Orchestra kanye ne-the Playhouse Chorale** |

I-The Playhouse Company yethula

## Ukuzinza

| | |
|---|---|
| UMqondisi | **Mzokuthula Gasa** |
| UMqondisi | **Mzokuthula Gasa** |
| Amaciko | **iPhakama Dance Theatre, iSibonelo Dance Company** |



Tswalo *featuring Peter Edward Langa*

I-The Playhouse Company yethula

## I-Gone Native

| | |
|---|---|
| UMqondisi | **Makhaola Ndebele** |
| Umbhali womdlalo | **Makhaola Ndebele** |
| Amaciko | **uSibusiso Shozi,u- Maritjie Bothma, u-Ayanda Nhlangothi, uSoyiso Ndaba, u-Isana Maseko, uKanyi Lukanyiso Nokwe, uKgomotso "Momo" Matsunyane,uFana Abednigo Zulu, u-Johan Mthethwa, uGodfrey Mgcina, uNtokozo Zungu** |

I-The Playhouse Company yethula

## Tswalo

| | |
|---|---|
| Umqondisi | **uMahlatsi Makgonyana** |
| Umbhali womdlalo | **u-Peter Edward Langa** |
| Iciko | **u-Peter Edward Langa** |

I-The Playhouse Company yethula

## I-Shirley Valentine

| | |
|---|---|
| Umqondisi | **u-Steven Stead** |
| Umbhali womdlalo | **Willy Russel** |
| Iciko | **u-Lisa Bobbert** |

I-The Playhouse Company ikhiqiza

## I-Trafficked

| | |
|---|---|
| Umfundisikudansa | **Sandile Mkhize** |
| Amacikos | **iPhakama Dance Productions** |

I-The Playhouse Company ikhiqiza

## I-Dialogue: Mental Health Awareness

| | |
|---|---|
| Umlondolozi | **uSlindile Xhakaza** |

I-The Playhouse Company ikhiqiza

## I-Dialogue: Ethical Living

| | |
|---|---|
| Umlondolozi | **uDkt Beatrice Okyere-Manu** |

I-The Playhouse Company ikhiqiza

## Traditional Extravaganza


| | |
|---|---|
| Umqondisi | **u-Clare Mortimer** |
| Amacikos | **uTu Nokwe, uVumile Mngoma, Izingane Zoma, UDkt Nothembi Mkhwebane, u-Dawn Thandeka King** |



I-The Playhouse Company ikhiqiza

## A Christmas Celebration

| | |
|---|---|
| Umqondisi | **u-Ralph Lawson** |
| Umfundisikudansa | **uLuyanda Sidiya** |
| Umbhidi | **u-Lykele Temmingh** |
| Abacula ngabodwana | **uZandile Mzazi, u-Wayne Mkhize, uMthunzi Nokubeka, u-Aubrey Poo, u-Shirley McLaine, u-Joel Zuma, uMthobisi Mthalane, uSthandiwe Kgoroge** |
| Amaciko | **u-Darren Maule, i-The KZNPO, Playhouse Chorale kanye nePhakama Dance Productions** |



**A Christmas Celebration *featuring Aubrey Poo & Joel Zuma***



Tribute Jazz Concert *featuring Umkhumbane Jazz Ensemble*

I-The Playhouse Company yethula

## I-Fudukazi's Magic

| | |
|---|---|
| Umqondisi | **uDkt Gcina Mhlophe** |
| Umbhali womdlalo | **Dr Gcina Mhlophe** |
| Amaciko | **UDkt Gcina Mhlophe, uKhwezi Becker, uNkosingiphile Mpanza, u-Victor Sithole, uNjabulo Shabalala** |

I-The Playhouse Company ikhiqiza

## I-Tribute Jazz Concert

| | |
|---|---|
| Umqondisi | **uSiyanda Mwandla** |
| Amaciko | **uNatalie Rungan, u-Ernie Smith, uXolisa Dlamini, Umkhumbane Jazz Ensemble, u-Adolphus Kunene, uMthobisi Mthalane, u-Victor Sithole, u-Elias Sefatsa** |

I-The Playhouse Company yethula

## I-Joker is Queen

| | |
|---|---|
| Umqondisi | **u-Leeanda Reddy** |
| Umbhali womdlalo | **u-Leeanda Reddy kanye noKaseran Pillay** |
| Amaciko | **u-Leeanda Reddy kanye noKaseran Pillay** |

I-The Playhouse Company yethula

## U-Sizwe's Triumph Over Sumdanger

| | |
|---|---|
| Umqondisi | **uThabo Mnguni** |
| Umbhali womdlalo | **uThabo Mnguni** |
| Iqembu labadlali basesiteji | **Nokulunga Dladla, Nosipho Mkhize, Nontobeko Mdletshe, Bhekani Ndlovu, Sabatha Ngcobo, Sandile Mchunu** |

I-The Playhouse Company ikhiqiza

## I-Notebook

| | |
|---|---|
| Umfundisikudansa | **uSandile Mkhize** |
| Performers | **Leagan Peffer, Mzamo Kunene, Sandile Mkhize, Precious Xolo, Mboneleli Mdleleni, Kristi Gresse, Nkanyiso Kunene, Nqubeko Ngema** |

I-The Playhouse Company ikhiqiza

## Uhlelo Lokwelekelelwa Ngokuqeqeshwa Kwamaciko Asemphakathini

Lolu hlelo luvula inkundla yokuthi amaciko asemphakathini akwazi ukucija amakhono awo isikhathi esiyizinyanga ezimbili kule mikhakha elandelayo yezobuciko: ukunyakaza, ukubhalwa kwemidlalo, ukuqondisa umdlalo, iphimbo, ukudidiyelwa kwemidlalo, ukulingisa, nokunye


| | |
|---|---|
| Umqondisi | **ngu-Jerry Pooe** |
| Abaqeqeshiwe | **bayi- 12** |

I-The Playhouse Company ikhiqiza

## I-Okwethu Community Arts Festival

Leli dili lezobuciko lomphakathi lasingathelwe e-Kokstad Town Hall nase Uvongo Town Hall.

| | |
|---|---|
| Umqondisi | **ngu-Jerry Pooe** |
| Amaciko | **200** |



A Christmas Celebration *featuring Mzamo Kunene, Sandile Mkhize, Nkanyiso Kunene*



I-The Playhouse Company ikhiqiza

## I-Sundowner Concert & Poetry

Angaphezu kwama-200 amaciko abamba iqhaza kulawa makhonsathi ayintandokazi omculo nezinkondlo asingathwa nyanga zonke.

I-The Playhouse Company ikhiqiza

## I-Test Driving the Arts

Lawa makhonsathi anyanga zonke omculo nokudansa asingathwa ngezikhathi zesidlo sasemini anikeza amaciko asafufusa isigcawu sokudlala: umaskandi, i-hip-hop, indlamu, ikwaito kanye nezinye izinhlobo zomculo kanye nemidanso yesimanje yakuleli



I-The Playhouse Company ikhiqiza

## Umqhudelwano Wesicathamiya

Umqhudelwano kaZwelonke Wesicathamiya osingathwa yi-Playhouse Company uyingxenye yenyanga yamagugu. Lolu hlobo lomculo womdabu lubandakanya abaculi abangaphezu kwezi-2 000 abavela kulo lonke elaseNingizimu Afrika edilini lomculo elithatha ubusuku bonke.

▶ **Iscathamiya Competition *featuring Zamani Happy Boys***

# 8. Isitatimende Sesibopho Sokubika kanye Nokuqinisekiswa Kobuqiniso Bombiko Wonyaka

Ngokwazi kwami nalokho engikholelwa kukho, ngiyaqinisekisa lokhu okulandelayo:

Lonke ulwazi kanye namanani avezwe kulo Mbiko Wonyaka kuyahambisana neZitatimende Zonyaka Zezezimali ezicwaningwe nguMcwaningimabhuku-Jikelele.

UMbiko Wonyaka uphelele, uyiqiniso futhi akukho okweqiwe kuwo.

UMbiko Wonyaka wenziwe ngokuhambisana nemihlahlandlela yoMbiko Wonyaka njengalokhu ikhishwe nguMgcinimafa Kazwelonke.

IZitatimende Zonyaka Zezezimali (INgxenye E) zenziwe ngokuhambisana nemigomo ye-GRAP esebenza ezinhlakeni zikahulumeni.

Isikhulu esinesibopho sokubika sibhekele ukwenziwa kwezitatimende Zonyaka Zezezimali kanye nezinqumo ezithathwa ngokwalolu lwazi.

Isikhulu esinesibopho sokubika sibhekele ukusungulwa kanye nokuqalisa kwezinhlelo zokulawula zangaphakathi ezakhelwe ukunikezela ngesiqinisekiso esizwakalayo maqondana nobuqotho kanye nobuqiniso bolwazi lokwenziwa komsebenzi, wezabasebenzi kanye neZitatimende Zonyaka Zezezimali.

Kuyaxhunyanwa nabacwaningimabhuku bangaphandle ukuze kutholakale umbono ongachemile maqondana neZitatimende Zonyaka Zezezimali.

Ngokombono wethu, uMbiko Wonyaka uveza inqubo yokusebenza, ulwazi lokwenziwa komsebenzi, ezabasebenzi kanye nezezimali zesikhungo zonyaka wezimali obuphela mhla zingama- 31 kuNdasa wezi-2020.

**uNk Linda Bukhosini**
**Isikhulu esiphezulu esiphinde sibe nguMqondisi Wezobuciko**
**Usuku: 30 kuMandulo 2020**

**uNk Hlengiwe Christophina Mgabadeli**
**USihlao woMkhandlu**
**Usuku: 30 kuMandulo 2020**

# INGXENYE B: IMININININGWANE YOKWENZIWA KOMSEBENZI

## 1. Isitatimende Sesibopho Sokubika maqondana Nokwenziwa Komsebenzi Sonyaka Ophele Mhla zingama- 31 kuNdasa 2020

ISikhulu Esiphezulu sibhekele ukuqoqa ulwazi lokwenziwa komsebenzi kanye nezinqumo ezithathwa ngokwalolo lwazi e-Playhouse Company.


Kungumsebenzi weSikhulu Esiphezulu ukusungula nokuqalisa ukusebenza kohlelo lokulawula kwangaphakathi olwakhelwe ukunikeza isiqiniseko maqondana nobuqotho kanye nobuqiniso bolwazi lokwenziwa komsebenzi.

| incazelo | Inombolo (%) | Isizathu Sokuphumelela/ Sokungaphumeleli Ngokuphelele | Izinhlelo Zokungenelela |
|---|---|---|---|
| Isibalo sokuhlosiwe maqondana nokwenziwa komsebenzi ngonyaka | 53 | | |
| Okuhloswe ukuba kwenziwe maqondana nokwenziwa komsebenzi ngonyaka okufezekile | 50 (94%) | | |
| Okuhloswe ukuba kwenziwe maqondana nokwenziwa komsebenzi ngonyaka okungafezekanga ngokuphelele | 3 (6%) | i. Ngenxa yokubhebhetheka kobhubhane loKhuvethe (i-COVID-19) umqhudelwane weNgoma wahlehliselwa isikhathi esingakaziwa.<br>ii. Akufinyelelwanga esibalweni sabathameli ebesihlosiwe esiyizi-250 000 ngonyaka (abakhokhayo nabangakhokhi). Izethameli ezibekhona ziyizi-183 701. Imibukiso emikhulu eyenzeka ekupheleni konyaka eyenzeka ngalesi sikhathi. Isikhathi samaholidi yahlehliswa ngenxa yezizathu ezazingenakugwemeka ezazibhekene namaciko kanti futhi nokumenyezelwa komvalelandlini ngenxa ye-COVID-19 ngoNdasa wezi-2020.<br>iii. Waholela ekuthini eminye imibukoso ihlehliswe Izinga lezikhala zomsebenzi lalingu-16% uma kuqhathaniswa nesabelomali sika-10%. Zonke izikhala ezingenamuntu zibuyekeziwe ngenxa yezidingo zokusebenza kwesikhungo kanye nokuncishiswa kwesabelomali. Izikhala zomsebenzi zagcwaliswa lapho nanoma kubonakala khona isidingo. | i. Izinhlelo zokwenziwa komsebenzi zonyaka zizochitshiyelwa bese zedluliselwa esikhathini esizayo, ngokubhekelela umthelela wezithiyo zobhubhane i-COVID-19 esikhungweni.<br>ii. Kuzobuyekezwa umumo wohlaka lwesikhungo ukuze kukhishwe lezo zikhala zomsebenzi ezingabalulekile eziyogcwaliswa nanoma nini lapho kuba khona isidingo. |

Ngokubona kwami, ulwazi lokwenziwa komsebenzi luveza ngokucacile okuyikhona okuphumelelekile ukuthi kwenzeke uma kuqhathaniswa nezinjongo, izinkomba kanye nokuhlosiwe okwakuhlelelwe ukuba kwenziwe ngokohlelo lonyaka lokwenziwa komsebenzi lwe- Playhouse Company ngonyaka wezimali ophele zingama-31 kuNdasa wezi- 2020.

Ulwazi lokwenziwa komsebenzi lwe- Playhouse Company lonyaka ophele zingama-31 kuNdasa wezi-2020 luhlolwe ngabacwaningimabhuku bangaphandle, futhi umbiko wabo uyatholakala ekhasini 46-48.

Ulwazi lokwenziwa komsebenzi lwe- Playhouse Company oluvele emakhasini – 25 kuya ku-34 luvunywe yiBhodi.



**uNk Linda Bukhosini**

**Isikhulu esiphezulu esiphinde sibe nguMqondisi Wezobuciko**

# 2. Umbiko kaMcwaningimabhuku: Izinjongo Ezazinqunywe Ekuqaleni

UMcwangimabhuku-Jikelele waseNingizimu Afrika okwamanje ulandela zonke izinqubo ezifanele zokucwaningwa kwamabhuku maqondana nolwazi lokwenziwa komsebenzi ukuze anikeze isiqinisekiso esizwakalayo ngokuthi akhiphe isinqumo ngocwaningo. Isinqumo ngocwaningo maqondana nokwenziwa komsebenzi kuqhathaniswa nezinjongo ezazinqunywe ekuqaleni siyingxenye yombiko oya kubaphathi, uhambisana nokutholakele ocwaningweni okubikwe ngaphansi kwesihloko esithi Izinjongo Ezazinqunywe Ekuqaleni embikweni maqondana nezidingo zomthetho kanye nemithethonqubo esembikweni kamcaningi mabhuku.

Bheka ekhasini 25 loMbiko kaMcwaningimabhuku, oshicilelwe eNgxenyeni E: yoLwazi Ngezezimali.

# 3. Ulwazi Lokwenziwa Komsebenzi Ngokwezinhlelo

## 3.1 UHlelo 1: Ezokuphatha

### 3.1.1. UHlelo Olungaphansi kolunye 1.1: Ukuphathwa Kwenkampani kanye Nezezimali

**A. Inhloso yohlelo** Ukuhlinzeka ngemisebenzi yezokwengamela kanye nokweseka isikhungo ngezezimali

**B. Incazelo: B.1 Uhlaka** UMnyango Wezezimali wengamela izindaba zezimali, ukuphathwa kwenkampani kanye nokulandelwa kwemigomo yomthetho.

**B.2 Iminyango ebhekele ukwenza lo misebenzi** uMnyango Wezezimalit

| Izinjongo/ Imiphumela yesu lokusebenza | Izinyathelo zokweseka izinjongo zesu lokusebenza | Ulwazi okususelwe kulo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezinike ebufakazini futhi okulula ukuzikala 2019-2020 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezinike ebufakazini futhi okulula ukuzikala 2020-2021 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezinike ebufakazini futhi okulula ukuzikala 2021-2022 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezinike ebufakazini futhi okulula ukuzikala 2022-2023 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezinike ebufakazini futhi okulula ukuzikala 2023-2024 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Ukuhlinzeka ngemisebenzi yezokuphathwa kwezimali kanye nenkampani ngendlela efanele futhi enempumelelo | Ukulandelwa ngokuphelele kwemigomo yemithetho njengokwemithetho elawula umsebenzi esijutshelwe wona kanye nokuqinisekisa ukuthi zonke izindlela zokulawula ezisebenzayo ziyahambisana nezinsizakusebenza ezikhona | Kwatholakala uMbiko ongenagcobho kuMcwaningi mabhuku ngo Ndasa wezi- 2019 | Kwatholakala uMbiko ongenagcobho kuMcwaningi mabhuku mhla zingama-31 kuNdasa | Kwatholakala uMbiko ongenagcobho kuMcwaningi mabhuku mhla zingama-31 kuNdasa | Kwatholakala uMbiko ongenagcobho kuMcwaningi mabhuku mhla zingama-31 kuNdasa | Kwatholakala uMbiko ongenagcobho kuMcwaningi mabhuku mhla zingama-31 kuNdasa | Kwatholakala uMbiko ongenagcobho kuMcwaningi mabhuku mhla zingama-31 kuNdasa |
| | | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo yomthetho olwenziwa njalo ngekota ngoNdasa wezi-2019 luthunyelwa ngesikhathi | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo ye-PFMA/neMithethonqubo kaMgcinimafa Kazwelonke lugcwaliswa njalo ngekota | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo ye-PFMA/neMithethonqubo kaMgcinimafa Kazwelonke lugcwaliswa njalo ngekota | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo ye-PFMA/neMithethonqubo kaMgcinimafa Kazwelonke lugcwaliswa njalo ngekota | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo ye-PFMA/neMithethonqubo kaMgcinimafa Kazwelonke lugcwaliswa njalo ngekota | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo ye-PFMA/neMithethonqubo kaMgcinimafa Kazwelonke lugcwaliswa njalo ngekota |
| | | Izinhlelo zamasu okusebenza ezenziwa njalo ngekota ngoNdasa wezi-2019 zithunyelwa ngesikhathi | Ukwenza imibiko ngohlelo lwamasu okusebenza olwenziwa njalo ngekota. | Ukwenza imibiko ngohlelo lwamasu okusebenza olwenziwa njalo ngekota. | Ukwenza imibiko ngohlelo lwamasu okusebenza olwenziwa njalo ngekota. | Ukwenza imibiko ngohlelo lwamasu okusebenza olwenziwa njalo ngekota. | Ukwenza imibiko ngohlelo lwamasu okusebenza olwenziwa njalo ngekota. |

**Izinjongo zamasu okusebenza, izinkomba zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokuhlosiwe okwenziwe ngempela**

| Izinjongo zamasu okusebenza | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2018-2019 | Okuhlosiwe okuhleliwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2019-2020 | Umehluko phakathi kokuhlosiwe okuhleliwe kanye nokwenziwe ngempea ngonyaka wezi-2019-2020 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|
| Ukuhlinzeka ngemisebenzi yezokuphathwa kwezimali kanye nenkampani ngendlela efanele futhi enempumelelo | Okuzuziwe: UMbiko ongenagcobho kaMcwaningi owatholakala ngoyaka ophela mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2019 | UMbiko ongenagcobho kaMcwaningi owatholakala ngoyaka ophela mhla zingama-31 kuNdasa | Okuzuziwe: UMbiko ongenagcobho kaMcwaningi owatholakala ngoyaka ophela mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2020 | Akukho | n/a |
| | Okuzuziwe. Uhlu olwenziwa njalo ngekota ukuhlola ukuthi iyalandelwa yini imigomo yomthetho lwaphothulwa ngesikhathi | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo ye-PFMA/neMithethonqubo kaMgcinimafa Kazwelonke lugcwaliswa njalo ngekota | Okuzuziwe. Uhlu olwenziwa njalo ngekota lokuhlola ukuthi iyalandelwa yini imigomo yemithetho lwaphothulwa ngesikhathi | Akukho | n/a |
| | Okuzuziwe. Izinhlelo zonyaka zokwenziwa komsebenzi ezenziwa njalo ngekota zenyanga kaNdaza wezi-2019 zathunyelwa ngesikhathi | Ukwenza imibiko yohlelo lokwenziwa komsebenzi wonyaka njalo ngekota | Okuzuziwe. Izinhlelo zonyaka zokwenziwa komsebenzi ngenyanga kaNdasa wezi-2020 zathunyelwa ngesikhathi | Akukho | n/a |

## Izinkomba ezinqala zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokwenziwe ngempela

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala ngonyaka wezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2018-2019 | Okuhlosiwe okuhleliwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2019-2020 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 2.1 Ukuhlinzeka ngemisebenzi yezokuphathwa kwezimali kanye nenkampani ngendlela efanele futhi enempumelelo | Ukuqinisekisa ukuthi inkampani iyazilandela zonke izidingo zezindlela zokulawula kanye nemithetho esebenzayo | Umbiko kaMgcini Mabhuku ongenagcobo minyaka yonke | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |
| | Ukubuyekeza kuphinde kulungiswe minyaka yonke zonke iziNqubomgomo kanye Nezinqubo enkampanini | Ukuxoxisana kwaminyaka yonke maqondana nezinguquko okumele zenziwe kuzo zonke Izinqubomgomo zangaphakathi enkampanini mhla lu-1 kuMbasa | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |
| 2.2 Ukuqalisa kokusebenza kwezindlela zokulawula, izinqubo kanye nezinhlelo zalokhu okungenhla | Ukuqinisekisa ukuthi ukucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi kwenziwa kuphothulwe njengokohlelo lwangaphakathi lokucwaningwa amabhuku | Kufanele kwenziwe ucwaningo mabhuku lwangaphakathi kane (4) ngonyaka | 6 | 4 | 5 | 0 | Akubanga nambiko wezinto ezinqala ezitholakele |
| | Uhlelo lokuhlolwa kwezimo ezingcuphe kwenziwe kuphothulwe njalo ngonyaka | Kumele kuvezwe okungenani isilinganiso sama-10% ezinto ezisemqoka ezitholakele embikweni ngamunye wokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi | 0% | 10% | 0% | 10% | Akukho okubikiwe okubucayi okutholakele |
| | Uhlelo lokuhlolwa kwezimo ezingcuphe kwenziwe kuphothulwe njalo ngonyaka | Kufanele njalo ngonyaka kwenziwe umbiko owodwa(1) maqondana nokuhlolwa kwezimo ezingcuphe mhla zingama-30 kuMbasa | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |
| | Ukubuyekeza uhlelo lwe-IT (lwemisebenzi yezobuchwepheshe). Ukwenza ngcono ingqalasizinda ye-IT. Ukuhlinzeka ngezinsizakusebenza ze-IT kuyo yonke iminyango | Umbiko wanyanga zonke uveza ukwehla kokusebenza ngesilinganiso esingaphansi kwama-10% | 0% | 10% | 0% | 10% | Akukho ukungasebenzi kwemishini okubikiwe |
| 2.3 Impahla Engagudluki: Ukwenyusa izinga lokuphumelela ekuphathweni kwempahla engagudluki | Ukuqinisekisa ngokuhlola impahla engagudluki. Ukulungiswa kwerejista lempahla engagudluki kanye nokufakwa kwamagabelo (barcoding) empahleni entsha okwenziwa njalo ngenyanga | Ukuba khona kwerejista ephelele yempahla engagidluki ehambisana nemigomo yeNqubomgomo Yempahla Engagudluki mhla zingama-31 kuNdasa | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |
| 2.4 Ukulawulwa Kokuthengwa Nokusatshalaliswa Kwempahla (SCM): Ukuqinisa ukulandelwa kwemigomo yezinqubomgomo kanye neziqbubo ze-SCM | Ukuqalisa kokusebenza kwayo yonke imiyalelo yokusebenza kaMgcinimafa ngezikhathi ezibekiwe | Ukuqinisekisa ukuthi kuyaxoxwa ngayo yonke imiyalelo yokusebenza kaMgcinimafa nabasebenzi ezinsukwini ezingama-30 yamukelwe kuMgcinimafa. Kumele kube khona amaminithi alowo mhlangano noma kube khona i-imeyili efakazela lokhu | Ukulandelwa kwemigomo yomthetho ngokuphelele (100%) | Ukulandelwa kwemigomo yomthetho ngokuphelele (100%) | Ukulandelwa kwemigomo yomthetho ngokuphelele (100%) | 0 | n/a |
| 2.5 Ukwenza iSabelomali kanye Nokubika: Ukwenza ngcono izinga lokuphathwa kwezimali kanye nokulawula kwemali exhasa i-Playhouse Company | Ukuqapha isabelomali kanye nokuchaza ngomehluko oba khona nyangazonke kumbe njalo ngamakota | Umehluko wama-5% walokho okwenziwe uma kuqhathaniswa nesabelomali kumele ube nencazelo nyanga zonke | 12 | 12 | 12 | 0 | n/a |
| | Izabelomali zaminyaka yonke kumele zithunyelwe kwa-DAC mhla zingama-31 kuNcwaba; zingama-30 kuLwezi bese kuthi mhla ziyi-15 kuMasingana minyaka yonke kuthunyelwe esokugcina | Ama-akhawunti ezokuphatha anyanga zonke kumele athunyelwe kuBaphathi, kwi-FINCO kanye nakumalungu eKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokubusa ngomhla we-15 wanyanga zonke | 12 | 12 | 12 | 0 | n/a |
| | | Ama-akhawunti ezokuphatha amakota kumele athunyelwe kubabambiqhaza abasemqoka ezinsukwini ezingama-30 emva kwekota ngayinye | 4 | 4 | 4 | 0 | n/a |
| 2.6 INqubo yokuhlela izikweletu: ukuqhamuka nohlelo lokuqondisa inqubo yokubhekana nezikweletu ezimbi | Ukuqalisa uhlelo lokulawula izikweletu | Isilinganiso sama-90% sokuqoqwa kwezikweletu ngaphandle kwalezo ezithinta ezomthetho mhla zingama-31 kuNdasa | 100% | 90% | 100% | 10% | Zikhokhwe zonke izikweletu ngaphandle kwalezo ezithinta ezomthetho |

**Ukuxhumanisa ukwenziwa komsebenzi kanye nesabelomali**

| | 2019/2020 | | | 2018/2019 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Ukuphathwa Kwenkampani kanye Nezezimali | 15 935 | 15 180 | 758 | 15 432 | 15 241 | 192 |
| **Isamba** | **15 935** | **15 180** | **758** | **15 432** | **15 241** | **192** |

## 3.1.2. Uhlelo olungaphansi kolunye 1.2: Ezabasebenzi

**A. Inhloso Yohlelo** Ukuhlinzeka ngemisebenzi yokweseka abasebenzi benkampani

**B. Incazelo: B.1 Uhlaka** UMnyango Ezabasebenzi ulawula ezabasebenzi kanye nokulandelwa kwemigomo yemithetho ngabasebenzi

**B.2 IMinyango ebhekele ukwenza lo msebenzi** UMnyango Obhekele Ezabasebenzi

| Izinjongo zesu lokusebenza/ Imiphumela | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Ulwazi okususelwa kulo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zonyaka wezi-2019/2020 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zonyaka wezi-2020/2021 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zonyaka wezi-2021/2022 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zonyaka wezi-2022/2023 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zonyaka wezi-2023/2024 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 3. Ukweseka ngempumelelo kanye nokusebenzela ukufeza izidingo zabasebenzi benkampani | Ukuhlinzeka ngokuqeqeshelwa amakhono azoqinisekisa ukuthi kunabasebenzi abanamakhono adingekayo asezingeni eliphezulu | Ingxenye engama-91% yohlelo lokuqeqesha iqalile ukusebenza zingama-31 kuNdasa wezi-2019 | Ingxenye engama-90% yohlelo lokuqeqesha iqala ukusebenza zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | Ingxenye engama-90% yohlelo lokuqeqesha iqala ukusebenza zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | Ingxenye engama-90% yohlelo lokuqeqesha iqala ukusebenza zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | Ingxenye engama-90% yohlelo lokuqeqesha iqala ukusebenza zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | Ingxenye engama-90% yohlelo lokuqeqesha iqala ukusebenza zingama-31 kuNdasa minyaka yonke |
| | Ukwelekelela abaphathi ekuqaliseni uhlelo lokulawulwa kokwenziwa komsebenzi | Ukuhlolwa kwesikhashana kanye nokokugcina kokwenziwa komsebenzi kwenziwa ngesikhathi kuNdasa wezi-2019 | Izivumelwano zokwenza umsebenzi zenziwa mhla zingama-31 kuNdasa kuphinde kwenziwe uhlelo lokuhlola ukwenziwa komsebenzi kabili ngonyaka | Izivumelwano zokwenza umsebenzi zenziwa mhla zingama-31 kuNdasa kuphinde kwenziwe uhlelo lokuhlola ukwenziwa komsebenzi kabili ngonyaka | Izivumelwano zokwenza umsebenzi zenziwa mhla zingama-31 kuNdasa kuphinde kwenziwe uhlelo lokuhlola ukwenziwa komsebenzi kabili ngonyaka | Izivumelwano zokwenza umsebenzi zenziwa mhla zingama-31 kuNdasa kuphinde kwenziwe uhlelo lokuhlola ukwenziwa komsebenzi kabili ngonyaka | Izivumelwano zokwenza umsebenzi zenziwa mhla zingama-31 kuNdasa kuphinde kwenziwe uhlelo lokuhlola ukwenziwa komsebenzi kabili ngonyaka |

**Izinjongo zamasu okusebenza, izinkomba zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokuhlosiwe okwenziwe ngempela**

| Izinjongo zesu lokusebenza | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2018-2019 | Okuhlosiwe okuhleliwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2019-2020 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|
| 3. Ukweseka ngempumelelo kanye nokusebenzela ukufeza izidingo zabasebenzi benkampani | Okuzuziwe. Ingxenye engama-95% ohlelo lokuqeqesha yaphothulwa ngasekupheleni kuNdasa wezi-2019 | Ingxenye engama- 90% yohlelo lokuqeqesha iqalisa ukusebenza zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | Okuzuziwe. Kuphothulwe ama- 91% ohlelo lokuqeqesha ekupheleni kukaNdasa wezi-2020 | 9% | Abaphathi bayawubhekela umehluko we-9% obekhona |
| | Okuzuziwe. Ukubuyekezwa kwesigamu sokuqala sonyaka kwaphothulwa ngoMfumfu wezi- 2018, kanti ukubuyekezwa kwesibili kwaphothulwa ngoMbasa wezi-2019 | Izivumelwano zokwenza umsebenzi zenziwa mhla zingama-31 kuNdasa kuphinde kwenziwe uhlelo lokuhlola ukwenziwa komsebenzi kabili ngonyaka | Okuzuziwe. Ukubuyekezwa kwesigamu sokuqala sonyaka kwaphothulwa ngoMfumfu wezi-2019, kanti ukubuyekezwa kwesibili kwaphothulwa ngoMbasa wezi-2020 | Akukho | n/a |

### Izinkomba Ezinqala Zokwenziwa Komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokwenziwe ngempela

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2018-2019 | Okuhlosiwe okuhleliwe onyakeni wezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2019-2020 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 3.1 Ukuqinisekisa ukuqhubeka nokuqasha abasebenzi abanamakhono, ithalente futhi abanogqozi lokusebenza ukuze bakwazi ukuhlangabezana nezidingo zenkampani | Ukuqaliswa kokuqasha ngendlela efaneleyo, ukuqeqesha nokuthuthukisa kanye nokuphathwa kwamazinga okwenziwa komsebenzi | Ukulandela uhlelo olukhona njalo ngomhla lu-1 kuMasingana minyaka yonke, okungukuthi indlela yokuqasha, ukuqeqeshwa kanye nohlelo lokuthuthukiswa ngokunjalo nohlelo lokuhlolwa kokwenziwa komsebenzi | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |
| 3.2 Ukuphathwa, ukuqapha kanye nokuhlola ngempumelelo uhlelo lokuqasha abanye abasebenzi ezikhundleni zabanye | Ukubuyekeza minyaka yonke isibalo sabasebenzi abashiyayo emsebenzini nalabo abasekhona | Ukubika ngesibalo sabasebenzi abashiyayo emsebenzini nalabo abasekhona njalo ngenyanga | 12 | 12 | 12 | 0 | n/a |
| | | Izinga lezikhala zemisebenzi lingaphansi kwama-10% | 9.70% | 10% | 16% | 6% | Umehluko ngama-6% ubangelwe izidingo zokusebenza kanye |
| | | Ukubuyekeza izikhala zomsebenzi esezigcwqalisiwe ziqhathaniswa nalezo ezibekelwe isabelomali bese kubikwa ngazo emihlanganweni yabaphathi nyanga zonke | 12 | 12 | 12 | 0 | n/a |
| 3.3 Ukulandela imigomo yemithetho yokuQasha Ngokulingana | 1. Ukubuyekezwa koHlelo Lokuqasha Ngokulingana | Ukubika ngenqubekela phambili yohlelo lokuqasha ngokulingana iqhathaniswa nohlelo njalo kwekota | 4 | 4 | 4 | 0 | n/a |
| 3.4 Ukuqeqesha nokuthuthukisa | Ukuhlinzeka ngokuqeqeshelwa amakhono azohlomisa abasebenzi ukuze benze umsebenzi wabo ngendlela eseqophelweni eliphezulu | Ukusungula uhlelo lokuqeqesha lokuthuthukisa/isabelomali minyaka yonke kanye nokuqinisekisa ukuqalisa kokusebenza kwalo ekupheleni kukaNdasa minyaka yonke | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |
| | | Ingxenye engama-90% yohlelo lokuqeqesha kanye nesabelomali kuzobe sekuphothulwe ngempumelelo mhla zingama-31 kuNdasa waminyaka yonke | 95% | 90% | 91% | 9% | Ukuphathwa ngendlela efanele kohlelo kwenze ukuthi luqalise ukusebenza ngama-91% |
| | Ukunikezela ngethuba lokufunda umsebenzi ukuze kuhlonyiswe abaqeqeshwayo | Ukubhalisa okungenani abantu abane (4) abazoqeqeshwa bathole ithuba lokuba sendaweni yokusebenza | 10 | 4 | 9 | 5 | I-TPC seyivule ezinye izikhala eziyisithupha (5) zalabo abazoqeqeshwa |
| | Ukubuyekezwa kokwenziwa komsebenzi okwenziwa kabili ngonyaka kubo bonke abasebenzi | Ukuphothulwa kokubuyekezwa kokwenziwa komsebenzi kubo bonke abasebenzi okuzokwenziwa kabili ngonyaka | 2 | 2 | 2 | 0 | n/a |
| 3.5 Ukuqinisekisa isimo esizinzile sendawo yokusebenza kwe-IR | Ukuqapha nokubuyekeza ukuqondiswa kwezigwegwe kanye nezikhalo ezibikiwe | Ukubika ngokulalelwa kokuqondiswa kwezigwegwe okwenzekile njalo ngekota | 4 | 4 | 4 | 0 | n/a |
| | Ukwakhiwa kanye nokunakekelwa kophiko olubhekele ubudlelwano bokusebenzisana kubasebenzi enkampanini | Ukuhlangana kuxoxiswane ngezivumelwano zamaholo neSithangami Sezingxoxo Zamaholo Esididiyele | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |

### Ukuxhumanisa ukwenziwa komsebenzi nesabelomali

| | 2019/2020 | | | 2018/2019 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Ezabasebenzi | 3 003 | 2 506 | 497 | 2 918 | 3 389 | (471) |
| **Isamba** | **3 003** | **2 506** | **497** | **2 918** | **3 389** | **(471)** |

### 3.1.3. UHlelo olungaphansi kolunye 1.3: IMisebenzi Yokweseka

**A. Inhloso yohlelo** Ukuhlinzeka ngemisebenzi yokweseka ngengqalasizinda, imali yokuqalisa umsebenzi kanye nokuvikeleka

**B. Incazelo: B.1 Uhlaka** UMnyango Wemisebenzi Yokweseka lwesekwa ngumnyango wezokunakekela, indawo yokusebenzela eseMayville kanye nezokuvikeleka

**B.2 Iminyango ebhekele ukwenza lo misebenzi** UMnyango wemisebenzi yokweseka, indawo yokusebenzela eseMayville kanye nezokuvikeleka

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Ulwazi okususelwa kulo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2019/2020 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2020/2021 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2021/2022 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2022/2023 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2023/2024 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Ukuhlinzeka ngohlelo olusebenzayo, olusheshayo futhi oluphephile lokulawulwa kwempahla | Ukuhlanganisa uhlelo oluphelele lokweseka ingqalasizinda kanye nezokuphepha | Ukuba khona kohlelo lokweseka nokuphepha mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2019. Kwabikwa ngenqubekela phambili kuyo yonke imihlangano yabaphathi yanyanga zonke | Uhlelo oluphelele lokwesekwa kwengqalasizinda kanye nezokuphepha lube selukhona mhla lu-1 kuNhlolanja waminyaka yonke futhi kubikwe ngenqubekela phambili yanyanga zonke | Uhlelo oluphelele lokwesekwa kwengqalasizinda kanye nezokuphepha lube selukhona mhla lu-1 kuNhlolanja waminyaka yonke futhi kubikwe ngenqubekela phambili yanyanga zonke | Uhlelo oluphelele lokwesekwa kwengqalasizinda kanye nezokuphepha lube selukhona mhla lu-1 kuNhlolanja waminyaka yonke futhi kubikwe ngenqubekela phambili yanyanga zonke | Uhlelo oluphelele lokwesekwa kwengqalasizinda kanye nezokuphepha lube selukhona mhla lu-1 kuNhlolanja waminyaka yonke futhi kubikwe ngenqubekela phambili yanyanga zonke | Uhlelo oluphelele lokwesekwa kwengqalasizinda kanye nezokuphepha lube selukhona mhla lu-1 kuNhlolanja waminyaka yonke futhi kubikwe ngenqubekela phambili yanyanga zonke |

**Izinjongo zamasu okusebenza, izinkomba zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokuhlosiwe okwenziwe ngempela**

| Izinjongo zesu lokusebenza | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2018-2019 | Okuhlosiwe okuhleliwe onyakeni wezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2019-2020 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|
| Ukuhlinzeka ngohlelo olusebenzayo, olusheshayo futhi oluphephile lokulawulwa kwempahla | Okuzuziwe. Izinhlelo zokweseka kanye nezokuphepha ezavunywa mhla lu-1 kuNhlolanja. Kwabikwa ngenqubekela phambili kuyo yonke imihlangano yabaphathi yanyanga zonke | Uhlelo oluphelele lokwesekwa kwengqalasizinda kanye nezokuphepha lube selukhona mhla lu-1 kuNhlolanja waminyaka yonke futhi kubikwe ngenqubekela phambili yanyanga zonke | Okuzuziwe. Izinhlelo zokweseka kanye nezokuphepha zavunywa mhla lu-1 kuNhlolanja. Kwabikwa ngenqubekela phambili kuyo yonke imihlangano yabaphathi yanyanga zonke | Akukho | n/a |

**Izinkomba ezinqala zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokwenziwe ngempela**

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2018-2019 | Okuhlosiwe okuhleliwe onyakeni wezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2019-2020 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 4.1 Ukuhlinzeka ngemisebenzi esheshayo, eyimpumelelo futhi ephephile yokweseka ingqalasizinda | Ukuqhamuka kanye nokuqalisa kokusebenza ngesikhathi esifanele kohlelo olusheshayo futhi olunempumelelo lokunakekelwa kwezimoto, impahla yokusebenza kanye nezakhiwo mhla zingama-31 kuMasingana waminyaka yonke | Ukuba khona kohlelo olungujikelele lokunakekela olubhalwe lwasayinwa kanye namaminithi emihlangano yanyanga zonke yeminyango | 10 | 10 | 10 | 0 | n/a |
| 4.2 Ukuthola izimali zoxhaso zezindleko ezinkulu ngokuhlanganyela neSikhulu Esiphezulu (CEO) | Ukusungulwa nokuqalisa kokusenza koHlelo Lonyaka Lokulawula Ukusetshenziswa Kwemali Yoxhaso ukuze kufunwe uxhaso lwemali yemiklamo emikhulu | UHlelo Lonyaka Lokulawula Ukusetshenziswa Kwemali Yoxhaso Lokuqalisa Umsebenzi mhla zingama-31 kuMaisngana waminyaka yonke | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |
| 4.3 Ukugcina isimo sendawo yokusebenza sinempilo futhi siphephile | Ukuqhamuka kanye nokuqalisa ukusebenza kohlelo lwezempilo nokuphepha oluhambisana nemithetho yezeMpilo Nokuphepha | Ukubuyekeza uHlelo Lwezempilo Nokuphepha bese kuthunyelwa umbiko mhla zingama-31 kuNdasa | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |
| | | Imihlangano eba njalo ngekota yezeMpilo Nokuphepha enamaminithi aqoshiwe | 4 | 4 | 4 | 0 | n/a |
| 4.4 Ukuqikelela ukunakekelwa kahle kwezimoto ze-Playhouse | Ukubuyekeza, ukulungisa kanye nokuqalisa kokusebenza kohlelo lokunakekelwa kwezimoto | Uhlelo lokunakekelwa kwezimoto kufanele lube selukhona mhla lu-1 kuMbasa waminyaka yonke futhi luqalise ukusebenza njalo njalo | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |

**Ukuxhumanisa ukwenziwa komsebenzi nesabelomali**

| | 2019/2020 | | | 2018/2019 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Imisebenzi Yokweseka | 29 907 | 26 919 | 2 988 | 30 001 | 24 575 | 5 426 |
| **Isamba** | **29 907** | **26 919** | **2 988** | **30 001** | **24 575** | **5 426** |

## 3.2 UHlelo 2: Ukuthuthukiswa Kwamabhizinisi

### 3.2.1 UHlelo Olungaphansi kolunye 2.1: Ezobuciko, iziMakethe kanye Nemisebenzi Yezobuchwepheshe

**A. Inhloso yohelo** Ukudidiyela kanye nokwethulwa kwemibukiso, amakhonsathi kanye nemicimbi yezobuciko ngokweminxa ehlukahlukene

**B. Incazelo: B.1. Uhlaka** UMnyango Wezobuciko ubhekele ezobuciko kanye nezinhello zezokuphatha.

UMnyango Wezokumaketha lubhekele ezokuxhumana kanye nokudayisa.

UMnyango Wemisebenzi Yezobuchwepheshe lubhekele ukuxhunywa kwesiteji ngobuchule

**B.2. IMinyango ebhekele ukwenza lo msebenzi** uMnyango Wezobuciko, oWezokumaketha kanye Nowemisebenzi Yezobuchwepheshe

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Ulwazi okususelwa kulo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2019-2020 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2020-2021 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2021-2022 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2022-2023 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2023-2024 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Ukudidiyela kanye nokwethulwa kwemibukiso ehlukene yezobuciko, ethokozisayo futhi efundisayo | Ukusungula uHlelo Lonyaka Lwezobuciko olubandakanya imibukiso ehlelekile nethuthukisayo | UHlelo Lwezobuciko lonyaka ophele mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2018 oluphothulwe mhla zingama-31 kuMasingana wezi-2018 | Ukuba khona koHlelo Lwezobuciko oseluphothuliwe mhla zingama-28 kuNhlolanja | Ukuba khona koHlelo Lwezobuciko oseluphothuliwe mhla zingama-28 kuNhlolanja | Ukuba khona koHlelo Lwezobuciko oseluphothuliwe mhla zingama-28 kuNhlolanja | Ukuba khona koHlelo Lwezobuciko oseluphothuliwe mhla zingama-28 kuNhlolanja | Ukuba khona koHlelo Lwezobuciko oseluphothuliwe mhla zingama-28 kuNhlolanja |

**Izinjongo zamasu okusebenza, izinkomba zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokuhlosiwe okwenziwe ngempela**

| Izinjongo zesu lokusebenza | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2018-2019 | Okuhlosiwe okuhleliwe onyakeni wezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2019-2020 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|
| Ukudidiyela kanye nokwethulwa kwemibukiso ehlelekile futhi efundisayo | Okwenziwe. Kwaphothulwa uHlelo Lonyaka Lwezobuciko zingama-31 kuMasingana | Ukuba khona koHlelo Lwezobuciko oseluphothuliwe mhla zingama- 31 kuMasingana | Okwenziwe. Kwaphothulwa uHlelo Lonyaka Lwezobuciko zingama-31 kuMasingana | Akukho | n/a |

**Izinkomba ezinqala zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokwenziwe ngempela**

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2018-2019 | Okuhlosiwe okuhleliwe onyakeni wezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2019-2020 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 1.1 Ukudidiyela kanye nokwethula imibukiso yezobuciko, ejabulisayo futhi efundisayo (kuncike ekutheni ikhona yini imali) | Ukusungula uHlelo Lonyaka Lwezobuciko. (AAP) | UHlelo Lonyaka Lwezobuciko oluphothulwe mhla zingama-31 kuMasingana, luzobandakanya lokhu okulandelayo: | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |
| | Ukuqalisa kokusebenza koHlelo Lonyaka Lwezobuciko zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | a) Imidlalo/umculo wesintu | 2 | 2 | 1 | (1) | Umbukiso wangoNdasa wezi-2020 uhlehlisiwe ngenxa yoKhuvethe (i-Covid-19) |

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2018-2019 | Okuhlosiwe okuhleliwe onyakeni wezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2019-2020 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 1.1 Ukudidiyela kanye nokwethula imibukiso yezobuciko, ejabulisayo futhi efundisayo (kuncike ekutheni ikhona yini imali) | Ukuqalisa kokusebenza koHlelo Lonyaka Lwezobuciko zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | b) Imidlalo emisha yasesiteji | 15 | 4 | 6 | 2 | Kwenziwa imibukiso eyengeziwe ngenxa yokuthi izihlwele kanye namaciko ayedinga engaphezu kweyayihleliwe |
| | | c) Idili Lezobuciko Labesifazane baseNingizimu Afrika | 10 | 10 | 10 | 0 | n/a |
| | | d) Schools Programmes | 4 | 2 | 3 | 1 | Kwenziwa imibukiso eyengeziwe ngenxa yokuthi izikole zazidinga engaphezu kweyayihleliwe |
| | | e) UMhabulo Wezobuciko | 14 | 13 | 13 | 0 | n/a |
| | | f) Isikhathi samaholide kaKhisimusi | 3 | 2 | 5 | 3 | Kwethulwe eminye imibukiso engeziwe ngenxa yesidingo esikhulu ebesivela kuzethameli kanye namaciko |
| | | g) IMibukiso kanye Nemicimbi eyenziwa ngokuhlanganyela | 16 | 12 | 30 | 18 | Kwavuleka amathuba okwelekelela abasebenzi bezobuciko abengeziwekanye nabadidiyeli kube kungekho zindleko ezengeziweno |
| | | h) UHlelo Lomphakathi Lokuhlomisana Ngolwazi Kwezobuciko | 2 | 1 | 1 | 0 | n/a |
| | | i) Imibukiso kanye Nemicimbi eyenziwa ngabaqashwe ngaphandle i) | 59 | 45 | 60 | 15 | Isidingo sezindawo sedlule lokho obekulindelekile |
| | | j) Imibukiso eyenziwa esiteji esingumahambanendlwana | 60 | 40 | 72 | 32 | Kwavuleka amathuba okwethula imibukiso eminingi eziteji ezingomahambanendlwana ezikoleni ezehlukene |
| | | k) Imibukiso yantambama emva komsebenzi (Sundowners) | 17 | 15 | 17 | 2 | Kwenziwa imibukiso eyengeziwe ngenyanga kaNhlaba May ukuze kusatshalaliswe izinhlelo ezikhona |
| 1.2 Ukuqinisekisa ukulingana ezinhlelweni zezobuciko | AAP ukuqinisekisa ukuthi okungenani bangama-80% abantu ababencisheke amathuba phambilini baba yingxenye yezinhlelo zethu njalo ngonyaka | Ithimba eluhlunga kwezobuciko kanye nokubuyekezwa okwenziwa ngontanga ukuze kuqinisekiswe ukuthi bangama-80% abantu ababencisheke amathuba phambilini baba yingxenye yezinhlelo zethu njalo ngonyaka | 81% | 80% | 93% | 13% | Ukwenziwa kwemibukiso eyengeziwe kwasenza sakwazi ukwenyusa izinga lokufinyelela kubantu ababencisheke amathuba phambilini |
| 1.3 Ukwenzela i-Playhouse Company igama nokuyikhulisa, ukumaketha imibukiso edidiyelwe ngaphakathi kanye nokuzama ukuthola uxhaso lwemibukiso nokusebenzisana | Ukwakha ubudlelwano bokusebenzisana nabemithombo yokwazisa | Ukufuna olunye uxhaso ngaphandle kwemali olungabalelwa emalini engekho ngaphansi kwama-R 250 000 ngonyaka | R 922 760 | R 250 000 | R 320 000 | R 70 000 | I-The Playhouse Company yathola ukwesekwa okumangalisayo kulabo abahlinzeka ngempahla nemisebenzi |
| | Ukusungula imikhankaso yokumaketha imibukiso eyenziwa e- The Playhouse Company | Uhlelo lwezokumaketha okufanele lube seluphothuliwe zingama-31st kuMasingana waminyaka yonke | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |
| | Ukuqinisa ubudlelwano/ ukusebenzisana nababambiqhaza abafanele | Ukuba khona kohlelo lokulawula ababambiqhaza mhla zingama-31 kuMasingana waminyaka yonke | 1 | 1 | 1 | 0 | n/a |

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2018-2019 | Okuhlosiwe okuhleliwe onyakeni wezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2019-2020 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 1.4 Ukuqinisekisa ukuthi sinabo abantu abazobukela imibukiso yethu ngokuthi siqalise ukusebenza kohlelo lwezobuciko | Abantu abethamela imibukiso yethu cishe bafinyelela ezi-250 000 ngonyaka(abakhokhayo nabangakhokhi) | Abantu abethamela imibukiso yethu kanye nemibiko yokudayisa ikhomba ukuthi bafinyelela ezi-250 000 ngonyaka(abakhokhayo nabangakhokhi) | 218 997 | 250 000 | 183 151 | (66 489) | Imibukiso emikhulu eyenzeka ekupheleni konyaka yahlehliswa ngenxa yezimo ebezingalindelekile ebezibhekene nabakhiqizi bemibukiso, kanti futhi ukumenyezelwa komvalelandlini ngenxa yoKhuvethe kwaholela ukuthi eminye imibukiso ihlehliswe ngoNdasa wezi-2020 |
| | Ababukeli abakhokhayo abethamela imibukiso yethu cishe bafinyelela ezi- 45 000 ngonyaka | Abantu abethamela imibukiso yethu kanye nemibiko yokudayisa ikhomba ukuthi bafinyelela ezi-45 000 ngonyaka ababukeli abakhokhayo | 81 307 | 45 000 | 71 651 | 26 651 | Isibalo sabantu abathenga amathikithi okuyobuka imibukiso yethu seva kuleso esasilindelekile |
| 1.5 Imisebenzi Yezobuchwepheshe Yasesiteji: Ukuqinisekisa ukuthi zonke izindawo zemidlalo yeshashalazi kanye nezinsizakusebenza, uMsindo, ukuKhanyisa, IMpahla Yokugqoka kanye neSitudyo Sokurekhoda kumi ngomumo | Ukubuyekeza kanye nokuqalisa kokusebenza kwezinhlelo zokunakekela zonke izindawo kanye nezinsizakusebenza zobuciko: uMsindo, ukuKhanyisa, iMpahla Yokugqoka kanye neSitudyo Sokuqopha | Ukuba khona kombiko wanyanga zonke wokunakekela onobufakazi bokwenziwa ngcono kwazo zonke Izindawo kanye nezinsizakusebenza, uMsindo, ukuKhanyisa, iMpahla Yokugqoka kanye neSitudyo Sokuqopha | 12 | 12 | 12 | 0 | n/a |
| 1.6 Ukwenza umsebenzi osezingeni eliphezulu wokwamukela nokunakekela amakhasimende ekuNgeneni | Ukwenza uhlelo oluqhubekayo lokuhlola ukweneliseka kwamakhasimende | UMbiko Wonyaka Ngokuhlolwa Kokweneliseka Kwamakhasimende okwenziwa nyanga zonke | 12 | 12 | 12 | 0 | n/a |

**Ukuxhumanisa ukwenziwa komsebenzi nesabelomali**

| | 2019/2020 | | | 2018/2019 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| 1. Imisebenzi Yezobuciko kanye Neyezobuchwepheshe | 34 022 | 30 418 | 3 604 | 39 314 | 37 334 | 1 980 |
| **Isamba** | **34 022** | **30 418** | **3 604** | **39 314** | **37 334** | **1 980** |

## 3.3. UHlelo 3: Imali Engenayo

**A. Inhloso yohlelo** — Ukwenza kube khona imali engenayo ethe xaxa.

**B. Incazelo: B.1 UHlaka** — Umnyango wezezimali ubhekele imali engena ngokutshalwa kwezimali, umnyango wezobuciko ngemali yemibukiso eqondene nezobuciko kanye nomyango wemisebenzi yokweseka ngemali yerenti, yempahla yokugqoka esiteji, yemidlalo kanye nengena ngezinto ezisetshenziswa esiteji.

**B.2 IMinyango eqondene** — uMnyango wezezimali, owezobuciko kanye nowemisebenzi yokweseka

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Ulwazi okususelwa kulo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2019-2020 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2020-2021 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2021-2022 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2022-2023 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi- 2023-2024 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Ukwandisa imithombo lapho inkampani ithola khona imali | Ukuqoqa uxhasomali lwengqalasizinda kanye nezinye izidingo zenkampani emithonjeni eyehlukahlukene ukuze lezo zimali zifakwe ohlelweni lwesabelomali sonyaka | Isabelomali esesiphothuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali sivunywe nguMkhandlu mhla zingama-31 kuMasingana wezi-2019 | Ukuphothulwa kwesabelomali esifaka nemithombo exhase ngemali mhla zingama-31 kuMasingana | Ukuphothulwa kwesabelomali esifaka nemithombo exhase ngemali mhla zingama-31 kuMasingana | Ukuphothulwa kwesabelomali esifaka nemithombo exhase ngemali mhla zingama-31 kuMasingana | Ukuphothulwa kwesabelomali esifaka nemithombo exhase ngemali mhla zingama-31 kuMasingana | Ukuphothulwa kwesabelomali esifaka nemithombo exhase ngemali mhla zingama-31 kuMasingana |

**Izinjongo zamasu okusebenza, izinkomba zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokuhlosiwe okwenziwe ngempela**

| Izinjongo zesu lokusebenza | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2018-2019 | Okuhlosiwe okuhleliwe onyakeni wezi- 2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2019-2020 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|
| Ukwandisa imithombo lapho inkampani ithola khona imali | Okuzuziwe. Isabelomali esesiphothuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali sifakiwe kwisabelomali esavunywa uMkhandlu ngoMasingana | Isabelomali esesiphothuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali mhla zingama- 31 kuMasingana | Okuzuziwe. Isabelomali esesiphothuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali sifakiwe kwisabelomali esavunywa uMkhandlu ngoMasingana | Akukho | n/a |

**Izinkomba ezinqala zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokwenziwe ngempela**

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi- 2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2018-2019 | Okuhlosiwe okuhleliwe onyakeni wezi-2019-2020 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2019-2020 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2019-2020 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 5.1 Ukwandisa imithombo emikhulu engenisa imali | Ukuhlanganisa kanye nokuqalisa kokusebenza kohlelo oluphelele lwemali enkulu engenayo | U-CFO kumele ahlanganise imali enkulu engenile ukuze lbe yingxenye yesabelomali, esizobe sesikhona mhla zingama-31 kuMasingana waminyaka yonke | 2 | 2 | 2 | 0 | n/a |
| 5.2 Ukutshalwa kwezimali: Imali eziyinzuzo engene ngenxa yokutshalwa kwezimali iqinisekisa ululandelwa kwemigomo yeNqubomgomo Yokutshalwa Kwezimali | Ukutshala Imali emabhange amakhulu ezweni ngezilinganiso zamanani enzuzo ezingaphansi kwama 5% | Ukuthola amabhange amakhulu okuzotshalwa kuwo imali ngezilinganiso zamanani enzuzo ezingaphezu kwamanani abekiwe kususwe ama -5% | Yes | Yes | Yes | 0 | n/a |
| 5.3 Imali engenile ngenxa yokuqashisela abantu bangaphandle ngeziteji | Ukusungula kuphinde kuqalise ukusebenza kohlelo ukuze kuphunyeleliswe isabelomali esihlosiwe esakhelwe ukuqashisela abantu bangaphandle ngezindawo zemidlalo yeshashalazi | Ukuqashwa kwendawo yemidlalo yeshashalazi ngabantu bangaphandle ukuze kufinyelelwe kuma-90% emali ehlelwe ukuba ingene ngonyaka | 496% | 90% | 353% | 263% | Isidingo sezindawo zemibukiso saba ngaphezu kwalokho okulindelekile |
| 5.4 Abaqashile, Izimpahla zokugqoka, imidlalo kanye nezinto ezisetshenziswa ngabalingisi esiteji (Props) | Ukuqinisekisa ukuthi kunemali engenayo ngokuqashwa kwendawo yokusebenzela, impahla yokugqoka uma kunemidlalo yasesteji, imidlalo kanye nezinto ezisetshenziswa esiteji, lokhu kufanele kuhambisane nokuhlosiwe okuhlelelwe kwisabelomali | Abaqashile, ukuqashisa ngempahla yokugqoka esiteji, imidlalo kanye nezinto ezisetshenziswa esiteji ukuze kufinyelelwe kuma-75% emali ehlelwe ukuba ingene ngonyaka | 76% | 75% | 103% | 28% | Isidingo sendawo yokusebenzela, impahla egqokwa esiteji, imidlalo kanye nezinto ezisetshenziswa esiteji kweqa esidingweni uma kuqhathaniswa neminyaka ephambili |
| 5.5 Ihhovisi elithengisa amathikithi | Ukuqinisekisa ukuthi imali engena ngenxa yokuthengiswa kwamathikithi iyahambisana nokuhlosiwe okukusabelomali esenziwe | Ukudayiswa kwamathikithi kwafinyelela kuma-90% email engenile kwisabelomali | 135% | 90% | 123% | 33% | Isibalo sabantu abathenga amathikithi okuyobuka imibukiso yethu seva kuleso esasilindelekile |

**Ukuxhumanisa ukwenziwa komsebenzi nesabelomali**

| | 2019/2020 | | | 2018/2019 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Ukuhlanganiswa Kwemali Engenile | 11 476 | 14 380 | (2 905) | 16 449 | 17 754 | (1 305) |
| **Isamba** | **11 476** | **14 380** | **(2 905)** | **16 449** | **17 754** | **(1 305)** |

# 4. Ulwazi Olufingqiwe Lwezezimali

## 4.1. Ukuqoqwa kwemali engenayo

| | 2019/2020 | | | 2018/2019 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Izibonelelo – Imali Yokusebenza | 60 890 | 63 126 | (2 236) | 57 931 | 57 931 | 0 |
| Izibonelelo – Imali Yokuqalisa Umsebenzi | 6 537 | 951 | 5 586 | 31 852 | 27 840 | 4 012 |
| Imali engenayo | 6 207 | 6 799 | (592) | 6 502 | 7 036 | (534) |
| Imali engeniswa yimibukiso | 3 038 | 3 744 | (706) | 2 893 | 3 898 | (1 005) |
| Imali yerenti | 495 | 550 | (55) | 471 | 577 | (106) |
| Ukuqasha ngempahla yokugqoka esiteji, ukuhlobisa kanye nempahla esetshenziswa esiteji | 326 | 388 | (62) | 608 | 321 | 287 |
| Imali etholakale ngezinye izinto | 1 332 | 1 429 | (97) | 1 824 | 2 302 | (478) |
| iStudiyo sokurekhoda | 78 | 120 | (42) | 360 | 58 | 302 |
| Imali yoxhaso engenile | 0 | 1 350 | (1 350) | 3 791 | 3 562 | 230 |
| **Total** | **78 903** | **78 457** | **445** | **106 232** | **103 525** | **2 707** |

## 4.2. Imali esetshenziselwe izinhlelo

| Igama loHlelo | 2019/2020 | | | 2018/2019 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Imisebenzi yezobuciko kanye nemisebenzi yezobuchwepheshe | 34 022 | 30 418 | 3 604 | 39 314 | 37 334 | 1 980 |
| Ukwenganyelwa kwebhizinisi kanye nezezimali | 15 938 | 15 180 | 758 | 15 432 | 15 241 | 192 |
| Ezabasebenzi | 3 025 | 3 003 | 2 506 | 2 918 | 3 389 | (471) |
| Imisebenzi yokweseka | 29 907 | 26 919 | 2 988 | 30 001 | 24 575 | 5 426 |
| **Isamba** | **82 870** | **75 023** | **7 848** | **87 665** | **80 539** | **7 126** |

| Imiklamo Yengqalasizinda | 2019/2020 | | | 2018/2019 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Impahla yokusebenza yasehhovisi | 300 | 412 | (112) | 725 | 642 | 83 |
| Amakhompyutha | 1 115 | 1 253 | (139) | 553 | 433 | 120 |
| Izakhiwo | 22 272 | 1 184 | 21 087 | 43 128 | 27 364 | 15 764 |
| ISiteji kanye nenye impahla yokusebenza | 3 280 | 3 141 | 139 | 3 327 | 344 | 2 983 |
| **Isamba** | **26 966** | **5 990** | **20 976** | **47 732** | **28 783** | **18 949** |

# INGXENYE C: UKWENGAMELA

## 1. Isingeniso

Ukwenganyelwa kwesikhungo kuhlanganisa izinqubo nezinhlelo ezilawula, ziqondise ukusebenza kwe-Playhouse Company. Ngaphezu kwezidingo zemithetho okususelwe kuzo imithetho esebenza ngaphansi kwayo i-Playhouse Company, ukwenganyelwa kwesikhungo maqondana ne-Palyhouse Company kwenziwa ngokulandela okushiwo nguMthetho Wezokuphathwa Kwemali kaHulumeni (PFMA), kuhambisana nemigomo equkethwe eMbikweni ka-King maqondana noKwenganyelwa Kwesikhungo (i-King's Report on Corporate Governance).

IPhalamende, iSigungu Esiphezulu kanye neSikhulu Esinesibopho Sokubika sohlaka lukahulumeni babhekele ukwenganyelwa kwesikhungo.

I-Playhouse Company ayibanga nawo umhlangano neKomidi Elibhekele Ukusebenza koMnyango Wezobuciko Namasiko.

## 2. UMkhandlu

### 2.1. Imisebenzi yoMkhandlu

Imisebenzi yoMkhandlu yile:

- Ukuhlanganisa inqubomgomo;
- Ukugcina, ukulondoloza kanye nokuvikela yonke impahla ekhona yanoma yiluphi uhlobo ngaphansi kweso, ebolekiwe kumbe engeye- Playhouse Company;
- Ukwamukela, ugcine, ulondoloze futhi uvikele lonke uhlobo lwempahla yokukhangisa kanye nanoma iyiphi impahla egudlulekayo eqoqelwe ukuba ibe ngaphansi kweso lawo nabaphathi ngaphansi kweSigaba-10 soMthetho we- CI 10 (1);
- Ukwenza izinhlelo zokuthola uxhaso oluzosiza i- Playhouse Company;
- Ukuphatha nokulawula imali eyamukelwa yi-Playhouse Company kanye nokusebenzisa leyo mali ukukhokhela izindleko zokwenziwa kwemisebenzi yayo;
- Ukugcina ama-rekhodi afanele ayo yonke impahla ye-Playhouse Company kanye nokuthumela kuMqondisi-Jikelele nanoma ulwazi azobe eludinga olumaqondana nezimali ezizuziwe kanye nokwenza ukuthi amabhuku ama-akhawunti agcinwe ngendlela efanele;
- Ukunquma kanye nokushintsha uMthetho we-CI bese kuthi ngemvume kaNgqongqoshe Kazwelonke ube ngumsebenzi wesikhungo esimenyezelwe; kanye
- Nokwenza imisebenzi nezinhloso zesikhungo esimenyezelwe.

UMkhandlu unganquma amahora nemibandela umphakathi ongavakashela i-Playhouse Company ngaphansi kwayo.

UMkhandlu unamandla okuqasha labo bantu obona befanelekile ukwenza imisebenzi yase-Playhouse Company. Ukunqunywa kwamaholo kanye nemigomo nemibandela yomsebenzi kufanele kuhambisane nohlelo olwavunywa nguNgqongqoshe Kazwelonke ngokuxoxisana noNgqongqoshe Kazwelonke Wezezimali.

## Ukwakheka kweBhodi

| Igama | Usuku Lokuqokwa | Usuku Lokushiya Esikhundleni | Iziqu Zemfundo | Umkhakha Anamava kuwo | Inani lemihlangano Ehanjelwe | Iholo |
|---|---|---|---|---|---|---|
| UNk Hlengiwe Christophina Mgabadeli *Usihlalo weBhodi* | 1 kuZibandlela 2017 | | BA Social Work, Honours in Sociology | Ukusingathwa Kwezemisebenzi Yomphakathi kanye nezokuphathwa kwehhovisi | 5 | 50 726 |
| uMnu Sathie Gounden | 1 kuZibandlela 2017 | | CA (SA) | Ezezimali. Ezokulawulwa kwezimo eziyingcuphe, ezokwengamela isikhungo kanye nokucwaningwa kwamabhuku | 5 | 27 872 |
| Ms Siphesihle Ndlela | 1 kuZibandlela 2017 | | BA Communications (UNISA) Hotel Management (ND) Durban Hotel School | Ukuxhumana namakhasimende kanye nabemithombo yezokwazisa nokumakethe | 4 | 19 162 |
| UNk Linda Zama | 1 kuZibandlela 2017 | | BA, LLB degrees | Ezomthetho, Ezokwengamela kanye Nokuphathwa kweHhovisi | 2 | 0 |
| uMnu Abia Litheko | 1 kuZibandlela 2017 | | | | 6 | 31 586 |
| UNk Thandeka Mngadi | 1 kuZibandlela 2017 | | BA Humanities; MA Humanities | Ukuphathwa kweHhovisi kanye NokuPhatha Kwezindaba Zabasebenzi | 6 | 31 586 |
| uMnu Nkosinathi Mbele | 11 kuZibandlela 2018 | | | Ungoti kwezokuthuthukiswa komphakathi kanye Nomnotho, ezoBuchwepheshe Bezokuxhumana Nokunikezela Ngolwazi Nezezindwangu | 6 | 31 586 |
| uMnu Fezile Wetes | 11 kuZibandlela 2018 | | BA Degree; Advanced Diploma in Labour Law; Advanced Diploma in Management; Graduate Diploma in Company Direction; BCom Honours in Human Resources Management | | 4 | 0 |
| UNk Lebogang Matlala | 11 kuZibandlela 2018 | | CA (SA) | Ezezimali. Ezokulawulwa kwezimo eziyingcuphe, ezokwengamela isikhungo kanye nokucwaningwa kwamabhuku, ezokwenganyelwa kokuthengwa nokusatshalaliswa kwempahla, ezamasu okusebenza | 1 | 0 |
| UNk Khwezi BL Kunene | 22 kuNhlaba 2018 | | BSc Property Development | Uyi-quantity surveyor, aphinde abhekane kwenganyelwa kwezinkontileka | 6 | 0 |

## Amakomidi eBhodi

| Amalungu | Ikomidi Lezezimali kanye Nokuthengwa Kwempahla | IKomidi Lezokucwaningwa Kwambhuku kanye Nokwengamela | IKomidi Elibhekele Ezabasebenzi | IKomidi Elibhekele Ezobuciko kanye Nokuqokelelwa Kwezimali |
|---|---|---|---|---|
| UNk Hlengiwe Christophina Mgabadeli | | | | |
| UMnu Sathie Gounden | ✓ | | ✓ | |
| UNk Siphesihle Ndlela | ✓ | | | ✓ |
| UNk Linda Zama | | ✓ | | |
| UMnu Abia Litheko | ✓ | | ✓ | |
| UNk Thandeka Mngadi | | | ✓ | ✓ |
| UMnu Nkosinathi Mbele | | ✓ | | |
| UMnu Fezile Wetes | | | ✓ | ✓ |
| UNk Khwezi BL Kunene | ✓ | | ✓ | |
| UNk L Matlala | ✓ | | | ✓ |

# 3. Ukulawulwa Kwezimo Ezingcuphe

I-Playhouse Company inayo inqubomgomo ebhekele ukulawula izimo ezingcuphe okuyiyona ehlahla indlela mayelana nenqubo yokuhlonza kanye nokulawula izimo ezingcuphe. Le nqubomgomo ibuyekezwa njalo ngonyaka. Ukulawulwa kwezimo ezingcuphe kuyinqubo lapho iSikhulu Esinesibopho Sokubika, iSikhulu Esiphezulu Kwezezimali kanye nabanye abaphathi abaphezulu be-Playhouse Company benenjongo yokusukumela phezulu bahlonze njalo izimo ezingcuphe ezikhona manje ebhizinisini kanye nalezo ezisafufusa, kwezezimali kanye nasemsebenzini futhi bahlonze izindlela ezifanele ngokomsebenzi nezongayo zokulawula lezo zimo ezingcuphe.

Indlela enempumelelo yokulawulwa kwezimo ezingcuphe isemqoka kakhulu e-Playhouse Company ukuze ikwazi ukwenza umsebenzi ejutshelwe ukuba iwenze ngokuhambisana nalokho okulindelekile ekunikezeleni ngezidingo emphakathini kanye nalokho okulindelwe yi-DAC maqondana nokwenziwa komsebenzi.

Irejista lezimo ezingcuphe libuyekezwa njalo ngonyaka emva komsebenzi ojulile wokuhlonzwa kwezimo ezingcuphe owenziwa ngabaphathi kanye nazo zonke izinhlaka ezengamele. Le rejista isetshenziselwa ukuhlahla indlela yohlelo lweminyaka emithathu lokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi olubuyekezwa luvunywe yiKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku Nokwengamela kanye noMkhandlu.

Inqubekela phambili ezindleleni zokwenza ngcono ukulawulwa kwezimo ezingcuphe ezihlonziwe iqashwa njalo emihlanganweni yanyanga zonke yabaphathi.

# 4. Uphiko Olubhekele Ukulawula Kwangaphakathi

Ukulawula kwangaphakathi kungumsebenzi waleyo naleyo menenja. Sinezinqubomgomo kanye nezinqubo ezilandelwayo ezisetshenziselwa ukunquma izindlela zangaphakathi, izinqubomgomo zibuyekezwa njalo ngonyaka ukuqinisekisa ukuthi zisalungile futhi zisahambisana nemithetho kanye nemithethonqubo. Abaphathi basebenzisa lokho okutholwe ngabacwaningimabhuku maqondana nokulawula kwangaphakathi ukuze benze ngcono indlela yokulawula ngaphakathi.

# 5. Umsebenzi Wokucwaninga Kwamabhuku Kwangaphakathi

I-Playhouse Company inoMqulu Wokucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi obuyekezwa njalo ngonyaka. Lo Mqulu wenziwa ukuze kuchazwe isimo senkampani, izinjongo, amagunya kanye nesibopho sokubika mayelana nemisebenzi eqashwa kubantu bangaphandle kanye nokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi. Umsebenzi wokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi ulawulwa yizihlinzeko zeSigaba 3.2 seMithethonqubo kaMgcinimafa kanye neSigaba 38(1)(a)(i) kanye no- 76(4)(e) se-PFMA futhi kusemqoka kakhulu ekwesekeni ukwenganyelwa kwe- Playhouse Company

Inhlosongqangi yomsebenzi wokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi e- Playhouse Company wukunikeza isiqiniseko esingenamibandela kanye nokweluleka ngezinhlelo zokulawula kwangaphakathi, ukulawulwa kwezimo ezingcuphe kanye nezinqubo zokwengamela, ngokunjalo nokusebenza kanye nokwenziwa komsebenzi e-Playhouse Company ngokwemithetho, imithethonqubo kanye nezinqubomgomo.

Kafushane ngemisebenzi eyenziwe kulo nyaka wezimali kanye nohlelo oluvunyiwe lokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi:

1. Ukuhlola i-CAAT Emaqondana Nokuthengwa Kwempahla kanye Nokuhholela Abasebenzi
2. Ukubuyekeza Ukuphathwa Kwempahla
3. Ukubuyekeza Kokuphthwa Kophiko Lwabasebenzi
4. Impilo Nokuphepha Kwabasebenzi Emsebenzini
5. Ukubuyekeza Kolwazi olumaqondana Nokwenziwa Komsebenzi

# 6. Ikomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku Nokwengamela

I-Playhouse Company inoMqulu weKomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku Nokwengamela obuyekezwa njalo ngonyaka.

Inhlosongqangi yeKomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku Nokwengamela wukwelekelela uMkhandlu ekwenzeni umsebenzi wawo omaqondana nokuqapha ukuphepha kwempahla, ukuqhutshwa kwezinhlelo ezifanele, inqubo yokulawula kanye nokwenziwa kwemibiko eyiqiniso yezezimali kanye nezitatimende zezimali ezihambisana nezidingo zemithetho esebenzayo kanye namazinga okugcinwa kwamabhuku ezimali.

IKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku nokwengamela:

1. Liba yiso, ukuhlela kanye nokuncoma izinga lokucwaningwa kwamabhuku okwenziwa yizikhungo zabacwaningi mabhuku bangaphandle  nabangaphakathi;
2. Ukunakekela, ngokuthi kuhlelwe imihlangano njalo, ukuvula imigudu yezokuxhumana eMkhandlwini, abacwaningi mabhuku bangaphakathi nabangaphandle babelane ngemibono nolwazi, ngokunjalo nokuqinisekisa igunya labo kanye nemisebenzi yabo;
3. Ukusebenza ngokuzimela nokuba wuhlaka olungachemile olubuyekeza imininingwane yezezimali elethwe ngabaphathi;
4. Ukubuyekeza  ukuthi izindlela zokubika kanye nezokugcina amabhuku ezimali ezisetshenziswayo zenele yini; kanye
5. Nokuhlinzeka ngemigudu evulelekile yezokuxhumana phakathi kwabacwaningi mabhuku bangaphakathi nabangaphandle kanye noMkhandlu.

# 7. Ukuhambisana Nemigomo Yemithetho Kanye Nemithethonqubo

NgokweSigaba 4 soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, i-Playhouse Company iwuhlaka oluyibhizinisi ngakho-ke i-Playhouse, uMkhandlu kanye nawo wonke amalungu balindeleke ukuba balandele imigomo yokwenganyelwa okuhle kwesikhungo kanye nayo yonke Imithetho kanye nemithethonqubo.

Abaphathi be- Playhouse Company bayabika njalo ngekwata maqondana nokulandelwa kwemigomo yemithetho. Uhlu lokuhlola ukuthi iyalandelwa imigomo ye-PFMA selwenziwe futhi kuyabikwa eMkhandlwini nasemakomidini awo amancane uma kukhona lapho  ingalandelwanga khona imigomo yomthetho.

# 8. Inkohlakalo Nokukhwabanisa

I-Playhouse Company inalo uhlelo lokunqanda inkohlakalo. Lolu hlelo lubuyekezwa njalo ngonyaka.

Lolu hlelo lweseka kakhulu izinhlelo zokunqanda inkohlakalo ngaphakathi e-Playhouse Company. Izinjongo zalolu hlelo yilezi:

1. Ukuhlinzeka ngomhlahlandlela ekunqandeni, ekuhlonzeni kanye nasekubikeni ngezenzo zenkohlakalo;
2. Ukugqugquzela isiko lapho bonke abasebenzi kanye nababambiqhaza beqhubeka khona nokuziphatha ngendlela eyamukelekayo uma benza imisebenzi yabo ne-Playhouse Company kumbe egameni layo.
3. Ukukhuthaza bonke abasebenzi kanye nababambiqhaza ukuba balwele ukunqanda nokukhomba inkohlakalo enomthelela kumbe engahle ibe nomthelela ongemuhle kwi-Playhouse Company
4. Ukukhuthaza bonke abasebenzi nababambiqhaza ukuba babike ngezenzo ezisolisayo zenkohlakalo ngale kokwesaba ukuthi obikiwe angase aziphindiselele; kanye
5. Nokuhlinzeka ngenkundla eyodwa ezobhekela ukwabiwa kwamandla kanye nesibopho sokubika.

# 9. Ukunciphisa Ukushayisana Kwentshisekelo

Abaphathi kanye nabasebenzi bophiko lwezezimali njalo ngonyaka bagcwalisa ifomu lokudalula izinto abanentshisekelo kuzo. Abaphathi kanye nabasebenzi bayakhuthazwa ukuba balilungise leli fomu lihambisane nesikhathi uma kunezinguquko ezikhona ngokwezimo.

I-Playhouse Company inayo iNqubomgomo Yendlela Yokuziphatha elawula abasebenzi ezimweni lapho kusuke kubonakala ukuthi kungase kube nokushayisana kwentshisekelo.

# 10. Inqubo Yendlela Yokuziphatha

I-Playhouse Company inayo iNqubomgomo Yokuziphatha elawula abasebenzi ngendlela okufanele baziphathe ngayo emsebenzini.

INqubomgomo Yendlela Yokuziphatha ichonywa ebhodini lezaziso kuyo yonke indawo e- Playhouse Company.

Ekuthatheni isinqumo ngesinyathelo okumele sithathwe kanye nokunquma ukuthi kusho ukuthini ukuziphatha ngendlela eyamukelekayo, abasebenzi kumele babheke futhi balawulwe:

- IziNqubomgomo zenkampani;
- IMithetho yezwe;
- Indlela Yokuziphatha eyamukelwa emhlabeni wonke kanye namazinga okusebenza; kanye
- Nokuba nonembeza nesimilo

Uma isenzo kumbe kungahle kube nesenzo esiphambana nanoma yikuphi kokungenhla, kungahle kuthathwe ngokungaziphathi ngendlela eyamukelekile.

Uma kutholakala ukuthi umsebenzi wephule iNqubomgomo Yokuziphatha kanye/noma iNqubomgomo Yendlela Yokuziphatha, kuyolandelwa indlela ejwayelekile yokwedlulisa izikhalo kanye nenqubo yokuqondiswa kwezigwegwe.

# 11. Ezempilo, Ezokuphepha Kanye Nezemvelo

I-Playhouse Company njalo ngonyaka iba nohlelo lokuhlola ukuthi iyalandelwa yini imigomo yemithethonqubo yezempilo nokuphepha.  Umphumela walolu phenyo yiwona ohlonza izinyathelo okufanele zithathwe yi-Playhouse Company.

Ukulandelwa kwemigomo yemithethonqubo yezempilo nokuphepha kungenye yezinkomba ezinqala ekwenziweni komsebenzi ohlelweni lonyaka lokwenziwa komsebenzi lweMenenja yophiko lweMisebenzi Yokweseka.

I-Playhouse Company ihambisana ngokugcwele nayo yonke imigomo yemithethonqubo yezempilo nokuphepha.

# 12. Ukusiza Umphakathi

Impokophelo ye- Playhouse Company wukuthuthukisa, ukugqugquzela kanye nokulondoloza ubuciko obudlalwayo ngokuthi wenze imibukiso esezingeni lokujabulisa nokufundisa ezihlweleni ezehlukahlukene.

I- Playhouse Company iyibona Impokophelo yayo iyindlela yayo yokusiza umphakathi.

Uhlelo lwezobuciko lwe-Playhouse Company luhlelelwe ukuthi ikwazi ukunikezela ngemisebenzi yayo yokusiza umphakathi.

Kuzo zonke izinhlelo ezihlelelwe imisebenzi yokusiza umphakathi, isiteji esingumahambanendlwana sisetshenziselwa ukufinyelelisa izinhlelo emphakathini ezindaweni zasemakhaya lapho abantu bakhona bengakwazi ukufinyelela ezindaweni zemidlalo yeshashalazi ukuze babone imidlalo ekhonjiswa khona. Abanye babo kusuke kungokokuqala ukuthi babone imidlalo yeshashalazi idlalwa bukhoma futhi lokho.

Lesi siteji esingumahambanendlwana siphinde sisetshenziselwe ukubukisa ngemidlalo yasesiteji yezikole ezindaweni zasemakhaya. Zingaphezu kwezi-74 000 izingane zesikole ezithola ithuba lokubuka imidlalo yeshashalazi. Lezi zinagne ngabe azilitholi ithuba lokubuka imidlalo yeshashalazi idlalwa bukhoma.

# 13.UMbiko Wekomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku

Ikomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokwengamela (IKomidi) lethula umbiko walo wonyaka ekupheleni konyaka wezimali mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2020.

## Amalungu eKomidi Lezokucwaningwa Kwmabhuku Nokwengamela kanye Nokuhanjelwa Kwemihlangano

IKomidi linamalungu amahlanu abalulwe lapha ngezansi futhi kudingeka ukuba lihlangane okungenani izikhathi ezine ngonyaka njengokwemigomo elisebenza ngaphansi kwayo egunyaziwe. Ngalo nyaka ophezulu mine imihlangano eyabanjwa.

| Igama | Iziqu Zemfundo | Owangaphakathi noma Owangaphandle | Usuku Lokuqokwa |
|---|---|---|---|
| UJaji Leona Valerie Theron | Master of Law, Bachelor of Laws and Bachelor of Arts | Owangaphandle – USihlalo weKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokwengamela | 25 kuNhlaba 2018 |
| UNk Charmaine Jugnarayan | CA (SA), RA | Owangaphandle | 25 kuNhlaba 2018 |
| UMnu Rodger Ashe | | Owangaphandle | 25 kuNhlaba 2018 |
| UNk Linda Zama | BA, LLB degree | Owangaphakathi | 23 February 2018 |
| UMnu Nkosinathi Mbele | | Owangaphakathi | 25 kuMasingana 2019 |

## Imisebenzi yeKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokwengamela

IKomidi libika ukuthi liyilandelile imigomo yokusebenza kwalo evela eSigabeni 38 (1)(a) soMthetho Wezokuphathwa Kwemali kaHulumeni, uMthetho uNo. 1 we-1999 kanye neMithethonqubo kaMgcinimafa 3.1. IKomidi liphinde libike ukuthi seliyamukele imigomo ehlelekile elizosebenza ngaphansi kwayo ukuba kube ngusomqulu walo wezokuCwaningwa Kwamabhuku kanye Nokwengamela, lilawula izindaba zalo ngokuhambisana nalo mqulu futhi lenza imisebenzi yalo njengalokhu iqukethwe khona. Usomqulu ubuyekezwa njalo ngonyaka futhi wamukelwa yiKomidi uma usuvunywe yiSikhulu Esinesibopho Sokubika.

## UKucwaningwa Kwmabhuku Kwangaphakathi

IKomidi lilawula liphinde liqaphe umsebenzi wokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi. Ngokwenza lokhu, iKomidi liyakwazi ukubika ngempumelelo yokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi. Umsebenzi wokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi ubuwenziwa ngabantu bangaphandle futhi uqhubeke unyaka wonke wezimali lo obuyekezwayo.

IKomidi lisebenzisa irejista elungisiwe yezimo ezingcuphe egxile ohlakeni lwezokulawulwa kwezimo ezingcuphe kanye nenqubomgomo eyamukelwe yiSikhulu Esinesibopho Sokubika. IKomidi labuyekeza laphinde lavuma uhlelo olugxile ezimweni ezingcuphe lokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi lweminyaka emithathu.

IKomidi lenelisekile ngempumelelo yomsebenzi wokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi.

## Kusebenza Ngempumelelo koLawulo Lwangaphakathi

IKomidi lihlole impumelelo yolawulo lwangaphakathi laphinde labuyekeza inqubo yokuhlolwa kwezimo ezingcuphe kanje:

- Lihambele umhlangano wokucobelelana ngolwazi nabo bonke ababambiqhaza abasemqoka kwezokuhlolwa kwezimo ezingcuphe;
- Libhekela impumelelo yezinhlelo zenkampani zokuhlola izimo ezingcuphe njengalokhu ziqhutshwa ngabaphathi;
- Liqaphe inqubo yokulandelela kukho konke okwatholwa ngabacwaningimabhuku ukuqinisekisa ukuthi kuyabhekanwa nezinto ezitholakele futhi zilungiswa emsukeni wazo;
- Lithole isiqiniseko kubaphathi sokuthi siyathathwa isinyathelo maqondana nezinto ezahlonzwa ngabacwaningi mabhuku; futhi
- Lihlinzeke aBaphathi kanye neSikhulu Esinesibopho Sokubika ngomkhombandlela kanye nezeluleko maqondana nokuqiniswa kwezinqubo zokulawulwa kwezimo ezingcuphe kanye nolwazi lokwenziwa komsebenzi ngesikhathi kubyekezwa imibiko yamakwata.

IKomidi libuyekeze imibiko yokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi, lapho okutholakale khona ubuthakathaka obuthile ngaphakathi eNkampanini, liphinde labheka ukuthi zenele yini izimpendulo zabaphathi ukuze kuqinisekiswe ukuthi liyehla izinga lezimo ezingcuphe nokuthi kuyaqhubeka ukwenziwa ngcono kwezimo zokulawula.

IKomidi ligculisekile ngokuthi iNkampani iyaqhubeka nokugxila emazingeni amahle naphumelelayo olawulo lwangaphakathi.

IKomidi liyavumelana nabacwaningimabhuku ngokuthi ulawulo lwangaphakathi lwenziwa ngendlela eyimpumelelo nethembekile nokuthi nanoma yiluphi udaba okubikwe ngalo ngabacwaningimabhuku bangaphakathi nonyaka alukhombisi buthakathaka.

Ukuphathwa kwemibiko yanyangazonke/ yamakwata ethunyelwa ngokwe-PFMA kanye noMthetho Wemali Engenayo (Division of Revenue Act) kuyagculisa uma kubhekwa imiphumela yokuqapha kanye nokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi.

## UKulawulwa konyaka kanye neMibiko Yanyangazonke/ Yamakwata

I-Playhouse Company iyithumele ngesikhathi imibiko yanyangazonke eKomidini Lezezimali (FINCO) kanye naseKomidi Lezokucwaningwa kwamabhuku Nokwengamela futhi iphinde yathumela imibiko yamakwata kuMnyango Wezobuciko Namasiko njengalokhu kudingeka ngokwe-PFMA.

## Ukuhlolwa KweZitatimende Zemali

Ikomidi:

- Libuyekeze imibiko yamakwata kubalwa nezitatimende zemali ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi imininingwane iyefana futhi iyiqiniso;
- Libheke ukufaneleka, ukwamukelwa kanye nokufana kokusetshenziswa kweziNdlela zaseNingizimu Afrika Zokubheka Izitatimende Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali ezamukelwa yiSikhulu Esinesibopho Sokubika;
- Ukubhekela ukuthi ulwazi lwezezimali olunikezwa iKomidi ukuze likwazi ukufeza umsebenzi walo wokuqapha ngelokhozi ngonyaka wezimali luseqophelweni eliphezulu futhi lufika ngesikhathi;
- Libuyekeze izitatimende zezezimali zenkampani zonyaka ophele zingama- 31 kuNdasa wezi- 2018 futhi lenelisekile ukuthi ilandeliwe Imigomo yezihlinzeko zoMthetho Wezokuphathwa Kwemali kaHulumeni kanye neziNdlela zaseNingizimu Afrika Zokubheka Izitatimende Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali;
- Libuyekeze uMbiko kaMcwaningi mabhuku-Jikelele kanye nezimpendulo zabaphathi; futhi
- Libuyekeze uMbiko kaMcwaningi mabhuku-Jikelele laphinde laqaphela ukuthi akukho okutholakele ezitatimendeni zezezimali kanye nolwazi lokwenziwa komsebenzi.

## Umbiko kaMcwaningimabhuku

IKomidi liyathokoza ukubika ukuthi iNkampani ithole umbiko wokucwaningwa kamabhuku ongenagcobho nomncane.

IKomidi liyavumelana noMncwaningimabhuku-Jikelele futhi liyasamukela isinqumo sakhe ngezitatimende zemali zonyaka futhi yingakho libona ukuthi izitatimende zemali zonyaka ezicwaningiwe kumele zamukelwe futhi zifundwe ndawonye nombiko kaMcwaningimabhuku.

IKomidi lithatha leli thuba ukubongela uMkhandlu kanye naBaphathi ngemizamo yabo kanye nokuzinikela ekutheni kutholakale umbiko ongenagcobo kaMcwaningimabhuku-Jikelele iminyaka emi-5 ilandelana, futhi lithanda ukwedlulisa ukuthokoza kwalo ngokuleseka kanye nokuba nezingxoxo ezakhayo neKomidi.

**UJaji Leona Valerie Theron**

**USihlalo: IKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokwengamela**

# INGXENYE D: EZOKUPHATHWA KWABASEBENZI

## 1. Izibalo Zokubhekela Ezabasebenzi

### Izindleko Zabasebenzi ngokohlelo

| Isamba semali esetshenziswe yinkampani (R'000) | Imali esetshenziwe ngabasebenzi (R'000) | Imali esetshenziwe ngabasebenzi ngokwama- % ebalwa gokwesamba sezindleko (R'000) | Isibalo sabasebenzi | Isilinganiso sezindleko zabasebenzi esibalwa ngokomsebenzi ngamunye (R'000) |
|---|---|---|---|---|
| 96 846 | 36 996 | 38% | 78 | 474 |

### Izindleko zabasebenzi ngokwezigaba zamaholo

| Izinga | Imali esetshenziswe ngabasebenzi (R'000) | Ama-% emali esetshenziswe ngabasebenzi abalwa esambeni sezindleko zabasebenzi (R'000) | Isibalo sabasebenzi | Isilinganiso sezindleko zabasebenzi esibalwa ngokomsebenzi ngamunye (R'000) |
|---|---|---|---|---|
| Abaphathi Abaphezulu | 2 183 | 6% | 1 | 2 183 |
| Abaphathi Abakhulu | 1 492 | 4% | 1 | 1 492 |
| Abaqeqeshiwe Abafanelekile | 8 144 | 23% | 10 | 814 |
| Abanamakhono | 12 552 | 36% | 32 | 392 |
| Abanamakhono angatheni | 11 090 | 31% | 34 | 326 |
| Abangenamakhono | | | 0 | |
| **ISAMBA** | **35 461** | **100%** | **78** | **455** |

### Izindleko zokuqeqesha

| Imali esetshenziswe ngabasebenzi (R'000) | Imali esetshenziselwe ukuqeqesha (R'000) | Imali esetshenziselwe ukuqeqesha ngokwama-% eZindleko Zabasebenzi | Isibalo sabasebenzi Abaqeqeshiwe | Isilinganiso sezindleko zokuqeqeshwa kwabasebenzi esibalwa ngomsebenzi ngamunye |
|---|---|---|---|---|
| 36 996 | 310 | 1% | 41 | 7,5 |

### Ukuqasha kanye Nezikhala Zomsebenzi

| Isibalo sabasebenzi sonyaka wezi-2019/2020 | Izikhala zomsebenzi ezigunyaziwe zonyaka wezi-2019/2020 | Isibalo sabasebenzi sonyaka wezi-2019/2020 | Izikhala zomsebenzi zonyaka wezi-2019/2020 | Ama-% ezikhala zomsebenzi |
|---|---|---|---|---|
| 84 | 93 | 78 | 15 | 16% |

| Uhlelo | Isibalo sabasebenzi sonyaka wezi-2019/2020 | Izikhala zomsebenzi ezigunyaziwe zonyaka wezi-2019/2020 | Isibalo sabasebenzi sonyaka wezi-2019/2020 | Izikhala zomsebenzi zonyaka wezi-2019/2020 | Ama-% ezikhala zomsebenzi |
|---|---|---|---|---|---|
| Abaphathi Abaphezulu | 1 | 1 | 1 | 0 | 0 |
| Abaphathi Abakhulu | 1 | 1 | 1 | 0 | 0 |
| Abaqeqeshiwe Abafanelekile | 11 | 12 | 10 | 2 | 2.2% |
| Abanamakhono | 34 | 37 | 32 | 5 | 5.4% |
| Abanamakhono angatheni | 37 | 42 | 34 | 8 | 8.6% |
| Abangenamakhono | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 |
| **ISAMBA** | **84** | **93** | **78** | **15** | **16.2%** |

### Izinguquko Ekuqasheni

| Izinga Leholo | Ukuqashwa ngaphambi kwesikhathi | Abaqashiwe | Ukunqanyulwa kokuqashwa | Ukuqashwa ekupheleni kwesikhathi |
|---|---|---|---|---|
| Abaphathi Abaphezulu | 1 | 0 | 0 | 1 |
| Abaphathi Abakhulu | 1 | 0 | 0 | 1 |
| Abaqeqeshiwe Abafanelekile | 11 | 1 | 2 | 10 |
| Abanamakhono | 34 | 2 | 4 | 32 |
| Abanamakhono angatheni | 37 | 0 | 3 | 34 |
| Abangenamakhono | 0 | 0 | 0 | 0 |
| **ISAMBA** | **84** | **3** | **9** | **78** |

## Izizathu zokushiya kwabasebenzi

| Isizathu | Isibalo | Ama-% enani lesibalo sabasebenzi abashiya emsebenzini |
|---|---|---|
| Ukushona | 0 | 0 |
| Ukwesula emsebenzini | 4 | 44.4% |
| Ukuxoshwa | 1 | 11.1% |
| Umhlalaphansi | 2 | 22.2% |
| Ukugula | 1 | 11.1% |
| Ukuphelelwa yisikhathi kwezinkontileka | 1 | 11.1% |
| Okunye | 0 | 0 |
| **ISAMBA** | **9** | **100%** |

## Ubudlelwano babasebenzi Nomqashi: Ukungaziphathi ngendlela kanye Nezinyathelo Zokuqondisa Izigwegwe

| Uhlobo Lwesinyathelo Sokuqondiswa Kwezigwegwe | Isibalo |
|---|---|
| Isexwayiso somlomo | 0 |
| Isexwayiso esibhaliwe | 1 |
| Isexwayiso sokugcina esibhaliwe | 1 |
| Ukuxoshwa | 0 |

## Okuhlosiwe maqondana nokuqasha ngokulingana kanye nesimo sokuqasha ngokulingana

| Amazinga | ABESILISA | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | Abansundu | | Amakhaladi | | Amandiya | | Abamhlophe | |
| | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe |
| Abaphathi Abaphezulu | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 |
| Abaphathi Abakhulu | 0 | 0 | 0 | 0 | 1 | 1 | 0 | 0 |
| Abaqeqeshiwe Abafanelekile | 2 | 3 | 0 | 0 | 2 | 2 | 1 | 1 |
| Abanamakhono | 18 | 20 | 1 | 0 | 2 | 2 | 2 | 2 |
| Abanamakhono angatheni | 17 | 18 | 0 | 0 | 4 | 4 | 1 | 1 |
| Abangenamakhono | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 |
| **ISAMBA** | **37** | **41** | **1** | **0** | **9** | **9** | **4** | **4** |

| Amazinga | ABESIFAZANE | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | Abansundu | | Amakhaladi | | Amandiya | | Abamhlophe | |
| | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe |
| Abaphathi Abaphezulu | 1 | 1 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 |
| Abaphathi Abakhulu | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 |
| Abaqeqeshiwe Abafanelekile | 2 | 3 | 0 | 0 | 1 | 1 | 2 | 1 |
| Abanamakhono | 7 | 10 | 1 | 1 | 0 | 0 | 1 | 1 |
| Abanamakhono angatheni | 7 | 8 | 2 | 2 | 3 | 3 | 0 | 0 |
| Abangenamakhono | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 |
| **ISAMBA** | **17** | **22** | **3** | **3** | **4** | **4** | **3** | **2** |

| Amazinga | DISABLED STAFF | | | |
|---|---|---|---|---|
| | Abesilisa | | Abesifazane | |
| | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe |
| Abaphathi Abaphezulu | 0 | 0 | 0 | 0 |
| Abaphathi Abakhulu | 0 | 0 | 0 | 0 |
| Abaqeqeshiwe Abafanelekile | 0 | 0 | 0 | 0 |
| Abanamakhono | 0 | 0 | 0 | 0 |
| Abanamakhono angatheni | 0 | 0 | 0 | 0 |
| Abangenamakhono | 0 | 0 | 0 | 0 |
| **ISAMBA** | **0** | **0** | **0** | **0** |

# INGXENYE E: IMININININGWANE NGEZEZIMALI

## 1. Isitatimende Sesibopho Sokubika kanye Nokuqinisekiswa Kobuqiniso Bombiko Wonyaka

Ngokwazi kwami nalokho engikholelwa kukho, ngiyaqinisekisa lokhu okulandelayo:

Lonke ulwazi kanye namanani avezwe kulo Mbiko Wonyaka kuyahambisana neZitatimende Zonyaka Zezezimali ezicwaningwe nguMcwaningimabhuku-Jikelele.

UMbiko Wonyaka uphelele, uyiqiniso futhi akukho okweqiwe kuwo.

UMbiko Wonyaka wenziwe ngokuhambisana nemihlahlandlela yoMbiko Wonyaka njengalokhu ikhishwe nguMgcinimafa Kazwelonke.

IZitatimende Zonyaka Zezezimali (INgxenye E) zenziwe ngokuhambisana nemigomo ye-GRAP esebenza ezinhlakeni zikahulumeni.

Isikhulu esinesibopho sokubika sibhekele ukwenziwa kwezitatimende Zonyaka Zezezimali kanye nezinqumo ezithathwa ngokwalolu lwazi.

Isikhulu esinesibopho sokubika sibhekele ukusungulwa kanye nokuqalisa kwezinhlelo zokulawula zangaphakathi ezakhelwe ukunikezela ngesiqinisekiso esizwakalayo maqondana nobuqotho kanye nobuqiniso bolwazi lokwenziwa komsebenzi, wezabasebenzi kanye neZitatimende Zonyaka Zezezimali.

Kuyaxhunyanwa nabacwaningimabhuku bangaphandle ukuze kutholakale umbono ongachemile maqondana neZitatimende Zonyaka Zezezimali.

Ngokombono wethu, uMbiko Wonyaka uveza inqubo yokusebenza, ulwazi lokwenziwa komsebenzi, ezabasebenzi kanye nezezimali zesikhungo zonyaka wezimali obuphela mhla zingama- 31 kuNdasa wezi-2020.

**uNk Linda Bukhosini**
**Isikhulu esiphezulu esiphinde sibe nguMqondisi Wezobuciko**

**uNk. Hlengiwe Christophina Mgabadeli**
**USihlalo woMkhandlu**

# 2. Umbiko weSikhulu Esiphezulu esiphinde sibe nguMqondisi Wezobuciko

## Ukusebenza Kwezimali

### Imali engenayo

Isamba semali engenile sehle ngama-23% sisuka kuma-R108m siya kuma-R84m.

- Imbangela yokwehla ikakhulu kube ngukwehla kwemali engenayo yokuqalisa umsebenzi ebhekelelwe ngokwe-GRAP 23 - okuyimali engenayo iphuma enteleni ebizwa nge-*Non-Exchange Transactions Taxes* kanye nezimali ezedluliselwe ama-*Tranfers*.

### Izindleko zokusebenza

Izindleko zokusebenza zehle ngama-7% zisuka kuma-R104m ziya kuma-R97m.

- Imbangela yokwehla ikakhulu kube ngukwehla kwamandla emali kanye nokwehla kwentengo, izindleko eziphathelene nezabasebenzi kanjalo nezindleko zokukhiqiza.

### Imali eshodayo ngonyaka

Imali eshodayo engama-R 13 ezigidi ngonyaka wezi-2020 idalwe ngukwehla kwemali engenayo yokuqalisa umsebenzi ebhekelelwe ngokwe-GRAP 23 - okuyimali engenayo iphuma enteleni ebizwa nge-*Non-Exchange Transactions Taxes* kanye nezimali ezedluliselwe ama-*Tranfers*.

## Isimo Ngezimali

I- Playhouse Company ivale unyaka ikhombisa isimo esihle kwezezimali.

- Ukwehla kwempahla okungelula ukuba iguqulwe ngama-R11m ngenxa yokwehla kwamandla emali kanye nokwehla kwentengo.
- Izimpahla engaguquleka yona yenyuke ngama-R1m kanti lokhu kwaba ngenxa yokwenyuka kwemali kanye nalokho okulingana nemali.
- Izikweleti okungezona ezamanje zona zenyuke ngama-R5.7m. Lokhu kubangelwe Ikakhulu ngukwenyuka kwemali kwemali engenayo ehlehliselwe isikhathi esizayo.
- Izikweleti ezikhona zehle ngama-R 2.3m. Lokhu kwaba ngenxa yokwehla kohwebo kanye nokunye okutholakalayo.

## Ukungena Nokuphuma Kwemali

Imali kanye nempahla ebalwa njengemali kwenyuke ngama-R1.4m kusuka kuma-R88m kuya kuma-R89.4m. Imali engena ngenxa yemisebenzi eyenziwayo engama- R7.4m yasetshenziswa ukwehlisa imali ephumayo ngenxa yezinhlelo zokutshalwa kwemali engama-R 6m.

## Uhlaka Lomumo Wezitatimende Zezimali

UMkhandlu sewunqume uhlaka lwawo lokwamukela wonke amazinga omumo wezitatimende zezimali kanye nencazelo yawo, ngokuhlanganyela nabacwangimabhuku bangaphandle, kanje:

- Imali engenile kanye nesetshenzisiwe – 1%
- Impahla kanye nezikweleti – 3%

Umumo wezitatimende zezezimali ubalwa kubhekwa lolu hlaka olungenhla, nokho-ke zikhona izimo ezigunyaza ukuthi kuqiniswe isandla bese kulungiswa amazinga ngendlela efanele. Kuyaye kusetshenziswe nendlela yakudala uma sekunqunywa lawa amazinga omumo wezitatimende zezezimali.



**uNk Linda Bukhosini**

**Isikhulu esiphezulu esiphinde sibe nguMqondisi Wezobuciko**

# 3. Umbiko kaMcwaningi-Mabhuku Jikelele awethulela iPhalamende omaqondana ne-Playhouse Company

## Umbiko omaqondana Nokucwaningwa Kwezitatimende Zezimali

### Umbono kaMcwaningimabhuku

1. Ngicwaninge izitatimende zezimali ze-Playhouse Company ezisekhasini 49 kuya ekhasini 72, eziveza isimo sezimali kuze kube ngumhla zingama-31 kuNdasa kowezi-2020, isitatimende sokusebenza kwezimali, isitatimende sezinguquko ezimpahleni sezizonke, isitatimende sokungena nokuphuma kwezimali zonyaka ophelile ngokunjalo namanothi ezitatimende zezimali, kubandakanya nezinqubomgomo zokuhlelenjwa kwamabhuku ezimali.

2. Ngokombono wami, izitatimende zezimali ziveza isimo sezimali ze-Playhouse Company ngendlela okuyiyona, kuyo yonke iminxa, kuze kube mhla zingama-31 kuNdasa kowezi-2020, kanye nokusebenza kwezimali zayo ngokunjalo nokungena nokuphuma kwezimali onyakeni ophelile ngokokwezimiso ze-*South African Standards of Generally Recognised Accounting Practice (SA Standards of GRAP)* kanye nezoMtheho i-*Public Finance Management Act of South Africa, we-1999* (uMthetho No. 1 we-1999) (i-PFMA).

### Isisekelo sombono kaMcwaningimabhuku

3. Ukucwaningwa kwamabhuku ngikwenze ngokwezimiso zamazinga e-International Standards on Auditing (ISAs). Ichaziwe imisebenzi yami ngaphansi kwalawo mazinga emisebenzini kamcwaningimabhuku-jikelele ngaphansi kwesigaba sokucwaningwa kwezitatimende zezimali kulo mbiko kamcwaningimabhuku.

4. Angisiyona ingxenye yalesi sikhungo ngokuhambisana nesigaba 290 kanye nesigaba 291 semigomo yokuziphatha kwabacwaningimabhuku, i-*International Ethics Standards Board for Accountants (IESBA)*, ingxenye 1 kanye nengxenye 3 ye-*International Ethics Standards Board for Accountants* ebhekele umgomo wokuziphatha kwabacwanigimabhuku i-*International Code of Ethics for Professional Accountants* (kubandakanya namazinga abhekele ukuzimela i-*International Independence Standards*) kanye nezimiso zobuqotho eziphathelene nokucwaninga kwami amabhuku eNingizimu Afrika. Ngizifezile futhi nezinye izibopho zami zobuqotho ngokulandela lezi zimiso kanye nomgomo obekwe yi-IESBA.

5. *Ngiyakholwa ukuthi ubufakazi bokucwaningwa kwamabhuku engibutholile banele futhi bulungele ukunikeza isisekelo sombono wami wokucwaningwa kwamabhuku*.

### Izibopho zomkhandlu, oyisigungu esinesibopho sokubika maqondana nezitatimende zezimali

6. Umkhandlu, oyisigungu esinesibopho sokubika maqondana nezitatimende zezimali, ubhekele ukwenza izitatimende zezimali kanye nokuzethula ngendlela efanele ngokulandla izimiso ze-*SA Standards of GRAP* kanye neze-PFMA, kanye nezinhlelo zokulawula ezibekwe yisikhulu esinesibopho sokubika ukuze kwenziwe izitatimende zezimali ezingenamaphutha anomphumela omubi ezitatimendeni, nanoma ngabe enziwe ngomgunyathi kumbe ngephutha.

7. Ekwenzeni izitatimende zezimali, isikhulu esinesobopho sokubika sinomsebenzi wokubheka ukuthi i-Playhouse Company iyakwazi yini ukuqhubeka nokuba yibhizinisi elisebenzayo futhi elenza inzuzo, ukudalula izinto eziphathelene nebhizinisi elisebenzayo futhi elenza inzuzo futhi sisebenzisa imigomo yokuhlelwa kwamabhuku ezimali yebhizinisi elisebenzayo futhi elenza inzuzo ngaphandle uma uhlaka oluqondene olulawulayo luhlose ukusihlakaza isikhungo kumbe ukumisa ukusebenza kwaso, noma uma singenakho okunye esingakwenza ngaphandle kokwenza kanjalo.

### Izibopho zikaMcwaningimabhuku-jikelele maqondana nokucwaningwa kwezitatimende zezimali

8. Izinjongo zami ukuthola isiqiniseko esingangabazeki sokuthi kungabe izitatimende zezimali sezizonke azinawo amaphutha anomphumela omubi ezitatimendeni, nanoma ngabe enziwe ngomgunyathi kumbe ngephutha, kanye nokukhipha umbiko kamcwaningimabhuku oqukethe nombono wami. Isiqiniseko esingangabazeki yisiqiniseko esiseqophelweni eliphezulu, kodwa asiyona igaranti yokuthi ukucwaningwa kwamabhuku okwenziwe ngokulandela izimiso ze-ISA ziyohlala njalo ziveza amaphutha anomphumela omubi ezitatimendeni uma ekhona. Amaphutha asezitatimendeni enzeka ngenxa yomgunyathi kumbe amaphutha athathwa ngokuthi asemqoka, lilodwa kumbe ehlangene, kungalindeleka ukuthi abe nomthelela ezinqumeni zezomnotho ezithathwa ngabasebenzisi bezisslela kulezi zitatimende zezimali.

9. Enye incazelo yezibopho zami maqondana nokucwaningwa kwezitatimende zezimali ifakwe yaba yisithasiselo kulo mbiko kamcwaningimabhuku.

## Umbiko Wokucwaningwa Kwamabhuku maqondana Nokwenziwa Komsebenzi Wonyaka

### Isingeniso kanye nomkhawulo

10. Ngokulandela izimiso zoMthetho i-*Public Audit Act of South Africa*, wezi-2004 (uMthetho uNo. 25 wezi-2004) (i-PAA) kanye nesaziso esijwayelekile esikhishwe ngokwalo Mthetho, nginesibopho sokubika ngezinto ezinqala ezitholakale olwazini lokwenziwa komsebenzi olubikiwe uma luqhathaniswa nezinjongo ezibekiwe maqondana nezinhlelo ezethulwe embikweni wokwenziwa komsebenzi wonyaka. Ngithathe izinyathelo zokuhlonza okutholiwe kodwa hhayi ukuqoqa ubufakazi bokunikeza isiqiniseko.

11. Izinyathelo zami ziqondene nolwazi lokwenziwa komsebenzi olubikiwe, okumele lususelwe emiqulwini

## 3. UMbiko kamcwaningi mabhuku-jikelele nge-Playhouse Company oya ePhalamende

yesikhungu ephasisiwe yokuhlela ukwenziwa komsebenzi. Angikuhlolanga ukuphelela kanye nokufaneleka kwezinkomba zokwenziwa komsebenzi ezisemiqulwini yokuhlela. Izinyathelo zami futhi azikuthintanga ukudalula kumbe imibono ephathelene namusu ahleliwe okwenziwa komsebenzi kanye nolwazi maqondana nezikhathi ezizayo ezingase zifakwe zibe yingxenye yolwazi lokwenziwa komsebenzi olubikiwe. Ngakho-ke, engikutholile akuzithinti lezi zinto.

12. Ngihlole ukuba lusizo kanye nokwethembeka kolwazi lokwenziwa komsebenzi olubikiwe ngokulandela imigomo esuselwe ohlakeni lokulawulwa kokwenziwa komsebenzi kanye nokubika, njengalokhu kuchaziwe esazisweni esijwayelekile, maqondana nohlelo 2 – Ukuthuthukiswa Kwebhizinisi olwethulwe ekhasini 30 kuya ekhasini 32 embikweni wokwenziwa komsebenzi wesikhungo onyakeni ophele zingama-31 kuNdasa wezi-2020.

13. Ngithathe izinyathelo ngenhloso yokuthola ukuthi kungabe ulwazi lokwenziwa komsebenzi olubikiwe lwethulwa ngendlela efanele yini kanye nokuthi kungabe ukwenziwa komsebenzi kwakuhambisana yini nemiqulu ephasisiwe yokwenziwa komsebenzi. Ngaphinda futhi ngathatha ezinye izinyathelo ngenhloso yokuthola ukuthi kungabe izinkomba kanye nokuhlosiwe okuhambisana nazo kwakungahloleka futhi kufanelekile yini, ngaphinda futhi ngahlola nokwethembeka kolwazi lokwenziwa komsebenzi olubikwe ngenhloso yokuthola ukuthi kungabe lwalusemthethweni, luqondile futhi luphelele yini.

14. Akukho okutheni engakuphakamisa maqondana nokuba lusizo kanye nokwethembeka kolwazi lokwenziwa komsebenzi olubikiwe maqondana nezinhlelo ezikhethiwe.

**Olunye udaba**

15. Ngicela sibheke iphuzu elingezansi.

**Ukufezekiswa kokuhlosiwe**

16. Ngicela ubheke umbiko wonyaka wokwenziwa komsebenzi ekhasini 25 kuya ekhasini 34 ngemininingwane emaqondana nokufezekiswa kwezinto ebezihlosiwe onyakeni kanye nezincazelo ezinikeziwe maqondana nokufezekiswa okweqile kwezinto eziningi ebezihlosiwe.

## Umbiko omaqondana Nokucwaningwa kwamabhuku maqondana Nokugcinwa Kwemithetho

**Isingeniso kanye nomkhawulo**

17. Ngokulandela izimiso ze-PAA kanye nesaziso esijwayelekile esikhishwe ngokwalo Mthetho, nginesibopho sokubika ngezinto ezinqala ezitholakele maqondana nokugcinwa komthetho yilesi sikhungo mayela nezinto ezithile emthethweni osemqoka oshayiwe. Ngithathe izinyathelo zokuhlonza okutholiwe kodwa hhayi ukuqoqa ubufakazi bokunikeza isiqiniseko.

18. Akukho engikuhlonzile maqondana nokugcinwa komthetho mayelana nezinto ezithile emthethweni osemqoka oshayiwe ezibekwe esazisweni esijwayelekile esikhishwe ngokwe-PAA.

## Olunye ulwazi

19. Isikhulu esinesibopho sokubika yisona esibhekele olunye ulwazi. Olunye ulwazi lubandakanya ulwazi olufakwe embikweni wonyaka. Olunye ulwazi alubandakanyi izitatimende zezimali, umbiko kamcwaningimabhuku kanye nalezo zinhlelo ezikhethiwe ezethulwe embikweni wokwenziwa komsebenzi wonyaka ezibekwe kulo mbiko kamcwaningimabhuku.

20. Umbono wami maqondana nezitatimende zezimali kanye nokutholwe olwazini olubikiwe lokwenziwa komsebenzi kanye nokugcinwa kwemithetho akulufaki olunye ulwazi futhi angiwunikezi umbono wokucwaningwa kwamabhuku kumbe nanoma yiluphi uhlobo lwesiqiniseko sokuphetha.

21. Maqondana nokucwaninga kwami amabhuku, isibopho sami ukufunda olunye ulwazi, bese kuthi-ke ngokwenza njalo, ngibheke ukuthi kungabe olunye ulwazi luhambisana ngokubonakalayo yini nezitatimende zezimali kanye nezinhlelo ezikhethiwe ezethulwe embikweni wokwenziwa komsebenzi wonyaka, kumbe ulwazi lwami engiluthole ekucwangweni kwamabhuku, noma olubonakala lubekwe ngendlela okungeyona ngokunemiphumela emibi.

22. Uma, ngokomsebenzi engiwenzile, ngiphetha ngokuthi kunokungabhaleki kwezitatimende ngendlela okuyiyona kulolu olunye ulwazi, ngimelwe ukuthi ngikubike lokho, nokho-ke akukho engingakubika maqondana nalokhu.

## Ubuthakathaka Bezinhlelo Zangaphakathi Zokulawula

23. Ngicubungule izinhlelo zangaphakathi zokulawula eziphathelene nokucwaninga kwami amabhuku ezitatimende zezimali, ulwazi olunikeziwe maqondana nokwenziwa komsebenzi kanye nokugcinwa komthetho oshayiwe oqondene; nokho-ke, injongo kwakungesikho ukuzwakalisa nanoma yiluphi uhlobo lwesiqiniseko maqondana nakho.

24. Abukho ubuthakathaka engikutholile ezinhlelweni zangaphakathi zokulawula.

Auditor-General

eMgungundlovu

30 kuMandulo wezi-2020

AUDITOR-GENERAL
SOUTH AFRICA
Auditing to build public confidence

# Isithasiselo – Isibopho sikaMncwaningi-Mabhuku-Jikelele maqondana nokuCwaningwa kwaMabhuku

1. Njengengxenye yokucwaningwa kwamabhuku ngokwama-ISA, umsebenzi wami ngiwenza ngobuqotho futhi ngihlala njalo izinto ngiziqaphe ngeso elibanzi ngesikhathi ngicwaninga izitatimende zezimali, kanye nezinqubo ezilandelwayo maqondana nolwazi oluvelile olumayelana nokwenziwa komsebenzi wezinhlelo ezikhethiwe kanye namaqondana nokugcinwa komthetho yilesi sikhungo ezinhlelweni ezikhethiwe.

## Izitatimende zezimali

2. Ngaphezu kwesibopho sami maqondana nokucwaningwa kwezitatimende zezimali njengalokhu kuchaziwe kulo mbiko kamcwaningimabhuku, ngiphinda futhi:

   - ngihlonze bese ngihlola izimo eziyingcuphe zokungabhalwa ngendlela okuyiyona kwezitatimende zezimali nanoma ngabe kungenxa yomgunyathi noma ngephutha, ngiphinde ngakha ngiphinde ngiqhube izinqubo zokucwaningwa kwamabhuku ezizolandelwa ekubhakaneni nalezo zimo eziyingcuphe, bese ngithola ubufakazi bokucwaningwa kwamabhuku obenele nofanele obuzokweseka umbiko wami. Ingcuphe yokungakuhlonzi ukungabhaleki kwezitatimende ngendlela okuyiyona ngenxa yomgunyathi inkulu ukwedlula uma kube yiphutha, kwazise phela ukuthi umgunyathi ubandakanya ukuthi kusuke kube khona ukusebenzisana kwabathile, umkhonyovu, ukushiya okuthile ngesibomu, ukwenza okuphambene ngesibomu kumbe ukushaya indiva izimiso zokulawula kwangaphakathi
   - ngithole ukuqondisisa izimiso zokulawula kwangaphakathi eziphathelene nokucwaningwa kwamabhuku ngenhloso yokuthi ngakhe izinqubo zokucwaningwa kwamabhuku ezizolandelwa ezivumelana nezimo,kodwa hhayi ngenhloso yokuveza umbono maqondana nokusebenza ngendlela kwezimiso zangaphakathi zokulawula zesikhungo
   - ukuhlola ukufaneleka kwezinqubomgomo ezisetshenziswayo zokucwaningwa kwamabhuku ezimali kanye nokukholaka kwezilinganiso zokucwaningwa kwamabhuku ezimali ngokunjalo nokudalula okuhambisana nalokhu okwenziwa yisikhulu esinesibopho sokubika.
   - nginikeze umbono sengiphetha maqondana nokufaneleka kokuthi isikhulu esinesibopho sokubika sisebenzise isisekelo sebhizinisi elisebenzayo futhi elenza inzuzo maqondana nokuhlolwa kwamabhuku ezimali ngenhloso yokwenza izitatimende zezimali. Ngiphinda futhi ngibeke umbono sengiphetha, ngokususela ebufakazini obutholakele ekucwaningweni kwamabhuku, nanoma ngabe kunokungabaza okunomthelela omkhulu okuphathelene nezigameko kumbe izimo ezingaletha ungabazane olukhulu ngamathuba okuthi i-Playhouse Company iqhubeke ibe yibhizinisi elisebenzayo futhi elenza inzuzo. Uma ngiphetha ngokuthi kunongabazane olunomthelela omkhulu olukhona, kumele ngiveze embikwei wami wokucwaningwa kwamabhuku izinto ezidaluliwe eziphathelene nalokho ezitatimendeni zezimali ngongabazana olunomthelela omkhulu kumbe-ke, ngiguqule umbono ezitatimendeni zezimali, uma lokho kudalula kungenele. Imibono yami yokuphetha ngiyisusele olwazini ebenginalo ngesikhathi ngenza lo mbiko wokucwaningwa kwamabhuku. Nokho-ke, izigameko kumbe izimo zesikhathi esizayo zingenza ukuthi isikhungo singaqhubeki nokuba yibhizinisi elisebenzayo futhi elenza inzuzo.
   - ngihlole isethulo sonke nje ngobunjalo baso jikelele, umumo kanye nokuqukethwe yizitatimende zezimali, kubandakanya nokuthi kungabe izitatimende zezimali ziveza umongo wokusetshenziswa kwezimali kanye nezinto ezenzekile ngendlela eletha isithombe okuyisona ngokwanele.

## Ukuxhumana nalowo ogunyazwe ukwengamela

3. Ngiyaxhumana nesikhulu esinesibopho sokubika, maqondana nomkhawuko kanye nesikhathi sokucwaningwa kwamabhuku ngokunjalo nezinto ezisemqoka ezitholakale ekucwaningweni kwamabhuku, kubandakanya nanoma yiziphi izingqinamba ezinkulu ezimaqondana nokulawula kwangaphakathi engizitholayo ngesikhathi ngicwaninga amabhuku.

4. Ngiphinda futhi nginikeze isikhulu esinesibopho sokubika isiqiniseko sokuthi ngizilandelile izimiso zokwenza izinto ngobuqotho maqondana nokuzimela, ngiphinda futhi ngidalule bonke ubudlelwano kanye nezinye izinto ezingase zibe nomthelela ekuzimeleni kwami kanye neminye imigoqo emaqondana nokuvikela ukuzimela, uma ikhona.

# 4. Isitatimende Sesimo Sezimali

## ISimo Sesitatimende Sezezimali

| | Amanothi | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| **IMPAHLA** | | | |
| **Impahla empilonde** | | | |
| Impahla eyigugu | 2.1 | 88 330 000 | 88 330 000 |
| Isakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza | 2.2 | 100 388 925 | 111 217 147 |
| Impahla engabonakali | 2.3 | 772 148 | 600 991 |
| **Impahla edayiseka ngokushesha** | | 91 526 198 | 90 697 202 |
| Isitokwe senkampani | 3 | 667 282 | 515 063 |
| Uhwebo kanye nemali engase yemukelwe | 4 | 1 441 875 | 2 122 803 |
| Ukheshi kanye nokungaba ukheshi | 5 | 89 417 041 | 88 059 336 |
| **Inani eliphelele Lezimpahla** | | **281 017 271** | **290 845 340** |
| **IZINDLEKO** | | | |
| **Izindleko ezimpilonde** | | | |
| Imali etholakale ngaphambi kokuba kuhlinzwekwe umsebenzi | 6 | 20 982 905 | 15 255 246 |
| **Izindleko ezikhona** | | | |
| Uhwebo kanye nemali engase ikweletwe | 7 | 6 356 769 | 8 704 267 |
| **ISAMBA SEZIKWELETU** | | **27 339 674** | **23 959 513** |
| **Impahla esalile** | | | |
| Ukukhula kwemali esalayo | | 253 677 597 | 266 885 827 |
| **ISAMBA SEMALI YEMPAHLA ESALILE KANYE NEZINDLEKO** | | **281 017 271** | **290 845 340** |

## ISitatimende Ngokusebenza Kwezimali

| | Amanothi | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| **Imali engenile** | | | |
| **Uhwebo kanye nemali engase imukelwe** | | **13 030 099** | **14 191 854** |
| Izakhiwo zokusebenzela kanye nempahla | 8 | 6 442 251 | 7 155 627 |
| Inzuzo etholakele | | 6 587 848 | 7 036 227 |
| **Imali engene ngaphandle kokuhweba** | | **70 607 640** | **94 684 402** |
| Izibonelelo | 9 | 64 077 340 | 85 771 171 |
| Iminikelo noxhaso (imibukiso) | | 1 350 000 | 3 561 851 |
| Okungase kube yimisebenzi | 25 | 5 180 300 | 5 351 380 |
| **Isamba Semali Engenile** | | **83 637 739** | **108 876 255** |
| **Uma kususwa: imali esetshenzisiwe** | | **96 845 969** | **104 009 525** |
| Ukuhlanza | | 2 483 062 | 2 375 475 |
| Ukwehla kakhulu kwenani lempahla kanye nokwabiwa kwemali yabelwa izikhathi ezahlukene | 10 | 16 642 938 | 18 119 343 |
| Ugesi | | 5 711 309 | 4 015 728 |
| Izindleko eziphathelene nabasebenzi | 11 | 36 995 570 | 37 251 177 |
| Izindeko ezivamile | 12 | 10 458 461 | 11 111 731 |
| Imali esetshenziselwe ukunakekela | 13 | 2 503 482 | 2 119 733 |
| Izindleko zemibukiso | 14 | 12 826 798 | 19 964 144 |
| Intela kanye nentela kamasipala | | 5 180 300 | 5 351 380 |
| Izindleko zezokuvikela | | 4 044 051 | 3 700 814 |
| **(Imali eshodile) imali esalile onyakeni** | 15 | **(13 208 230)** | **4 866 730** |

## Isitatimende Maqondana Nezinguquko Empahleni Esalile

| | Amanothi | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| **Imali esalile okuvulwe ngayo njengalokhu bekubikiwe** | | 266 885 827.27 | 262 019 097 |
| (Imali eshodile) imali esalile yonyaka | | (13 208 229.77) | 4 866 730 |
| **Imali esalile okuvalwe ngayo** | 16 | **253 677 597.17** | **266 885 827** |

# Isitatimende Maqondana Nokungena Nokuphuma Kwezimali

| | Amanothi | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| **Ukungena nokuphuma kwemali ngokwemisebenzi eyenziwayo** | | | |
| Imali efakwe abezibonelelo kanye namakhasimende | | 93 533 424 | 116 854 650 |
| Imali engukheshi ekhokhelwa abahlinzeka ngempahla kanye nabasebenzi | | (92 777 000) | (96 868 257) |
| **Imali eqoqwe ngokwemisebenzi eyenziwe** | 17 | 756 424 | 19 986 393 |
| Inzalo engenile | | 6 587 848 | 7 036 227 |
| **Imali esalile ngokwemisebenzi eyenziwayo** | | **7 344 272** | **27 022 620** |
| **Imali engenayo esetshenziselwa ukutshalwa kwemali** | | | |
| Ukwengeza izakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza | | **(5 477 315)** | **(28 676 534)** |
| Ukwengeza impahla engabonakali | | (513 126) | (106 090) |
| Imali etholakala ngokuthengiswa kwempahla, imishini kanye nempahla yokusebenza | | 3 874 | 0 |
| **Ukheshi osalayo osetshenziselwa ukutshalwa kwemali** | | **(5 986 567)** | **(28 782 624)** |
| **Ukungena nokuphuma kwemali emisebenzini yezezimali** | | | |
| Ukwehla kwemalimboleko yesikhathi eside | | - | - |
| **Imali esalile emisebenzini yezezimali** | | **-** | **-** |
| **Esele ukwenyuka (ukwehla) Kwemali ewukheshi kanye Nokungahle kube wukheshi** | | 1 357 705 | (1 760 004) |
| Ukheshi kanye nokungahle kube wukheshi ekuqaleni konyaka | | 88 059 336 | 89 819 339 |
| **Ukheshi kanye nokungahle kube wukheshi ekupheleni konyaka** | **5** | **89 417 041** | **88 059 336** |

# Izinqubomgomo Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali

## 1. Izinqubomgomo Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali

***1.1.*** Sezenziwe izitatimende zezezimali ngokuhambisana naMazinga asebenzayo ezindlela zokugcinwa kwamabhuku ezimali ezisebenzayo ezaziwa nge-Standards of Generally Recognised Accounting Practices (GRAP) kubandakanya nanoma yikuphi ukuhunyushwa, imihlahlandlela kanye nemiyalelo ekhishwa yibhodi elaziwa nge-Accounting Standards Board ngokuhambisana neSigaba 55(1)(b) soMthetho Wezokulawulwa Kwezimali Zikahulumeni (uMthetho No.1 we-1999 njengalokhu uchitshiyelwe ngoMthetho No.29 we-1999). Impahla, izindleko, inzuzo kanye nezikweletu akususiwe ngaphandle esimweni lapho kudingeka noma kugunyazwe khona ngaMazinga e-GRAP. Izinqubomgomo zezokugcinwa kwamabhuku ezimali zisebenza ngokuhambisana nalezo zitatimende zokwethulwa kwezezimali zonyaka owedlule, ngaphandle uma kucaciswe ngenye indlela. Imininingwane mayelana nanoma yiziphi izinguquko kuzinqubomgomo zezokugcinwa kwamabhuku ezimali ichaziwe kunqubomgomo mgomo ngayinye efanele.

Izitatimende zezezimali zihlelwe ngokulandela inqubo eyisisekelo yokugcinwa kwamabhuku ezimali futhi zihambisana nokuguqulwa kwezindleko ngokomlando, ngaphandle kwezindlela zezezimali ezenzelwe isilinganiso esifanelekile.

Lezi zinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezimali ziyahambisana nalezo zanyakenye.

Amazinga e-GRAP agunyazwe yi-Accounting Standards Board futhi ayasebenza nase-The Playhouse Company.

GRAP 1 ukwethulwa kwezitatimende zezezimali
GRAP 2 izitatimende zokungena nokuphuma kwemali
GRAP 3 izinqubogomo zokugcinwa kwamabhuku ezimali,uguquko ezilinganisweni zezimali kanye namaphutha
GRAP 4 umthelela wezinguquko zamanani ezimali zamanye amazwe okushintshiswana nawo
GRAP 9 inzuzo maqondana nokuhwebelana
GRAP 12 Izitokwe zenkampani
GRAP 13 Ukuqashisa
GRAP 14 Imicimbi eba khona ngemuva kosuku lokwethulwa kwemibiko
GRAP 17 izakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza
GRAP 19 Izihlinzekelo, izikweletu ezishintshayo kanye nempahla yokusebenza
GRAP 20 Izindaba eziphathelene nokuDalulwa Kokuhwebelana Nalabo Okusetshenziswana nabo
GRAP 23 Inzuzo etholakala ngeNtela Yokuhwebelana kanye Nemali Edluliselwayo
GRAP 24 Ukwethulwa kwemininingwane yesabelomali
GRAP 25 Imihlomulo Yabasebenzi
GRAP 26 Isimo esintengayo ngokwempahla engenisa imali
GRAP 31 Impahla yokusebenza engabonakali
GRAP 103 Impahla eyigugu
GRAP 104 Izinsizakusebenza zezezimali
GRAP 108 Imali ekweletwa ngokusemthethweni
IFRIC 22 Ukukalwa Kwezinga Lemali Yamanye Amazwe kanye nokubukela phambili

Lezi zitatimende ezilandelayo mayelana ne-Generally Recognised Accounting Practice (GRAP) ezikhishwa yi-Accounting Standards Board noma zikhishiwe kodwa azisebenzi e-The Playhouse Company:

GRAP 5 Okubolekwayo
GRAP 6 Izitatimende zezezimali ezihlanganisiwe kanye nokugcinwa kwamabhuku ezimali ezinhlaka ezilawulwayo
GRAP 7 Ukuhlelwa kwamabhuku emali etshalwe ezinkampanini okusetshenziswana nazo
GRAP 8 Umbiko wenzalomali ngokombimbi lwezinhlangano
GRAP 10 Umbiko wezezimali maqondana nokuguquka kwamandla ezomnotho
GRAP 11 Izinkontileka Zezokwakha
GRAP 16 Umhlaba osetshenziselwa ukutshalwa kwezimali
GRAP 18 Ukukhishwa kombiko wengxenye ethize
GRAP 21 Isimo esintengayo ngenxa yempahla engangenisi imali
GRAP 27 Ezolimo
GRAP 32 Izivumelwano Ngokwemisebenzi Edingekayo: Abahlomulisi
GRAP 100 Imisebenzi emisiwe
GRAP 105 Ukwedluliselwa Kwemisebenzi phakathi kweziNhlaka ezilawulwa Ngokujwayelekile
GRAP 106 Ukwedluliselwa Kwemisebenzi phakathi kwezinhlaka ezingalawulwa Ngokujwayelekile
GRAP 107 Ukuhlanganiswa Kwezinkampani
GRAP 109 Ukugcinwa Kwamabhuku Yizikhulu kanye Nabelekeleli
IFRS 4 Izinkontileka Zemishwalensi
IFRS 6 Ukuhlolwa kanye nokubhekisiswa kwezomnotho ombiwa phansi
IFRIC 12 Izivumelwano Ngokwemisebenzi Edingekayo
IAS 12 Imali yentela engenayo
IFRIC 4 Ukuthola ukuthi iSivumelwa sinayo yini iNkontileka Yokuqashiselana
IFRIC 12 Izivumelwano Ngokwemisebenzi Edingekayo
IFRIC 20 Izindleko zokuxebula eSigabeni Sokukhiqiza Ngaphezulu leMayini
IFRIC 23 Ukungaqiniseki ngendlela okuphathwa ngayo intela yemali engenile
SIC 25 Intela yemali engenayo- Ushintsho lwesimo sentela yoHlaka kumbe Abaninimasheya balo
SIC 29 Izivumelwano Ngokwemisebenzi Edingekayo– Ezidaluliwe
IGRAP 17 Izivumelwano Ngokwemisebenzi Edingekayo lapho uMhlomulisi Elawula khona intela ebonakalayo esuke isalele emuva empahleni
IGRAP 18 Ukwaziswa Nokushaywa Indiva Komhlaba
IGRAP 19 Izikweletu ukuze kukhokhwe intela
Imikhombandlela yezokugcinwa kwamabhuku ezimali ngenhloso yokwenza izivumelwano ngokoHlelo Lwezezindlu Lukazwelonke

## Izinqubomgomo Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali (kusaqhubeka)

Lezi zitatimende ezilandelayo mayelana ne-Generally Recognised Accounting Practice (GRAP) ezikhishwe abe-Accounting Standards Board seziyasebenza kodwa azikaqali ukusetshenziswa ngokugcwele ezikhungweni zikahulumeni ezingusheduli 3A no-3C kanye nasezikhungweni ezakhiwe ngokoMthethosisekelo:

| | ***Effective Date*** |
|---|---|
| GRAP 34 Izitatimende ezehlukene zezezimali | 01 kuMbasa wezi- 2020 |
| GRAP 35 Izitatimende ezihlanganisiwe zezezimali | 01 kuMbasa wezi- 2020 |
| GRAP 36 Ukutshalwa kwezimali kulabo okusetshenziswana nokubanjiswene nabo | 01 kuMbasa wezi- 2020 |
| GRAP 37 Izivumelwano ezihlanganyelwe | 01 kuMbasa wezi- 2020 |
| GRAP 38 Ukudalulwa kwezintshisekelo kwezinye izinhlaka | 01 kuMbasa wezi- 2020 |
| GRAP 110 Izinsizakusebenza eziphilayo nezingaphili | 01 kuMbasa wezi- 2020 |

Imigomo yokwamukelwa kanye nokulinganiswa kulezi zitatimende ze-GRAP ezingenhla uma kuqhathaniswa nezitatimende ze-GAAP ezishintshiwe ayihlukile noma ayinayo imiphumela eyehlukile ngokwempahla eyethuliwe futhi yavezwa kuzitatimende zezimali.

***1.2. Ukusetshenziswa kwezilinganiso kanye nezinqumo***

Uma kulungiswa izitatimende zezimali kulindeleke ukuba abaphathi bathathe izinqumo, benze izilinganiso babheke izinto ezingaba nomthelela ekusetshenzisweni kwezinqubomgomo zokuhlelwa kwamabhuku ezimali kanye namanani abikiwe empahla nezikweletu, imali engenile neyezindleko. Izilinganiso nokulindeleke ukuthi kungase kwenzeke kuncika kulokho osekwake kwenzeka phambilini kanye nokwehluka kwezimo okukholelwa ekutheni zifanelekile ngaphansi kwezimo ezikhona, imiphumela okuthathelwe kuyo izinqumo mayelana nokubaluleka kwempahla kanye nezikweletu akuveli kweminye imthombo. Imiphumela yangempela ingehluka kulezi zilinganiso.

Izilinganiso kanye nokulindeleke ukuba kungase kwenzeke kuyabuyekezwa njalo njalo. Ukubuyekezwa kwezilinganiso zamabhuku okuhlelwa kwezimali kwenziwa ngesikhathi kubhekisiswa izilinganiso uma ukubuyekeza kuthinta leso sikhathi kuphela noma isikhathi esizayo.

Okusemqoka,imininingwane mayelana nezilinganiso ezindaweni ezibalulekile, izinqumo ezinokungabazisa nezibucayi ezisetshenziswa maqondana nezinqubomgomo zokuhlolwa kwamabhuku ezimali okunomthelela omkhulu esambeni esivezwe esitatimendeni sezezimali zichazwa kulawa maphuzu alandelayo:
Note 1.3 Isakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza
Note 1.5 Impahla engabonakali
Note 1.13 Izihlinzekelo

***1.3. Isakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza***

Isakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza kubalwe ezindlekweni zangaphambilini kwasuswa ukwehla kwezinganani kanye nokuntenga. Ukubaluleka kwempahla yokusebenza kubonakale ngemuva kokubhekisisa zonke izinto eziphazamisa i-Playhouse Company. Ukubaluleka kwempahla yokusebenza kanye nokwehla kwamanani kuyabuyekezwa njalo ngonyaka bese kuthi nanoma iluphi ushintsho lwesilinganiso lusetshenziswa ekutholeni ukwehla kwezinga. Asikho isikweletu esilengisiwe maqondana nendawo, imishini kanye nempahla yokusebenza njengoba impahla isetshenziswe maqondana nomnotho.

Uma impahla ithathwe yisikhungo sikahulumeni/ somphakathi ngale kwezindleko (ukuthengiselana okungenamali)

Inani lempahla kuba yinani elamukelekile ngokohlelo lokwehliswa kwamanani. Lapho imakethe esebenzayo ingekho, inani elamukelekile lempahla litholakale ngokubheka enye impahla ethi ayifane naleyo.

Izingxenye ezinkulu ezisemqoka eziyizipele zithathwa njengesakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza uma isikhungo sikahulumeni sidinga ukuzisebenzisa ngaphezulu kokukodwa. Kuyafanake, uma lezi zingxenye ezisemqoka eziyizipele zingasentshenziselwa ukuxhumana nengxenye yesakhiwo umshini, kanye nempahla yokusebenza, lezi zinto zibalwa ngaphansi kwesakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza.

Ukwehla kwenani lempahla kubalwa ngendlela kalayini oqondile, ukuze kusulwe izindleko zempahla esilinganisweni senani lesikweletu esilengisiwe ngaphezu kwesilinganiso esisetshenzisiwe ngale ndlela elandelayo:

| | | |
|---|---|---|
| Izakhiwo | : | iminyaka engama-50 |
| Izimoto | : | iminyaka emi-5 kuya kwengama 29 |
| Impahla yasehhovisi nenye impahla yokusebenza | : | iminyaka emi-5 kuya kwengama- 39 |
| Amakhompyutha | : | iminyaka emi-3 kuya kwengama-26 |
| Isiteji | : | iminyaka emi-4 kuya kwengama-49 |
| Amathuluzi okusebenza | : | iminyaka emi-5 kuya kwengama-32 |

Awehli amanani omsebenzi wezobuciko bese kuthi imidwebo, izingubo zokugqoka kanjalo nemibhalo yomculo neyedrama

Imali esetshenziswe maqondana nengxenye yesakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza iyaguqulelwa emalini uma kubukeka sengathi imihlomulo yomnotho yangesikhathi esizayo yokusetshenziswa kwempahla izokwenyuswa. Konke okunye okwenzeka kamuva kubhekwa njengezindleko esikhathini okwenzeke ngaso.

***1.4. Ukuntenga***

*Impahla engasetshenziselwa ukwenza inzuzo*

Inani elikhona lempahla yenkampani i-Playhouse, ngaphandle kwesitokwe senkampani, kubhekwa ngazo zonke izinsuku ekubikwa ngazo ukuze kubhekisiswe ukuthi akukho yini ukuntenga okwenzakalayo. Uma kuvela noma iyiphi inkomba ekhona, kwenziwa inkomba yenani lempahla.

Inani lempahla elibuyiselekayo lingaphezu kwenani elisetshenziswayo futhi inani lakhona libiza kancane uma kuthengiswa. Uma kuhlolwa ukuntenga, isomo sempahla sihluzwa ngokuthola inani elisetshenziswayo. Uma impahla ilimele futhi ingeke isasebenziseka, inani layo yilelo layo njengoba ilimele.

Ukuntenga kubonakala uma kungukuthi inani elikhona liyadlula enanini elingabuyiseleka. Ukuntenga kubonakala enzuzweni noma ekulahlekelweni inzuzo.

*Ukuguqulwa kokuntenga*

Ukwehla kwentengo kuyaguquleka uma ngabe kubekhona ushintsho esilinganisweni esisetshenziselwe ukubhekisisa inani elingabuyiseleka. Ukwehla kwentengo kungabuyiseleka kuphela kuleso sikhathi lapho inani lempahla ekhona lingeqi inani elikhona lelo elimaqondana nemali esalayo yokwehla kwenani lempahla noma ukwehlelwa izinga, uma kungukuthi akukho ukuntenga okuke kwabonakala.

## Izinqubomgomo Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali (kusaqhubeka)

***1.5. Impahla engabonakali***

Impahla engabonakali ikhonjiswe ekwehleni kakhulu kwenani kanye nentengo eyehlile. Ukubaluleka kwempahla engabonakali kubhekisiswa njalo ngonyaka futhi uma kukhona ushintsho esilinganisweni kuyabhekisiswa ekubaleni inani elisele. Ukwehla kwezinga kubalwa ngendlela kalayini oqondile ukuze kusulwe izindleko zempahla engabonakali kubhekwa nesilinganiso sokubaluleka kwayo:

| | |
|---|---|
| I-Software | : iminyaka emi-2 kuya kwengama-19 |

***1.6. Impahla eyigugu***

Impahla eyigugu yileyo mpahla ehambisana namasiko, nemvelo, nomlando, nendalo, nesayensi, nobuchwepheshe noma nobuciko obukhulu futhi igcinwe kahle ukuze kuhlomule izizukulwane zamanje nezizayo.

Impahla eyigugu yaziwa ngokuthi yimpahla kuphela uma (a) kungenzeka ukuthi imihlomulo yomnotho wangesikhathi esizayo noma ukusetshenziswa kwayo kuzosiza isikhungo, ngokunjalo futhi (b) nenani elikahle lempahla lingalinganiswa ngokukholekayo.

Impahla eyigugu ukuze ifaneleke ukuba ithathwe ngokuthi yimpahla kumele ikalwe ngontengo yayo

Lapho impahla eyigugu itholakala ngendlela engenakho ukuhwebelwana , intengo yayo izokalwa ngokwezinga layo kanye nosuku etholakale ngalo

Ngemuva kokumukelwa kwayo njengempahla, uhlobo oluthile lwempahla eyigugu kumele lube amanani ajwayelekile futhi kususwe nanoma yiziphi ezinye izindleko zokuntenga okwenzekile.

***1.7. Isitokwe senkampani***

Isitokwe senkampani silinganiswa ngenani eliphansi kanye nenani lemali esalayo ekhonekayo. Izindleko zesitokwe senkampani zihlanganisa zonke izindleko zokuthenga, ukuguqulwa kwempahla kanye nezinye izindleko nemibandela ebe khona ngesikhathi kulethwa leso sitokwe endaweni esikuyona futhi sibonakala ngokusebenzisa uhlelo lokuthi impahla efike kuqala iyona ekhishwa kuqala. Isitokwe esingasenakusebenziseka, esingasenamsebenzi kanye nesihamba kancane sizohlonzwa zikhathi zonke bese sibhalwa phansi ngokwezilinganiso zaso zamanani emali ekhonekayo.

***1.8. Izinsizakusebenza zezimali***

*Izilinganiso*

Izinsizakusebenza zezimali zilinganiselwa ngezindleko ezihlanganisa izindleko zokuthengiselana. Okunye okwenzeka ngalezi zinsizakusebenza zezimali ukuthi zilinganiswe ngale ndlela ekuchazwe ngayo lapha ngezansi:

*Uhwebo kanye nemali engase yamukelwe*

Uhwebo kanye nenye imali engase yamukelwe enkampanini i-Playhouse kwenziwa ngokwamanani angaphansi kwezihlinzekelo zezikweletu ezingabazekayo. Imali engase imukelwe iyasulwa uma kubonakala ukuthi ngeke isatholakala. Izaphulelo zohwebo kanye nemali engase yamukelwe nezihlinzekelo zezikweletu ezingabazekayo kwezikweletu kwenziwa ngokusebenzisa izilinganiso zenzalo uma kunesidingo.

*Ukheshi nokungaba ukheshi*

Ukheshi nokungaba ukheshi kulinganiswa ngokwenani eliyifanele impahla.

*Uhwebo kanye nokunye okukweletwayo*

Uhwebo kanye nokunye okukweletwayo enkampanini i-Playhouse kwenziwa ngokwamanani ezindleko. Izaphulelo zohwebo kanye nokunye okukweletwayo kwenziwa ngokusebenzisa izilinganiso zenzalo uma kunesidingo.

*Ukuhlomula kanye nokulahlekelwa uma kwenziwa izilinganiso*

Ukuhlomula kanye nokulahlekelwa kakhulu okusukela ekushintsheni kwesilinganiso senani lezinsiza kusebenza zezimali ezingeyona ingxenye esebenza isikhathi eside kubalwa enzuzweni esalayo noma emalini elahlekile ngesikhathi kwenziwa ushintsho.

***1.9. Uhlelo lomhlomulo womhlalaphansi***

Kuyinqubomngomo yenkampani i-Playhouse ukuhlinzeka ngemihlomulo yomhlalaphansi kubasebenzi. Izimali ezibekwa yinkampani i-Playhouse ngokohlelo lokubekelela imali nohlelo lwemihlomulo ziyizindleko ezisemqoka kakhulu.

***1.10. Inzuzo etholakala ngokuthengiselana okungenazindleko***

Inzuzo etholakala ngokuthengiselana okungenazindleko iqhamuka uma isikhungo samukela inani elithile kwesinye isikhungo ngaphandle kokunikeza ngqo inani elicishe lilingane uma kushintshiselwana. Impahla etholakale ngokuthengiselana okungenazindleko kumele ilinganiswe ngenani elifanele ngosuku etholakale ngalo.

Le nzuzo izolinganiswa ngokwenani elenyukile emalini esalayo yempahla ngokwesikhungo

Ukungena kwempahla ngokwenzuzo yokuthengiselana kumele kuthathwe njengenzuzo, ngaphandle uma kukhona leso sikweletu esikhona kuleso sitokwe esifanayo. Njengoba inkampani ikwamuleka ukuthi isibopho esikhombisa isikweletu ngokokungena kwempahla etholakale ngokuthengiselana, kwehlisa inani elikhona lezikweletu njengalokhu kubhekwa ukwehla ngokulinganayo.

I-PlayhouseCompany isingene esivumelwaneni sokuqashiselana sokusebenzisa mahhala izingxenye ezithile zomhlaba kanye nezakhiwo.

## Izinqubomgomo Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali (kusaqhubeka)

***1.11. Inzuzo***

*Izibonelelo*

Izibonelelo ezimaqondana nemali esetshenziselwa ukuqhuba umsebenzi zithathwa njengenzuzo uma kungukuthi kunemali edluliselwe esikhungweni ezomukelwa futhi lelo nani lemali lingalinganiseka ngokuthembeka, uma kukhona isibopho esikhona sokusebenzisa isitokwe ngenye indlela noma isitokwe sibuyiselwe kumnikazi. Lapho kudingeka khona ukuba isitokwe sisebenze ngendlela ethize ngokungahambisani nokudingekayo ukuze kubuyiselwe lezo zitokwe, lapho-ke akukho sibopho esikhona kanye nenzuzo ebonakalayo. Lapho isibopho sikhona, isitokwe sibhekwa njengenzuzo engene ngaphambi kwesikhathi kuze kube ukuthi kuyahlangabezwana nalezi zibopho ukuze zibonakale njengenzuzo.

Izibonelelo ezimaqondana nokuthengwa kanye nokwakhiwa kwempahla yokusebenza zithathwa ngokuthi ziyinzuzo uma kungukuthi kunemali edluliselwe ezotholakala futhi inani laleyo mali lingalinganiseka ngokuthembeka, uma kukhona isibopho esikhona sokusebenzisa isitokwe ngenye indlela noma isitokwe sibuyiselwe kumnikazi. Lapho kudingeka khona ukuba isitokwe sisebenze ngendlela ethize ngokungahambisani nokudingekayo ukuze kubuyiselwe lezo zitokwe, lapho-ke akukho sibopho esikhona kanye nenzuzo ebonakalayo. Lapho isibopho sikhona, isitokwe sibhekwa njengenzuzo engene ngaphambi kwesikhathi kuze kube ukuthi kuyahlangabezwana nalezi zibopho ukuze zibonakale njengenzuzo.

*Inzalo engenile*

Inzalo engenile ibonakala ngokuhamba esikhathi, kubhekwa imali ekweletwayo kanye namazinga asebenza ngaleso sikhathi kuze kuba kushaya isikhathi sokuvuthwa, uma kwenzeka leyo mali iba yingeniso elingakakhokhwa yi- Playhouse Company.

*Ihhovisi elidayisa amathikithi kanye nemali engenayo ehambisana nalo*

Ihhovisi elidayisa amathikithi kanye nemali engenayo ehambisana nalo kubonakala emva kokuba sewube khona umdlalo. Amathikithi amahhala akhishelwa ukuqhakambisa kanye nokumaketha umdlalo awananani futhi awabalwa emalini etholakala ehhovisi lokudayisa amathikithi kanye nasemalini engenayo ehambisana naleli hhovisi.

*Ezinye izimali ezingenayo*

Ezinye izimali ezingenayo zibonakala uma kungukuthi umhlomulo womnotho wangesikhathi esizayoubonakala ukuthi uzongena e-Playhouse Company futhi ungalinganiseka ngokufanele.

***1.12. Imisebenzi engakhokhelwa ngemali***

Imisebenzi engakhokhelwa ngemali ithathwa ngokwezinga layo uma izobaluleka ekwenziweni komsebenzi kanye/noma ngokwezinjongo zokunikezela ngemisebenzi futhi uma kucaca ukuthi imihlomulo yezomnotho yesikhathi esizayo izogeleza ingena enkampanini ngokunjalo futhi nezinga lempahla lingakalwa ngendlela enokuthembeka. Uma imisebenzi engakhokhelwa ngemali ingabalulekile ekwenziweni komsebenzi kanye nasezinjongweni zokunikezela ngemisebenzi futhi ingahambisani nezindlela kanye nezinhlobo zemisebenzi engakhokhelwa ngemali etholakale ngesikhathi sokubika.

***1.13. Izihlinzeko***

Izihlinzeko zibonakala uma i- Playhouse Company yethula izibopho zangokomthetho neziphusile ngenxa yokwenzeka phambilini, okungenzeka kube khona ukuphuma kwenzuzo yomnotho, kanye nalapho izilinganiso ezikholekayo zenziwa ngenani lezibophezelo. Uma kwenziwe izaphulelo, izihlinzeko nazo ziyehliswa. Isilinganiso senani lesaphulelo yileso esihambisana nokuhlolwa kwamanani emakethe ngokunjalo nezinkinga zezikweletu ezithize.

***1.14. Ukheshi kanye nokungaba ukheshi***

Ngokwesitatimende sokungena nokuphuma kwemali, ukheshi kanye nokungaba ukheshi kufaka imali esesandleni, imali efakwe ebhange, kanye nemali etshalwe ezimakethe zezimali, imali esele ye-ovadrafthi, nayo yonkeenye imali ekhona nengatholakala ukuba isetshenziswe yi- Playhouse Company,ngaphandle uma kuchazwe ngenye indlela.

***1.15. Isivumelwano sebhizinisi nenye inhlangano***

Isivumelwano sebhizinisi phakathi kwezinhlangano sisho ukudluliselana ngezinsizakusebenza noma izibopho phakathi kwezinhlangano ezisebenzisanayo, ngaphandle kokubheka ukuthi kuyakhokhelwana yini. Izinhlangano zithathwa ngokuthi ziyasebenzisa uma enye inhlangano inamandla okulawula lena enye inhlangano noma isebenzise amandla ayo ekuthatheni izinqumo zokusetshenziswa kwemali noma impahla yenye inhlangano noma-ke uma lezi zinhlangano zingaphansi kolawulo olufanayo.Amanothi okuba sobala aveza yonke imininingwane yesivumelwana sebhizinisi phakathi kwezinhlangano ezisebenzisanayo.

***1.16. Izibophezelo***

Izibophezelo zisho izimpahla/ imisebenzi esigunyaziwe futhi/noma esinikwe inkontileka, kepha leyo mpahla/ umsebenzi ungakahlinzekwa ngosuku lokubika. Izibophezelo azibalwa esitatimendeni sezimali njengezikweletu noma njengezindleko esitatimendeni sokusebenza kwezimali kodwa zibalwa emanothini okuveza obala.

***1.17. Ukuqhathaniswa kwezinombolo***

Ukuqhathaniswa kwezinombolo sekuhlelwe kabusha ukuze kuvumelane nokwenza ushintsho ekwenziweni kwezethulo nokucacisa kahle, uma kunesidingo.

***1.18. Isesekelo sokukhathazeka***

Kulandelwe indlela yokusebenza esetshenziswa yizinkampani ezenza inzuzo ngesikhathi kwenziwa izitatimende zezezimali. Abaphathi abanasizathu sokukholwa ukuthi inkampani angeke ikwazi ukuba yinkampani eyenza inzuzo ngesikhathi esizayo, ngokokuzibophezela koMnyango Wezobuciko Namasiko, emalini ekhona kanye nezinsiza. I-Playhouse Company ithole uxhaso olwabiwe ngokwe-MTEF sisuswa eMnyangweni Wezobuciko Namasiko eminyakeni emithathu (3) ezayo.

***1.19. Imali engenile edluliselwe onyakeni olandelayo***

Izikweletu zidalwa yimali etholakala ngezibonelelo ezinemibandela. Imali engenayo ngenxa yalezi zibonelelo iyedluliswa kuze kufike leso sikhathi lapho kuhlangatshezwana khona nemibandela yesibonelelo. Isikweletu sesibonelelo esedlulisiwe sikhishwa uma sekunemali engenile.

## Izinqubomgomo Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali (kusaqhubeka)

***1.20. Imininingwane Ngesabelomali***

Isabelomali esigunyaziwe senziwa ngokwemali ekhona bese sethulwa ngokokwehlukana kwemikhakha esebenzayo exhumene nemiphumela yezinjongo zokwenizwa komsebenzi, lapho kudingeka khona. Isabelomali esigunyaziwe esonyakamali oqala lulunye kuMbasa kuya zingama-31 kuNdasa. Izitatimende zezezimali kanye nesabelomali akuzona izisekelo zokugcinwa kwamabhulu ezimali. Imininingwane yezitatimende zezezimali eziyizo ezikhona lwethulwa ngokuthi kuqhathaniswe nemininingwane yesabelomali. Ukuqhathanisa kanye nokulungisa phakathi kwezitatimende zokusebenza kwezezimali kanye nesabelomali esikhathini sokubika kuyingxenye yeSitatimende Sokuqhathanisa Isabelomali kanye Nesamba Okuyiso Esikhona.

Imali esalayo ngokwesitatimende ngasinye sezezimali ihlanganiswa nemali esalile ngokwesabelomali kanye nempahla esalile njengalokhu kunquma uhlaka olubhekele ezempahla, kuchazwe eSitatimendeni Sokuqhathanisa Isabelomali kanye Nesamba Okuyiso Esikhona

***1.21. Ukudayiselana ngemali yakwamanye amazwe***

Ukudayiselana ngemali yakwamanye amazwe kurekhodwa ngokwesilinganiso sokuhwebelana esilawula ukudayiselana ngaleso sikhathi sokudayiselana. Umehluko oba khona lapho kukhokhelwana ngemali noma impahla ishintshwa iba yimali ngaleso sikhathi kumbe ezitatimendeni zezimali ezedlule kukalwa ngenzalo kumbme ukulahlekelwa ngaleso sikhathi okwenzeke ngaso. Inzuzo nokulahlekelwa ngokudayiselana kubizwa kumbe kukhokhwe ngokwemali engenile ngokokusebenza kwezitatimende zezezimali.

# Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali

| | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|
| | **R** | **R** |
| **2. IMPAHLA** | | |
| ***2.1. Impahla eyigugu*** | | |
| **Imali okuvulwe ngayo** | 88 330 000 | 88 330 000 |
| Isamba esikhona semali okuvulwe ngayo singakanconzulwa | 88 330 000 | 88 330 000 |
| Ukwehla kakhulu kwenani lempahla | - | - |
| **Imali okuvalwe ngayo ekupheleni konyaka** | **88 330 000** | **88 330 000** |

Impahla eyigugu ifaka umhlaba kanye nezakhiwo: Ingxenye 1 yeSiza 10636 eThekwini. Inani lesakhiwo lanqunywa nguMasipala weTheku ngoNhlaba wezi-2008.

Impahla eyigugu yamukelwa okokuqala ngqa ngoNdasa wonyaka wezi-2011 ngokwe-Grap 23 – Inzuzo etholakale ngokudayiselana okungakhokhelwa mali, intela nezimal ezidluliselwayo.

Umhlaba kanye nezakhiwo kubhaliswe egameni loMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi. I-Playhouse Company iqashe umhlaba kanye nezakhiwo eMnyangweni Wezemisebenzi Yomphakathi.

Ngowesigaba 66 soMthetho Wokwenganyelwa Kwezimali Zomphakathi (PFMA), i- Playhouse Company akumele isebenzise impahla engagudluki, kubandakaya ukusebenzisa izimpahla eziyigugu njengesibambiso kanti umhlaba nezakhiwo nazo ziyizimpahla okungeke kwabanjiswa ngazo.

Ayikho impahla eyigugu eyoba yisibambiso.

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

***2.2. Ukuhlanganiswa kwenani elilinganiselwe lesakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza***

| | Izimoto | Ukunakekelwa kwezipele | Impahla yasehhovisi kanye nenye impahla yokusebenza | Impahla yamakhompyutha | Impahla yasesiteji | Impahla yokusebenza | Umsebenzi wezobuciko | Impahla eqashisayo (impahla yasehhovisi, umhlaba kanye nezakhiwo | Isamba |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | R | R | R | R | R | R | R | R | R |
| **Imali okuvulwe ngayo ngomhla lu- 1 kuMbasa kowezi-2018** | **1 411 521** | **27 058** | **2 569 575** | **1 343 830** | **19 055 160** | **190 188** | 450 974 | **75 883 036** | **100 931 342** |
| Isamba esikhona okuvulwe ngaso singakanconzulwa | 4 589 557 | 27 058 | 12 865 134 | 3 218 257 | 53 574 580 | 559 051 | 450 974 | 136 434 345 | 211 718 956 |
| Ukwehla kakhulu kwenani lempahla | (3 178 036) | - | (10 295 559) | (1 874 427) | (34 519 420) | (368 863) | - | (60 551 309) | (110 787 614) |
| WIP | - | - | - | - | - | - | - | - | - |
| Okwengeziwe | - | - | 641 678 | 327 211 | 314 121 | 29 786 | - | 447 385 | 1 760 181 |
| Ukulungiswa kwenani kube ngelifanelekile | - | - | - | - | - | - | - | - | - |
| Impahla edluliselwe | - | - | - | - | - | - | - | - | - |
| Ukuntenga | - | - | - | - | - | - | - | - | - |
| WIP | - | - | - | - | - | - | - | 26 916 353 | 26 916 353 |
| Ukwehla kwezinganani lempahla | (660 223) | - | (925 274) | (621 091) | (8 921 113) | (65 640) | - | (13 577 829) | (24 771 170) |
| Ukulungiswa kabusha kwezinganani lempahla | 435 205 | - | 267 363 | 197 456 | 4 655 731 | 7 026 | - | 1 001 733 | 6 564 514 |
| **Okulahliwe** | (11 149) | - | (3) | (4 497) | (168 424) | - | - | - | (184 073) |
| intengo | (149 537) | - | (52 831) | (25 424) | (2 448 778) | | - | - | (2 676 570) |
| Ukwehla kakhulu kwezinganani lempahla | 138 388 | - | 52 828 | 20 927 | 2 280 354 | | - | - | 2 492 497 |
| **Imali okuvalwe ngayo ngomhla zingama- 31 kuNdasa wezi-2019** | **1 175 354** | **27 058** | **2 553 339** | **1 242 909** | **14 935 474** | **161 360** | **450 974** | **90 670 678** | **111 217 147** |
| Isamba esikhona okuvulwe ngaso singakanconzulwa | 4 440 020 | 27 058 | 13 453 981 | 3 520 044 | 51 439 923 | 588 837 | 450 974 | 136 881 730 | 210 802 567 |
| Ukwehla kakhulu kwezinganani lempahla | (3 264 666) | - | (10 900 642) | (2 277 135) | (36 504 448) | (427 477) | - | (73 127 405) | (126 501 773) |
| WIP | - | - | - | - | - | - | - | 26 916 353 | 26 916 353 |
| Okwengeziwe | - | - | 411 998 | 740 223 | 3 140 887 | - | - | 606 483 | 4 899 591 |
| Ukulungiswa kwenani kube ngelifanelekile | - | - | - | - | - | - | - | - | - |
| Impahla edluliselwe | - | - | - | 2 275 182 | 24 641 172 | - | - | - | 26 916 354 |
| WIP | - | - | - | - | - | - | - | (26 338 629) | (26 338 629) |
| Ukwehla kwezinga lempahla | (543 172) | - | (997 595) | (1 083 099) | (9 042 701) | (69 242) | - | (12 538 717) | (24 274 526) |
| Ukulungiswa kabusha kwezinganani lempahla | 512 325 | - | 302 914 | 306 175 | 1 430 902 | 14 117 | - | 5 407 125 | 7 973 558 |
| **Okulahliwe** | - | - | (2 713) | - | (1 857) | - | - | - | (4 570) |
| Intengo | - | - | (3 876) | - | (42 952) | | | | (46 828) |
| Ukwehla kakhulu kwezinganani lempahla | - | - | 1 163 | - | 41 095 | | | | 42 258 |
| **Imali okuvulwe ngayo ngomhla zingama- 31 kuNdasa wezi- 2020** | **1 144 507** | **27 058** | **2 267 943** | **3 481 390** | **35 103 877** | **106 235** | **450 974** | **57 806 940** | **100 388 925** |
| Isamba okuvulwe ngaso esikhona esingakanconzulwa | 4 440 020 | 27 058 | 13 862 103 | 6 535 449 | 79 179 030 | 588 837 | 450 974 | 137 488 213 | 242 571 684 |
| Ukwehla kakhulu kwenani lempahla | (3 295 513) | - | (11 594 160) | (3 054 059) | (44 075 153) | (482 602) | - | (80 258 997) | (142 760 483) |
| WIP | - | - | - | - | - | - | - | 557 724 | 557 724 |

Umhlaba kanye nezakhiwo ezikhona zimi kanje:
1. Izinsalela Zengxenye 3 yeSiza 615 esise-Brickfield
2. Ingxenye 3 yeSiza 10635 eThekwini
Umhlaba kanye nezakhiwo kubhaliswe egameni loMnyango Wezemisebenzi Yomphakath. Inkampani i-Playhouse iqashisa ngomhlaba kanye nezakhiwo ngaphandle kokubonisana noMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi. Uhlelo oluhle lokuthola ukwehla kwezinganani lempahla kanye nesamba esisalayo sempahla yokusebenza lwenziwa njalo ngonyaka, bese kulungiswa lapho kunesidingo khona.

Izindleko zokunakekela zifinyelela kuma- R2, 492,593 (2019: R2, 119,733) zakhokhelwa abahlinzeka ngemisebenzi bangaphandle.
Amaholo abasebenzi bangaphakathi ababhekele ukunakekela afinyelela kuma-R4, 927,333 (ngowezi-2019: R4, 858,781).
Akukho mhlaba, mshini kumbe impahla yokusebenza ezoba yisibambiso.

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zezezimali (ayaqhubeka)

| | | Software | Total |
|---|---|---|---|
| *2.3.* | *Impahla engabonakali* | R | R |
| | **Imali okuvulwe ngayo mhla lulu-1 kuMbasa wezi-2018** | **407 588** | **407 588** |
| | Imali okuvulwe ngayo engakancozulwa | 1 454 367 | 1 454 367 |
| | Ukuqhubeka kokwehla kwezinga | (1 046 779) | (1 046 779) |
| | Okwengeziwe | 106 090 | 106 090 |
| | Ukwehlelwa yizinga kwempahla | (356 498) | (356 498) |
| | Ukulungiswa kokwehla kwezinga lempahla | 443 811 | 443 811 |
| | **Okulahliwe** | - | - |
| | intengo | - | - |
| | Ukuqhubeka kokwehla kwezinga lempahla | - | - |
| | **Imali okuvulwe ngayo ngoNdasa wezi-2019** | **600 991** | **600 991** |
| | Imali okuvulwe ngayo ingakancozulwa | 1 560 457 | 1 560 457 |
| | Ukuqhubeka kokwehla kwezinga lempahla | (959 466) | (959 466) |
| | Okwengeziwe | 513 126 | 513 126 |
| | Ukwehlelwa yizinga kwempahla | (343 614) | (343 614) |
| | Ukulungiswa kokwehlelwa yizinga kwempahla | 1 645 | 1 645 |
| | **Okulahliwe** | - | - |
| | Intengo | - | - |
| | Ukuqhubeka kokwehlelwa yizinga kwempahla | - | - |
| | **Imali okuvulwe ngayo kuNdasa wezi- 2020** | **772 148** | **772 148** |
| | Imali okuvulwe ngayo ingakancozulwa | 2 073 583 | 2 073 583 |
| | Ukuqhubeka kokwehla kwezinga lempahla | (1 301 435) | (1 301 435) |
| | Ukulungiswa kokwehla kwenani kufakwe kanye nokwehla kwezinganani lempahla. | | |

| | | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| *2.4.* | *Iziliganiso zoguquko* | 7 975 203 | 7 008 326 |

Ukulungiswa kokwehla kwenani kanye nokwehla kwezinganani lempahla. I-The Playhouse Company ihlola ukubaluleka kwempahla ekupheleni kwesikhathi sokubika. Lapho impahla yehlelwa kakhulu yizinga kusukela ngaphambi kwesikhathi sokubika, ukubaluleka kwempahla kumele kwandiswe ngeminyakka emithathu. Imiphumela eyisilinganiso yoguquko igcina isiyizindleko zokwehla kweziganani lempahla ngonyaka okulungiswa ngawo. Umthelela woguquko eminaykeno elandelayo ugcina usuwenyusa ukwehla kwezinganani lempahla ngeninyaka emithathu uma impahla isetshenziswa.

| | | 2020 R | 2019 R |
|---|---|---|---|
| **3.** | **ISITOKWE SENKAMPANI** | | |
| | Abaphekayo | 146 911 | 113 371 |
| | Indawo yokusebenzela | 292 768 | 183 902 |
| | Iwadilobhu | 94 085 | 94 436 |
| | Indawo ejwayelekile yokugcina impahla | 133 518 | 123 354 |
| | **Isamba** | **667 282** | **515 063** |
| **4.** | **UHWEBO KANYE NENYE IMALI ENGASE YAMUKELWE** | | |
| | Uhwebo lokungase kwamukelwe | 532 866 | 704 275 |
| | Izikweletu zabasebenzi | 1 533 | 5 434 |
| | Enye Imali engase yamukelwe | 1 352 555 | 1 827 558 |
| | | 1 886 954 | 2 537 267 |
| | Kususwe: Imali yabakweletayo | (445 079) | (414 464) |
| | **Isamba** | **1 441 875** | **2 122 803** |
| *4.1.* | *Ukuthinteka kwezinto eziqondene nokuntenga kohwebo lokungakamukelwa* | | |
| | **Imali okuvulwe ngayo mhla lulu 1 kuMbasa** | **414 464** | **177 370** |
| | Izihlinzekelo Zokuntenga kwemali engakamukelwa | 247 171 | 237 094 |
| | Imali engakamukelwa esuliwe phakathi nonyaka njengengaqoqwanga | (47 444) | - |
| | Ukubuyiselwa kwemali engasebenzanga | (169 112) | - |
| | Ukulungiswa kwezaphulelo | - | - |
| | **Imali okuvalwe ngayo mhla zingama 31 kuNdasa** | **445 079** | **414 464** |

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

| | | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| **5.** | **UKHESHI KANYE NOKUNGABA UKHESHI EKUPHELENI KONYAKA** | | |
| | Ukheshi okhona njengamanje | 33 478 600 | 28 917 875 |
| | **Utshalomali - Idiphozithi engashintshi** | 55 938 441 | 59 141 461 |
| | Ukheshi ongaba khona ngemuva kwezinsuku ezingama-30 | - | 4 328 500 |
| | Ukheshi ongaba khona ngemuva kwezinsuku ezingama-60 | 18 146 697 | 22 489 210 |
| | Ukheshi ongaba khona ngemuva kwezinsuku ezingama-90 | 37 791 744 | 32 323 751 |
| | **Isamba** | **89 417 041** | **88 059 336** |

Kwethenjiswa ukuthi kukhishwe imali engama- R274 966 kanye nama- R30 360 ibe yisibambiso segaranti esikhishwa u-FNB egameni le-Playhouse Company ukuze maqondana noMasipala waseThekwini kanye nabe-Postmaster. Le garanti iyophelelwa yisikhathi mhla zingama-31 kuZibandlela wezi-2025 futhi ngeke ivuselelwe.

| | | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|---|
| **6.** | **IMALI ENGENILE EDLULISELWE EMINYAKENI ELANDELAYO** | | |
| | Isibonelelo esitholwa ngaphambi kwesikhathi | | |
| | UMnyango  Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke | 20 482 905 | 15 255 246 |
| | UMasipala waseThekwini | 500 000 | - |
| | **Isamba** | **20 982 905** | **15 255 246** |
| **7.** | **UHWEBO ENYE IMALI ENGAHLE IKWELETWE** | | |
| | Inkokhelo yokuhweba | 1 354 506 | 1 477 710 |
| | Okunye okungahle kukweletwe kanye nokwenyuka kwenkokhelo | 1 331 113 | 3 468 812 |
| | Ukwenyuka kwenkokhelo yamalivu | 2 635 700 | 2 749 454 |
| | Ukwenyuka kwenkokhelo yamabhonasi | 1 035 450 | 1 008 291 |
| | **Isamba** | **6 356 769** | **8 704 267** |
| **8.** | **IMISEBENZI, IZAKHIWO KANYE NEMPAHLA YOKUSEBENZA** | | |
| | Ukuqashwa kwezindawo zokunandisa, impahla,okusebenza esiteji kanye nesiteji esingumahambanendlwana | 2 818 128 | 2 980 474 |
| | Imali engena ehhovisi elidayisa amathikithi | 2 020 928 | 1 773 447 |
| | Imali etholwe ngerenti | 540 401 | 553 085 |
| | Imali etholakale e-Bar nangokudayisa ezinye izinto | 235 468 | 441 701 |
| | Imicimbi | 459 734 | 472 918 |
| | Imali yekhomishini ekhokhelwa ihhovisi elidayisa amathikithi- imibukiso yangaphandle | 192 537 | 475 689 |
| | Inzuzo etholakale ngokudayiswa kwezimoto | 1 163 | - |
| | Imali engena ngezinhlelo ezehlukene – ukwamukelwa kwabantu, ukuthengwa kwamathikithi(ikhomishini) | 173 892 | 458 313 |
| | **Isamba** | **6 442 251** | **7 155 627** |
| **9.** | **IZIBONELELO** | | |
| | Mnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke (DAC) | 52 485 000 | 49 274 000 |
| | Isibonelelo Esisetshenziselwa Izinhlelo Ezinkulu Eziyisipesheli  – (DAC) | 951 340 | 27 840 171 |
| | UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali | 9 141 000 | 8 657 000 |
| | UMasipala waseThekwini | 1 500 000 | - |
| | **Isamba** | **64 077 340** | **85 771 171** |

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

| | Amanothi | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| **10. UKWEHLA KWEZINGANANI KANYE NOKWEHLA KWENANI LEMPAHLA** | | | |
| **Ukwehla kwezinga lezakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza:** | | 16 302 874 | 18 206 656 |
| Izimoto | | 543 172 | 660 223 |
| Impahla yasehhovisi kanye nenye impahla yokusebenza | | 997 595 | 925 274 |
| Imphahla yamakhomyutha | | 1 083 099 | 621 091 |
| Impahla yasesiteji | | 9 042 701 | 8 921 113 |
| Impahla yasendaweni yokusebenzela | | 69 242 | 65 640 |
| Impahla ebolekisiwe | | 12 538 718 | 13 577 829 |
| | | 24 274 527 | 24 771 170 |
| Ukulungiswa kokwehla kwezinganani lempahla | | (7 973 558) | (6 564 514) |
| Ukwehla kwezinga lempahla | | 341 969 | (87 313) |
| Impahlal engabonakali | | 343 614 | 356 498 |
| Ukulungiswa kokwehlelwa yizinga kwempahla | | (1 645) | (443 811) |
| **Isamba** | | **16 642 938** | **18 119 343** |
| **11. IZINDLEKO EZIPHATHELENE NABASEBENZI** | | | |
| Amaholo | | 27 224 951 | 26 052 781 |
| Okwenzeka kungahlelelwe | | 1 580 534 | 2 338 372 |
| Isikhwama sempesheni(Provident Fund) | | 3 896 977 | 3 730 428 |
| I- Medical aid | | 823 942 | 835 749 |
| I- Uif | | 158 305 | 167 795 |
| IBhonasi (13th Cheque) | | 2 224 888 | 2 164 341 |
| Ukusebenza isikhathi esengeziwe | | 105 458 | 229 537 |
| Ilivu | | (15 311) | 813 714 |
| Uxhaso lwezezindlu | | 959 646 | 892 000 |
| Imiklomelo yokusebenza isikhathi eside | | 36 180 | 26 460 |
| **Isamba** | | **36 995 570** | **37 251 177** |
| **12. IZINDLEKO EZIVAMILE** | | | |
| Imali yokucwaningwa kwamabhuku | | 1 690 325 | 1 352 542 |
| Izindleko zebhange | | 120 384 | 159 641 |
| Izingqungquthela Nezithunywa | | 470 540 | 107 979 |
| Imali yokuxhumana nongoti | | 43 870 | 25 300 |
| Impahla engahlali isikhathi eside | | 938 087 | 905 114 |
| UMkhandlu – ukwethanyelwa kwemihlangano | | 236 581 | 113 013 |
| UMkhandlu – izindleko zokuhamba | | 809 480 | 551 703 |
| Uphethiloli namafutha | | 122 167 | 169 344 |
| Ukulahlekelwa ngokuhwebelana namazwe angaphandle (opera stage lifts) | | 8 149 | 754 473 |
| Umshwalensi | | 365 448 | 438 353 |
| Izindleko zezomthetho | | 200 531 | 181 988 |
| Imali yamalayisensi - ezimoto | | 273 490 | 264 444 |
| Ukulahlekwlea ngokudayiswa kwempahla | | 1 857 | 184 073 |
| Ukumaketha nokukhangisa | | 793 374 | 1 196 792 |
| Okunye | | 964 743 | 1 322 302 |
| Ukuphrinta kanye namaphepha asehhovisi | | 286 402 | 368 484 |
| Imali ekhokhelwa ongoti | | 751 342 | 623 624 |
| Ukushiilela nokukhokhela imisebenzi ethile | | 69 994 | 59 370 |
| Izindleko zocingo | | 220 373 | 252 132 |
| Ukuqeqeshwa | | 310 469 | 306 661 |
| Izindleko zezinkambo nokulala –emazweni angaphandle | | 340 137 | 521 184 |
| Izindleko zezinkambo nokulala - kuleli | | 638 175 | 537 224 |
| Umfaniswano nana-overall | | 219 243 | 182 878 |
| Amanzi | | 583 300 | 533 113 |
| **Isamba** | | **10 458 461** | **11 111 731** |

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

| | Amanothi | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| **13. IMALI ESETSHENZISELWE UKUNAKEKELA** | | | |
| Izakhiwo | | 1 828 838 | 1 516 877 |
| Impahla ebhekele ukucinywa komlilo | | 100 336 | 97 113 |
| Izimoto | | 314 908 | 270 449 |
| Imishini emikhulu, imishini kanye nempahla yokusebenza | | 256 380 | 227 232 |
| Okuvamile | | 3 020 | 8 062 |
| **Isamba** | | **2 503 482** | **2 119 733** |
| **14. IZINDLEKO ZEMIBUKISO** | | | |
| Imibukiso nezindumezulu zemicimbi | | 12 942 224 | 19 784 076 |
| Ukwamukelwa kwabantu | | 26 269 | 175 655 |
| Izindleko zamabhanoyi nezindawo zokulala | | 1 289 459 | 865 173 |
| Imali yamaciko | | 8 728 360 | 13 611 394 |
| Ukumaketha nokuvukuza umphakathi | | 881 514 | 2 205 366 |
| Impahla | | 344 944 | 593 015 |
| Impahla yokusebenza kanye nokuqasha indawo | | 30 103 | 645 572 |
| Imali ekhokhelwa abanikazi bemibukiso kanye namalayisensi | | 464 286 | 164 831 |
| Izindleko zezinkambo kanye nokulala | | 1 177 289 | 1 523 070 |
| Abaqashwa ngaphandle | | (128 499) | 173 045 |
| Isiteji esingumahambanendlwana | | 13 071 | 7 023 |
| **Isamba** | | **12 826 796** | **19 964 144** |

### 15. (IMALI ESHODILE) IMALI ESALILE ONYAKENI

Imali (eshodile)esalile ngonyaka wezi- 2020 & 2019 ihlanganisa nemali eyangenela ukuqalisa umsebenzi ngokwe-GRAP 23 - Imali Engenile iphuma emalini yentela kanye nentela kamasipala kanye nemali edluliselwayo okungashintshisanwa ngayo

Ngokwendima 53(3) yoMthetho Obhekele Ukulawulwa Kwezimali Zikahulumeni, we-1999, izikhungo zikahulumeni angeke zenze isabelomali esizoshoda futhi ngeke zibe nemali eningi esalayo ngaphandle uma kunemvume ebhalwe phansi ekhishwa nguMgcinimafa Kazwelonke.

I-The Playhouse Company ithole imvume kaMgcinimafa Kazwelonke ukuthi iyigcine imali esalile.

| | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|
| **16. UKUHLANGANISWA KWEZITATIMENDE ZOSHINTSHO ENANINI LEMPAHLA ESALILE** | | |
| Imali okuvalwe ngayo mhla zingama- 31 kuNdasa | 253 677 597 | 266 885 827 |
| Yakheke ngale ndlela elandelayo: | | |
| GRAP 23 Isibonelelo sikahulumeni esiqondene nokusetshenziswa mahhala komhlaba kanye nezakhiwo | 141 900 000 | 141 900 000 |
| Ushintsho enanini lempahla esalile maqondana nokwenziwa komsebenzi | 111 777 597 | 124 985 827 |

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

| | Amanothi | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| **17. UKUHLANGANISWA KWEMALI EQOQIWE** | | | |
| (Imali eshodile) Imali esalile onyakeni | | (13 208 230) | 4 866 730 |
| ihlelelwe: | | | |
| Ukwehla kwezinganani, ukwehla kwezinga kanye nokuntenga | | 16 642 938 | 18 119 343 |
| Umhlomulo otholakale ngokuchithwa kwesakhiwo, imishini emikhulu kanye nempahla yokusebenza | | 695 | 184 073 |
| Inzalo engenile | | (6 587 848) | (7 036 227) |
| Ukusebenza kwemali ngaphambi kwezinguquko emalini yokuqalisa umsebenzi | | **3 152 446** | **16 133 920** |
| Izinguquko emalini yokuqalisa umsebenzi | | 3 908 870 | 3 852 474 |
| (Ukunyuka) Ukwehla kwesitokwe senkampani | | (152 219) | 90 177 |
| Ukwehla (Ukunyuka) kuma-akhawunti emali engakamukelwa | | 680 927 | (240 624) |
| (Ukwehla) kuma-akhawunti emali ekweletwayo | | (2 347 498) | (366 908) |
| Ukwenyuka kwemali etholakale ngaphambi kwesikhathi | | 5 727 660 | 4 369 829 |
| **Imali etholakale ngesikhathi kusetshenzwa** | | **756 424** | **19 986 394** |

### 18. IZINSIZA ZEZIMALI

*Kafushane*

I-Playhouse Company ingabhekana nalobu bungozi obulandelayo ngokusebenzisa izinsiza zezimali.

- Ubungozi bokukweletwa
- Ubungozi bokwehluleka ukukhokha (liquidity)
- Ubungozi bemakethe
- Ubungozi besilinganiso senzuzo

Leli nothi liveza imininingwane ngobungozi i-Playhouse Company engahle ibhekane nabo ngobungozi ngabunye, izinhlosongqangi, izinqubomgomo kanye nezinhlelo zokulinganisa nokulawula ubungozi ze- Playhouse Company, ngokunjalo nokuphathwa kwezimali zenkampani. Okunye okubalwayo kucaciswe kulezi zitatimende zezimali.

NgokweMithethonqubo kaMgcinimafa wama-27.2.1 engaphansi kwe-PFMA, iziphathimandla ezinesibopho sokubika (uMkhandlu) kumele wenze isiqiniseko sokuthi ukuhlolwa kobungosi obungase bube khona kwenzeka njalonjalo ukuze busheshe buhlonzwe ubungozi esikhungweni. Umkhandlu ususungule iKomidi Labacwaningi elizobhekana nokuhlanganisa kanye nokuqapha izinqubomgomo zokulawula ubungozi e- Playhouse Company.

Izinqubomgomo zokulawulwa ubungozi ze-Playhouse Company zakhelwa ukuhlonza nokuhlaziya ubungozi obungahle bubhekane nenkampani, ukuze kubekwe izindlela zokunciphisa nokulawula, ngokunjalo nokuqapha ubungozi. Izinqubomgomo nezinqubo zokulawulwa ubungozi zibuyekezwa njalo njalo ukuze zihambisane nezimo zokushintsha kwemakethe kanye nemisebenzi yenkampani i-Playhouse. Ngokwezinqubo nemigomo yokusebenza ekuphatheni nokuqeqesha, i-Playhouse Company ihlose ukwakha isimo sokulawula esinomthetho nesigqugquzelayo lapho bonke abasebenzi beqonda kahle iqhaza labo kanye nezibopho zabo.

Ikomidi Labacwaningi libheka ukuthi abaphathi bakuhlola kanjani ukuthotshelwa kwezinqubomgomo nezinqubo zokulawulwa kobungozi e-Playhouse Company bese libuyekeza uhlaka lokulawulwa kobungozi ngokubheka ubungozi obubhekene ne-Playhouse Company. Ikomidi Labacwaningi lelekelelwa aBacwaningi Bangaphakathi ezingeni lokuqapha ukwenziwa komsebenzi. Abacwaningi Bangaphakathi bakwenza kokubili ukubuyekeza okujwayelekile kanye nokungahlelelwe kwezindlela nezinqubo zokulawulwa kobungozi, bese kuthi imiphumela ibikwe eKomidini Labacwaningi.

***Ubungozi bokukweleta***

Ubungozi Bokukweletwa kusho ubungozi bokulahlekelwa kwe- Playhouse Company yimali uma amakhasimende noma okusetshenziswana nabo kwezimali behluleka ukugcina izibophezelo zezivumelwano futhi lokhu kuvame ukwenzeka emalini okumele ngabe itholakala kumakhasimende.

Inani elikhona lezimpahla liveza izinga lokwenyuka kakhulu kobungozi bokukweletwa. Isilinganiso esiphezulu samathuba okuzithola engozini yokukweletwa kuze kube mhla zingama-31 kuNdasa simi kanje:

| | 2020 | 2019 |
|---|---|---|
| Ukuhweba kanye nemali engakatholwa (inothi 4) | 1 441 875 | 2 122 803 |

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

| | March 2020 | March 2019 |
|---|---|---|
| | R | R |

**18. IZINSIZA ZEZIMALI (ZIYAQHUBEKA)**

***Ukuhweba kanye nemali engakatholwa***

Ukuzithola kwe- Playhouse Company isibhekene nobungozi bokukweletwa kungaba nomthelela kakhulu ngenxa yokwehlukana kwamakhasimende ngendlela enza ngayo izinto. Ukwakheka kohlu lwamakhasimende e- Playhouse Company, kubandakanya nobungozi bokwehluleka kwezimboni kanye nezwe lapho esebenza khona lawa makhasimende, kunomthelela omncane ebungozini bokukweletwa.

Ubuningi bemali engakatholwa kanye nama-akhawunti angakhokhiwe kuhambisana nenzalo etholakale ezikhungweni zemali emalini itshalwe iyisamba esiboshiwe.

Abakweletwa yinkampani kwezokuhwebelana bahlanganisa izimali zemisebenzi ezingakakhokhwa kanje:

Ukuqashiswa kwamaloli- imali eyidiphozithi noma izinombolo zama-oda kumele kutholwe ngaphambi kokuba kuqashwe iloli ukuba liye emicimbini yezamasiko.

Ukuqashisa - Abaqashile bakhokhiswa amadiphozithi.

Ukuqashisa ngendawo yemicimbi - Imali yediphozithi khokhwa ngaphambi komcimbi.

Ukuqashwa kwempahla yokugqoka esiteji/impahla esethsenziswa esiteji/amawigi - imali ikhokhwa ngaphambi kokuba impahla eqashiswayo ikhishwe.

Ukudayiswa kwamathikithi - imali ikhokhwa emnyango noma ezindaweni ezidayisa amathikithi (Computicket).

Inqubomgomo ye-Playhouse Company yenzele ukuqapha isimo sokuzithola engozini yokukweletwa nyanga zonke. Ekupheleni konyaka, isilinganiso esiphezulu sokuba sethubeni lokukweletwa sivezwa ngesamba esedluliselwa phambili ngempahla ngayinye.

Kwenziwa izibalo zenani elifanele lokuhweba kanye nemali engakatholwa, nokho-ke, ukulungiswa kwamanani akwenziwa njengoba lisuke lingakaziwa inani lempahla.

Ukucutshungulwa kohwebo kanye nemali engakatholwa ngenhloso yokwenza umbiko:

| | March 2020 | March 2019 |
|---|---|---|
| izinsuku ezingama-90 nangaphezulu | 466 744 | 486 766 |
| izinsuku ezingama-60 | 25 628 | 25 553 |
| izinsuku ezingama-30 | 33 967 | 40 440 |
| Okwamanje | 915 536 | 1 570 043 |
| | 1 441 875 | 2 122 803 |

***Utshalomali***

I-Playhouse Company igwema ukuzithola isesimweni sokukweletwa ngokuthi itshale imali ezindaweni okulula ukuba isheshe itholakale kuzona kanjalo nangokusebenzisana namabhange kanye nezikhungo zezezimali kuphela.

***Amagaranti (Guarantees)***

Inqubomgomo ye-Playhouse Company ihlinzeka ngegaranti yezezimali kuphela kuleyo misebenzi ebaluliwe.

magaranti akhishwa kwaze kwaba mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2020 ayemi kanje:

Imisebenzi kamasipala waseThekwini- R274 966

Imisebenzi yabePosi - R30 360

Amagaranti azophelelwa isikhathi mhla zingama-31 kuZibandlela wezi-2025 futhi angeke avuselelwe.

***Ubungozi bokwehluleka ukukhokha (liquidity)***

Ubungozi bokwehluleka ukukhokha kusho isimo esingcuphe lapho i-Playhouse Company izohluleka khona ukufeza izibopho zayo zezezimali uma sekufike isikhathi sokukhokha. Indlela esetshenziswa yi-Playhouse maqondana nokwehluleka ukukhokha wukuqinisekisa ukuthi inemali eyanele ekwazi ukutholakala kalula ukuze ikwazi ukukhokha izikweletu uma sekufike isikhathi sokukhokha, ngaphansi kwazo zombili izimo, ezijwayelekile kanye neziyingcindezi, ngale kokulahlekelwa kungenasidingo kumbe kobungozi obungehlisa isithunzi se-Playhouse Company.

I-Playhouse Company iyakhokha njalo ngesonto. Kuyahlolwa ukukhokhwa kwezimali kusenesikhathi. Imali ibe isidluliselwa ku-akhawunti yebhange elisetshenziswayo ukuhlangabezana nezibophezelo zangamasonto onke. Noma iyiphi imali esalayo iyatshalwa nyanga zonke ngesisekelo senzuzo selinganisonani elihle.

Kuyinqubomgomo ye-Playhouse Company, ngokuhambisana Nomnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke ukuthi ingaboleki izimali. Ngakho-ke azikho izikhungo zokubolekisa ezikweletwayo.

Ukheshi obukhona mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2020 bekungama- R89 417 041 (2019 – R88 059 336).

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

| | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|
| | R | R |

### 18. IZINSIZA ZEZIMALI (ZIYAQHUBEKA)

***Ubungozi bezimakethe***

Ubungozi bezimakethe busho ubungozi bokushintsha kwamanani ezimakethe, njengoba isilinganiso senzalo siphazamisa imali engenayo e-Playhouse Company. Inhloso yokulawulwa kobungozi bemakethe ngukwengamela nokulawula ukubhekana nobungozi bemakethe ngokwemikhawulo ebekiwe, kube kutholakala inzuzo.

Inqubomgomo ye-Playhouse Company, ngokuhambisana noMnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke ithi makutshalwe imali esalile. Isilinganisonani esihle kanye nezikhathi ekutshalwa ngazo imali zitholakala emabhange ehlukene. Isiphakamiso senziwe sabe sesigunyazwa ngabaphathi abaphezulu.

***Ubungozi Obuthinta Imali yamazwe***

Ubungozi obuthinta imali yamazwe ubungozi buwubungozi obamukelekayo obungaholela ekutheni ngesikhathi esizayo imali yehle kumbe yenyuke ngenxa yezinguquko esilinganisweni semali yamazwe. I-The Playhouse Company ihwebelane namanye amazwe ngesikhathi kuthunyelwa impahla yokusebenza evela kwamanye amazwe. Imali yamazwe eyasetshenziselwa ukukhokhela leyo mpahla iningi layo kwakungama-EUR. Inqubomgomo ye-The Playhouse Company yokulawulwa kwezimo ezingcuphe ngeke ikhiphe indaba yezivumelwano zokuhwebelana namanye amazwe.

***Ubungozi besilinganiso senzuzo***

Kuyinqubomgomo ye-Playhouse Company, ngokuhambisana Nomnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke ukuthi ingaboleki izimali. Ngakho-ke azikho izikhungo zokubolekisa ezikweletwayo. Akukho nkinga ekhona maqondana nokushintsha kwesilinganiso senzuzo.

Kuyinqubomgomo ye-Playhouse Company, ngokuhambisana Nomnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke ukuthi kutshalwe imali esalile. Isilinganisonani esihle kanye nezikhathi ekutshalwa ngazo imali zitholakala emabhange ehlukene. Isiphakamiso senziwe sabe sesigunyazwa ngabaphathi abaphezulu.

| **Imininingwane** | 2020 | | 2019 | |
|---|---|---|---|---|
| Izinga lokuguquguquka kwesilinganiso | Izinga lenzuzo ngokwama-% | Imali okuvulwe ngayo | Izinga lenzuzo ngokwama-% | Imali okuvulwe ngayo |
| u-FNB - izinsuku eziyi-120 | - | - | 7,80 | 4 328 500 |
| u-Investec - izinsuku eziyi-120 ezingashintshi | 7,19 | 6 146 697 | 7,85 | 23 211 190 |
| u-Nedbank - izinsuku eziyi-120 ezingashintshi | 7,33 | 26 166 663 | 7,90 | 28 601 770 |
| u-Standard Bank - izinsuku eziyi-120 | 7,43 | 23 625 081 | 7,94 | 3 000 000 |
| | | **55 938 441** | | **59 141 460** |

Mhla zingama-31 kuNdasa wezi- 2020, uma isilinganiso senzuzo ngalolo suku sibe ngaphezulu noma ngaphansi kwamaphuzu ayi-100, nazo zonke izinguquko ezibanjwa ngokuvamile, inzuzo yona kungamele inyuke noma yehle ngama-R559 384.

Mhla zingama-2020, inani lemali esalile sekususwe konke kanye nokungaba ukheshi, uhwebo nemali engakamukelwa kanye nokunye okukhokhelekayo kucishe kulingane nokulungiswa kwenani ngenxa yesikhathi okuvuthwa ngaso esincane. Uhwebo nemali engakamukelwa kanye nengakakhokhwa kuzovuthwa ezinsukwini ezingama-30 kuya kwezingama-60.

***Amanani akahle***

Amanani akahle ezimali zempahla kanye nezikweletu kuyafana nenani elisalile sekususwe konke elivela ohlwini lemininingwane yezimali.

### 19. UKUXOLELWA EKUKHOKHENI INTELA

I-The Playhouse Company ixolelwe ekukhokheni intelangokweSigaba 10 (1)(cA)(l) soMthetho Obhekele Ezentela.

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

| 20. ABAPHATHI ABAPHEZULU KANYE NOMKHANDLU | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|
| *Abaphathi abaphezulu* | R | R |
| **L Bukhosini – (iSikhulu Esiphezulu esiphinde sibe nguMqondisi Wezobuciko)** | **2 183 197** | **2 168 640** |
| Umholo | 1 727 139 | 1 727 139 |
| Ibhonasi | 143 928 | 143 928 |
| Impesheni, imali ye-med-aid | 286 763 | 284 978 |
| Okunye (s&t, imali yeselula, njll) | 25 367 | 12 595 |
| | | |
| **A Mohanparasadh - (Chief Financial Officer)** | **1 492 162** | **1 489 537** |
| Umholo | 1 337 836 | 1 299 970 |
| Ibhonasi | 111 486 | 108 450 |
| Impesheni, imali ye-med-aid | 16 566 | - |
| Okunye (s&t, imali yeselula,imali yokuba yibamba, njll) | 26 274 | 81 117 |
| | | |
| **O Hlangu - (Support Services Manager)** | **1 321 377** | **1 323 640** |
| Umholo | 962 698 | 936 477 |
| Ibhonasi | 80 225 | 78 040 |
| Impesheni, imali ye-med-aid | 176 917 | 172 591 |
| Okunye (s&t, imali yeselula,imali yokuba yibamba, njll) | 101 537 | 136 532 |
| | | |
| **Isamba Sabaphathi abaphezulu** | **4 996 736** | **4 981 817** |
| | | |
| **Members of council and sub-committees** | **236 581** | **113 013** |
| HC Mgabadeli – uSihlalo Womkhandlu | 50 726 | 23 398 |
| K Kunenex - uSekele-Sihlalo Womkhandlu | - | - |
| L Theron *X – uSihlalo Wekomidi Elibhekele Ukucwaningwa Kwamabhuku | - | - |
| S Gounden | 27 872 | 14 228 |
| B Mngoma* | - | - |
| C Jugnarayan* | 18 333 | 7 981 |
| N Mbele | 31 356 | 8 068 |
| FE Khumalo | - | 192 |
| TC Mngadi | 31 356 | 14 100 |
| JA Litheko | 31 586 | 14 100 |
| SP Ndlela | 19 162 | 10 598 |
| J Bernard | - | 4 480 |
| S Naidoo | - | 320 |
| R Ashe* | 26 190 | 10 340 |
| F WetesX | - | - |
| L MatlalaX | - | 5 208 |
| | | |
| **Isamba senkokhelo** | **5 233 317** | **5 094 830** |

* Kusho iLungu Langaphandle Elizimele leKomidi Elibhekele Ukucwaningwa Kwamabhuku.

X kusho umsebenzi kahulumeni

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

| | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|
| | R | R |

**21. IMIHLOMULO YOMHLALAPHANSI**

Abasebenzi abaqashwe ngokugcwele bayingxenye yesikhwama sezimpesheni, i- pension ne-provident funds, ezasungulelwa i-Performing Arts Companies of South Africa noma isikhwama sempesheni yabasebenzi esasungulwa yi-South African Commercial Catering kanye ne-Allied Workers Union. Iezi zikhwama zempesheni zombili zisebenza ngaphansi koMthetho Wesikhwama Sempesheni Yabasebenzi. Isikhwama Sempesheni Yabasebenzi siwuhlelo oluhlelekile lokubanjelwa imali kwabasebenzi futhi asibekelwe sikhathi sokubuyekezwa.

Imali eye esikhwameni sempesheni yabasebenzi ingama- R3 896 977 (2019: R3 730 428) futhi ifakiwe ezindlekweni zabasebenzi.

**22. IZINHLAKA OKUSETSHENZISWANA NAZO**

***22.1. UMnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke***

Imali yesibonelelo etholakele ngonyaka wezimali ibe ngama- R52 485 000, futhi ngonyaka wezi- 2020/21 izoba ngama- R47 462 000.

Kulo nyakamali kutholakale izibonelelo ezinkulu R 6 537 000, zarekhodwa zaba yimali edluliselwe onyakeni olandelayo. Kubekwe isabelomali sama-R15 512 000 esizokwamukelwa ngonyaka wezi-2020/21.

Isamba sama-R1 350 000 (2019: R1 500 000) sarekhodwa saba wuxhasomali lwemiklamo esafufusa. Ngenxa yemvalelwandlini kutholakale isamba sama-R150 000 ngesikhathi kuthunyelwa imibiko yokugcina yemiklamo esafufusa ngonyaka wezi-2021.

***22.2. UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali***

Isibonelelo esitholakale ngonyakamali wezi-2019/20 singama-R9 141 000, kanti ngokuphela konyaka wezi-2020/21 izoba ngama-R 9 652 896.

***22.3. UMasipala waseThekwini***

Kwamukelwe inkokhelo yesamba esidluliselwe sama- R2 000 000 ngesikhathi esiqala mhla lulunye kuNtulikazi wezi-2019 kuya kumhla zingama-30 kuNhlangulana wezi-2020 ngokuhambisana nonyakamali womasipala. Isamba sama-R500 000, maqondana nenyanga kaMbasa, uNhlaba kanye noNhlangulana wezi-2020 sedluliselwa kunyakamali wezi-2020/21. Isamba senkokhelo sama- R1 500 000 (2019: R0) sirekhodwe saba yimali engenile.

***22.4. UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi***

UMnyango ungumnikazi osemthethweni womhlaba kanye nezakhiwo ezisetshenziswa yi-Playhouse Company bese kuthi i-Playhouse yona iqashe lezo zakhiwo mahhala. UMnyango ukhokhele intela kamasipala yonyaka kanje: R5 180 300 (2019: R5 351 380).

***22.5. I-PhilharmonicOrchestra yaKwaZulu-Natal – KZNPO***

Mhla lulunye (1) kuMbasa wezi-1998, i-Playhouse Company yanciphisa ubungako bomsebenzi ewenzayo ngohambisana nemigomo yoMthetho Ohlongoziwe woMnyango Wezobuciko, Amasiko, Isayensi kanye nezoBuchwepheshe. Lokhu kuhlengahlengiswa kwemisebenzi kwagqugquzelwa izinhlosongqangi ezimbili ezibalulekile: ukugwema ukushoda kwesabelosemali kanye nokusebenzisa amasu okugwema izinkinga zokushoda kwezimali ngokuzayo. Enye yezindlela zokwehlisa ukusetshenziswa kwezimali kwaba ngukurejisra i-KZNPO yaba yihlangano ezimele, nengenzi nzuzo engaphansi kweSigaba 21 iNhlangano Engasebenzeli Nzuzo. Ngenxa yalolu guquko, lezi zinhlangano zathatha isinqumo sokungena ebudlelwaneni bokusebenzisana.

Kunesivumelwano sokusebenzisana phakathi kwe-Playhouse Company kanye ne-KZNPO. Lesi sivumelwano sifaka lokhu okulandelayo :

a) Ukusebenzisa ingxenye yesakhiwo samahhovisi okuphathwa kwehhovisi le-Playhouse Company.

b) Ukusebenzisa izinsiza zezezimali kanye nabasebenzi okufanele kukhokhelwe.

c) Njengengxenye yohlelo lwenguquko empahleni yokusebenza yowe-1999 (impahla yomculo we-okhestra, umbhalo womculo kanye namaphuzu okwaba yizindleko ezingama-R328 739 kwadluliselwa kwabe-KZNPO ngokungakhokhisi lutho.

d) I-Playhouse Company ithola isaphulelo ngomsebenzi wezobuciko ohlinzekwa i-KZNPO e-Playhouse Company.

Mhla zingama- 31 kuNdasa wezi-2019, I-The Playhouse Company kanye KZNPO bafinyelele esivumelwaneni sokwesula isivumelwano sokusebenzisana.

I-The Playhouse Company isebenzisane ne-KZNPO emibukisweni ehlukene ngendlela ehlelekile nangokuvumelana maqondna nokwenziwa komsebenzi ngokomsebenzi uhlaka ngalunye olujutshelwe ukuba luwenze.

| | | |
|---|---|---|
| Imali ekhokhwe yi-Playhouse Company ikhokhela i-KZNPO | 1 413 755 | 1 843 755 |
| Imali eqongelelwe yi-Playhouse Company | 120 896 | 397 393 |

I-KZNPO iyona kuphela ehlinzeka umsebenzi we-okhestra ongubungoti KwaZulu-Natali. Kungukonga ukusebenzisa isikhungo esisendaweni, kanti lokho futhi kugwema nezindleko ezingenasidingo zezokuthutha kanjalo nokulalisa abantu.

ISikhulu Esiphezulu se-KZNPO siganwe yiSikhulu Esiphezulu se-Playhouse Company.

***22.6. UMkhandlu***

UMkhandlu waqokwa nguNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko kaZwelonke ukuzoqapha nokuqinisekisa ukuthi kuyasetshenziswana kahle. Lo mkhandlu unamakomidi amancane ahlukene okungabalwa kuwo elezokuQoqwa Kwemali, elezeZimali, elozokuBusa kanye Nokucwaningwa Kwamabhuku, amaKomidi Abhekele Ezikandabazabantu kanye nelaMaholo okuyiwona aluleka aphinde elekelele abaphathi abaqokwa yiwo Mkhandlu. Bheka inothi 20 - isinxephezelo.

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

| | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|
| | R | R |

**22. IZINHLAKA OKUSETSHENZISWANA NAZO(ZIYAQHUBEKA)**

***22.7. I-National Film and Video Foundation***

Isamba sama-R2 061 851 sakhishwa abe-National Film and Video Foundation ngowezi-2019 ukuze kusingathwe i-3rd Brics Film Festival. Lokhu kuyingxenye yokubukiswa komcimbi we-Brics Film Festival 2018 owenziwa yi-The Playhouse Company.

***22.8. Abaphathi abaphezulu***

Isikhulu Esiphezulu kophinde abe nguMqondisi Wezobuciko– Linda Bukhosini

ISikhulu Esiphezulu Kwezezimali– Amar Mohanparasadh

Imenenja yezemisebenzi yokwelekelela– Oscar Hlangu

*Bheka iNothi 20 – Izinxephezelo*

**23. IZIMO ZAKAMUVA**

Akubanga khona okuguqulíwe emva kokwenziwa kohlu lwemininingwane yezezimali

Ngokwalesi sikhathi sokubika sonyaka ophela mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2020, abaphathi bahlole isimo sobhubhane lwe-COVID-19 kanye nomthelela esibe nawo ekusebenzeni kwenkampani banquma ukuthi yilona guquko olwenzeka emva kokwenziwa kihlu lwemininingwane yezezimali, uma kubhekwa izigameko ezenzeke emva kosuku lokubika lwenkampani.

Ekupheleni kukaNdasa wezi-2020 iNhlangano Yezempilo Emhlabeni kanye noHulumeni waseNingizimu Afrika bamemezela ukuthi i-Covid-19 iwubhubhane. Izwe laseNingizimu Afrika labe seliqala imvalelwandlini mhla zingama-26 kuNdasa wezi-2020, okwakuchaza ukuthi yonke imisebenzi engathathwa ngokuthi isemqoka kakhulu ivalwe. Uhlelo lwezobuciko olwaluhleliwe lwamiswa. Akubanga namibukiso e- The Playhouse Company kwaze kwaba maphakathi noNtulikazi wezi-2020. Yehla imali engena ngemithombo engekho seqhulwini (okungukuthi ukwamukelwa kwabantu, impahla egqokwa esiteji, izinto ezisetshenziswa esiteji, imali yemibukiso nokudayiswa kwamathikithi kanye nekhomishini yamathikithi nemali yokuqashisa ngemishini yokusebenza nemali engena ngokuvulwa kwendawo edayisa iziphuzo) onyakeni ophela ngoNdasa wezi-2021

Mhla ziyisishiyagalombili kuNhlangulana wezi-2020, uNgqongqoshe Wezemidlalo, Ezobuciko Namasiko wakhipha umyalelo ngaphansi kwesigaba sesithathu semvalelwandlini wokuthi izikhungo zezobuciko obubukwayo kumbe i-playhouse ezinezakhiwo nengqalasizinda esetshenziselwa ukwenza imibukiso sezingaqala ukusebenza zingekhi izibukeli.

Mhla zintathu kuNtulikazi wezi-2020, uNgqongqoshe Wezemidlalo, Ezobuciko Namasiko wabuye wakhipha omunye umyalelo ovumela ezemidlalo, ezobuciko nemicimbi yezamasiko ukuba iqale ukwenziwa inqobo nje uma kuzolandelwa imithethonqubo yokuvimbela ukubhebhetheka kwe-Covid-19, ngokuthi kuncishwe isibalo sabantu abethamela leyo micimbi sibe ngabantu abangama-50 nangaphansi.

I-The Playhouse Company ibuyekeze uhlelo lwayo lwezobuciko maphakathi noNtulikazi wezi-2020 njengokomyalelo woMnyango Obhekele Ukuqapha Nokuhlola Ukusebenza kukaHulumeni. I-The Playhouse Company iqale ukusebenza maphakathi noNtulikazi wezi-2020 ngokukhombisa imibukiso yezefilimu eyqoshwa ngokusebenzisa ubuxhakaxhaka bezobuciko obuhambisana nemigomo eyakhishwa nguNgqongqoshe Wezemidlalo, Ezobuciko Namasiko mhla zintathu kuNtulikazi wezi-2020. Imibukiso eyaqoshwa yakhonjiswa ngobuchwepheshe ezinkundleni zezokuxhumana ezahlukene.

I-The Playhouse Company ihlole yonke impahla yaphinde yahlola izakhiwo, imishin emikhulu nemishini yokusebenza ngasekuheleni konyakamali. Izakhiwo, imishini emikhulu nemishini yokusebenza okwatholakala ukuthi yephukile kumbe ilimele noma ayisekho esimweni sokuthi ingasebenza yachithwa. Impahla eyasala yayisesimweni esihle futhi ingazange ithikamezeke ngenxa yemithethonqubo yemvalelwandlini eyabekwa eNingizimu Afrika. Kwaba nokushaya ngolonwabu ekunakekelweni kwempahla ngenza yokuthi i- The Playhouse Company kwadingeka inciphise isibalo sabantu ababhekele ukunakekela impahla ngenxa yemithethonqubo ye-COVID-19, nokho abasebenzi ababhekele ukunakekelwa kwempahla ababehlonzwe ngokuthi basemqoka kakhulu babemi ngomumo ukubhekela izmo eziphuthumayo. Umsebenzi wokunakekela owawuhleliwe uqalise ngoNtulikazi wezi-2020 futhi uqhubeka njengalokhu kuhleliwe.

Impahla ekhona manje ihlanganisa isitokwe senkampani kanye nohwebo nokungahle kwamukelwe kanye nokungesiyo impahla ephathekayo kufinyelela ku-1% wayo yonke impahla ekhona. Ayizange ithikameze ngenxa yemithethonqubo yemvalelwandlini eqalise ukusebenza eNingizimu Afrika.

Ukheshi nokungaba ukheshi kuhlanganisa imali esebhange nokheshi otshelwe emabhange amakhulu. Njengalkhu izinga lenzuzo lehlile ngesikhathi sobhubhane lwe-Covid, ukheshi nokungaba ukheshi akuzange kuphazamiseke.

Uhwebo kanye nenye impahla engahle yamukelwe kufinyelela ku-2% wayo yonke impahla esalile kanye nezikweletu. Akuzange kuphazamiseke ngenxa yemithethonqubo yemvalelwandlini eqalise ukusebenza eNingizimu Afrika.

Indlela yesesekelo sokukhathazeka ihlaziyiwe kubhekwa imininingwane ekhona kuze kube usuku uMkhandlu ogunyaze ngalo i-AFS. Njengalokhu lungakabi bikho uzinzo maqondana nomthelela wobhubhane lwe-COVID-19 kwezezimali, uMnyango Kazwelonke Wezemidlalo, Ezobuciko Namasiko unikeze i-The Playhouse Company isibophezelo soxhasomali lweminyaka emithathu ukuze ikwazi ukuqhubeka nokusebenza ikhokhele nezindleko zokusebenza.

Abaphathi abazi lutho ngezinto ezithinta impahla ezenzeke emva kosuku lokubika kuze kube wusuku lwalo mbiko, lolo lwazi olungaba nomthelela kulabo abasebenzisa lezi zitatimende ukuze bakwazi ukuhlola ngendlela baphinde bathathe izinqumo.

**24. UKUSETSHENZISWA KWEMALI NGENDLELA ENGAFANELE, ENGALETHI NZUZO KUMBE EMOSHAYO**

Ayikho impahla elahlekile ngenxa yezenzo zobugebengu noma ngenxa yokusetshenziswa ngendlela engafanele, engenanzuzo noma ukusetshenziswa kwemali ngendlela emoshayo ngesikhathi sokuphela konyaka mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2020.

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

| | kuNdasa 2020 | kuNdasa 2019 |
|---|---|---|
| | R | R |

**25. IMISEBENZI ENGAKHOKHELWA NGEMALI**

***25.1.*** I-Playhouse yamukele imisebenzi engakhokhelwa ngemali ngokuhambisana nenqubo yayo yokusebenza kanye /noma nezinjongo zokunikezelwa kwezidingo. Imisebenzi engakhokhelwa ngemali ihambisana nentela kamsipala kanye nentela ekhokhwa nguMnyango Wezemisebenzi Yompahakathi KwaZulu-Natali sekuvelile ezitatimendeni zezezimali zonyaka.

| | 2020 R | 2019 R |
|---|---|---|
| Intela kanye nentela kamasipala ekhokhwa nguMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali | 5 180 300 | 5 351 380 |

Lokhu okulandelayo yimisebenzi engakhokhelwa ngemali engaveli ezitatimendeni zezezimali zonyaka.

***25.2. Imsebenzi engakhokhelwa ngemali ehlinzekwa nguMkhandlu kanye namalungu ekomidi aqashwe nguHulumeni***

UMthethonqubo kaMgcinimafa maqondana "nemihlomulo yomsebenzi yabasezikhundleni ezikhungweni zikahulumeni" uveza ukuthi abasebenzi bakahulumeni ezingeni likaZwelonke, leSifundazwe kanye neleNdawo noma izikhungo, abasebenzisana kanye nezinhlaka zikahulumeni ezisebenza ezikhundleni kulezi zikhungo zikahulumeni azinalo ilungelo lokuthola lo mholo owengeziwe.

Amalungu amane oMkhandlu kanye nekomidi ayeqashwe nguhulumeni futhi awazange ayithole imali yokuhambela imihlangano yoMkhandlu kanye nekomidi.

**26. UKUZIBOPHEZELA EZINTWENI EZITHINTA IMIKLAMO EMIKHULU**

Ngosuku okwenzwa ngalo uhlu lwemininingwane yezimali i-Playhouse Company beyikade inezidingo okwakumele ihlangabezane nazo mayelana nale miklamo emikhulu elandelayo:
Ukukhishwa kwamathenda kumi kanje:

| | 2020 R | 2019 R |
|---|---|---|
| I-High Brightness 3D - Laser Projector – Ithenda yakhishwa | 1 215 354 | - |
| I-High Brightness 3D - Laser Projector – kwaba nokungaboni ngaso linye | 108 169 | - |
| I-High Brightness 3D - Laser Projector – Imali izokhokhwa ekupheleni konyaka | 1 323 523 | - |
| Ukulawulwa kwezakhiwo – ithenda yakhishwa | 253 104 | - |
| Ukulawulwa kwezakhiwo – – Imali izokhokhwa ekupheleni konyaka | 253 104 | - |
| Ukukhushulwa kwesiteji – ithenda yakhishwa | - | 27 169 051 |
| Ukukhushulwa kwesiteji – imali izikhokhwa ekupheleni konyaka | - | 3 217 820 |

**27. UKUVUMELANA KWESABELOMALI KANYE NESITATIMENDE SOKUSEBENZA KWEZIMALI**

| | 2020 R | 2019 R |
|---|---|---|
| Imali esalile(eshodile) ngokwesitatimende sokusebenza kwezimali | (13 208 230) | 4 866 730 |
| Kwehliselwe kulokhu: | | |
| Ukwenyuka kwemali yesibonelelo semisebenzi emikhulu yenkampani eqhamuka kwa-DAC | 5 585 660 | 3 182 656 |
| Ukwenyuka kwemali yezibonelelo engenayo | (2 236 000) | 829 173 |
| Ukwenyuka kwabaxhasi bemisebenzi eyenziwayo yemibukiso | (1 350 000) | 229 596 |
| Ukwenyuka kwemali engenayo yomsebenzi wemibukiso | (904 479) | (521 764) |
| Ukwenyuka kwemali engenayo yokuthengiswa kotshwala nezinto ezahlukene | (62 190) | (476 318) |
| Ukwenyuka kwemali engenayo | (587 848) | (536 227) |
| Ukwehla kwemali esetshenziselwe imibukiso | (2 173 150) | (1 647 466) |
| Ukwehla kwesinxephezelo sabasebenzi njengoba ezinye izikhundla zingagcwalisiwe | (2 673 937) | (1 043 344) |
| Ukwehla kwemisebenzi, ugesi, kanye nokuhlanza indawo | 468 986 | (1 404 050) |
| Ukwehla kwezindleko zomkhandlu | (26 514) | 82 663 |
| Ukwenyuka (ukwehla) kwezindleko zocingo | (233 869) | (182 426) |
| Ukwehla kokulungiswa kwempahla nokunakekelwa kwayo | (1 259 831) | (1 607 349) |
| Imali eshodayo yokudayiswa kwempahla | (1 949 368) | (1 508 330) |
| Imali eshodayo yokudayiswa kwempahla | - | 184 073 |
| Ukwehla kwezinganani lempahla | 16 642 938 | 18 119 343 |
| Ukusebenza kwemali yenkampani kepha engafakiwe esitatimendini sokusebenza kwezimali | (26 966 354) | (47 731 959) |
| **Imali eshodayo ngokwesabelomali esiphasisiwe (kuhlanganisa nemali yomsebenzi)** | **(30 934 185)** | **(29 164 998)** |

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

***28.1. Ukuvumelana kwesabelomali nezitatimende zokusebenza kwezezimali - imali esetshenziselwe umsebenzi***

**ISITATIMENDE MAQONDANA NOKUSEBENZA KWEZEZEZIMALI – OKUYIKHO KUQHATHANISWA NESABELOMALI**

| | 2020 inani okuyilo | 2020 Isabelomali esibekiwe | 2020 Isabelomali esibyekeziwe | 2020 Umehluko | 2020 Umehluko |
|---|---|---|---|---|---|
| | R | R | R | R | % |
| **INZUZO** | **77 049 889** | **73 465 144** | **72 902 583** | **4 147 306** | |
| Izibonelelo | 64 077 340 | 67 427 000 | 67 427 000 | (3 349 660) | -5% |
| Imali engeniswe yimibukiso | 2 020 928 | 2 207 968 | 2 207 968 | (187 040) | -8% |
| Iminikelo noxhaso | 1 350 000 | - | - | 1 350 000 | 0% |
| Imali yeRenti engenile | 540 401 | 494 711 | 494 711 | 45 690 | 9% |
| Ukuqashwa kwezindawo zokwenzela imibukiso, impahla kanye nezinto ezisetshenziswa uma kudlalwa | 2 818 127 | 2 235 798 | 1 726 611 | 1 091 516 | 63% |
| Imali yekhomishini ekhokhwa ehhovisi elidayisa amathikithi – imibukiso yangaphandle | 192 537 | 182 326 | 182 326 | 10 211 | 6% |
| Ukudayiswa kotshwala kanye nezinye izinto | 235 468 | 463 050 | 363 050 | (127 582) | -35% |
| Imisebenzi engakhokhelwa | 5 180 300 | | | 5 180 300 | |
| Imali engine ngezinye izinto | 634 788 | 454 291 | 500 917 | 133 871 | 27% |
| **IMALI ESETSHENZISIWE** | **96 845 967** | **92 367 181** | **82 869 114** | **13 975 553** | |
| Imali esetshenziselwe imibukiso | 12 826 796 | 20 497 575 | 14 999 946 | (2 173 150) | -14% |
| Izindleko eziphathelene nabasebenzi | 37 367 043 | 42 428 526 | 40 040 980 | (2 673 937) | -7% |
| Umbiko wonyaka | 46 000 | 88 421 | 48 421 | (2 421) | -5% |
| Imali yabacwaningi mabhuku bangaphandle | 1 039 708 | 1 373 880 | 1 023 880 | 15 828 | 2% |
| Imali yabacwaningimabhuku bangaphakathi | 650 618 | 908 992 | 908 992 | (258 374) | -28% |
| Izindleko eziqondene noMkhandlu | 991 508 | 590 022 | 1 018 022 | (26 514) | -3% |
| Ukuhlanza kanye nokuthuthwa kwendle | 1 916 468 | 2 249 563 | 2 149 563 | (233 095) | -11% |
| Impahla ezithengwa njalo | 912 202 | 1 683 965 | 1 096 318 | (184 116) | -17% |
| Ugesi | 5 711 309 | 5 058 207 | 5 058 207 | 653 102 | 13% |
| Ezokuvikeleka | 4 044 051 | 4 569 988 | 4 569 988 | (525 937) | -12% |
| Umshwalense | 365 448 | 369 496 | 369 496 | (4 048) | -1% |
| Izindleko zezomthetho | 200 531 | 53 500 | 103 500 | 97 031 | 94% |
| Ukumaketha | 650 441 | 1 347 547 | 774 547 | (124 106) | -16% |
| Intela kamasipala kanye nezintela | 5 180 300 | - | - | 5 180 300 | |
| Ukulumngisa nokunakekela | 2 161 152 | 3 503 809 | 3 420 983 | (1 259 831) | -37% |
| Ucingo | 220 373 | 462 837 | 454 242 | (233 869) | -51% |
| Uqeqesho | 310 469 | 366 368 | 342 000 | (31 531) | -9% |
| Ukuhamba – kuleli nasemazweni omhlaba | 805 930 | 991 177 | 789 677 | 16 253 | 2% |
| amanzi | 583 300 | 647 656 | 552 656 | 30 644 | 6% |
| Ukwehla | 16 642 938 | - | - | 16 642 938 | 100% |
| Izindleko ezivamile | 4 219 382 | 5 175 652 | 5 148 996 | (929 614) | -18% |
| **UKUSHODA EMALINI YOKUSEBENZA** | **(19 796 078)** | **(18 902 037)** | **(9 967 831)** | **(9 828 247)** | |
| Inzuzo etholakele | 6 587 848 | 2 000 000 | 6 000 000 | 587 848 | 10% |
| **IMALI ESALILEYONYAKA** | **(13 208 230)** | **(16 902 037)** | **(3 967 831)** | **(9 240 399)** | |

Uguquko kusabelomali esivunyiwe ukuba sibe yisabelomali sokugcina.
Ezinye izicelo zemali engenele ukuxhasa imiklamo emikhulu zedluliselwe eminyakeni elandelayo ngenxa yemikhawulo maqondana nokuba khona kwemali eyisibonelelo soxhaso lwemiklamo emikhulu ekhishwa ngabe-DAC.
Izinguquko phakathi kwesabelomali esivunyiwe kanye nesabelomali sokugcina ziyimiphumela yokwedluliselwa kwezimali onyakeni olandelayo kanye nokwabiwa kabusha kwesabelomali esivunyiwe.

## Amanothi e-Playhouse Company Maqondana Nezitatimende Zonyaka (ayaqhubeka)

**Incazelo yokubaluleka kulokhu okwahlukile**

Imali yokwenza umsebenzi ekhishwe ngabe-DAC kodwa engathathwa ngokuthi iyithenda ngokwe-GRAP 23 ayizange iphothulwe indaba yayo ekupheleni konyaka. Ukuphothulwa kwe-MOA kumisiwe ngenyanga kaNdasa ngenxa yemithethonqubo yemvalwelandlini yobhubhane i-Covid-19.

Ingxenye enkulu yombukiso ongumcul0 owawuhlelelwe ukuba ukhonjiswe ngesikhathi samaHolidi kaKhisimusi ihlehlisiwe ngenxa yezingqinamba ezibhekene nababhali bawo.

I-The Playhouse Company yathola uxhasomali kwa-DAC ukuxhasa imiklamo esafufusa eyayingazange ihlelelwe ekuqaleni konyaka.

Izindleko zikagesi ezikhokhiswa abaqashile azifakwanga kusabelomali nonyaka

Imali yokuqasha ngaphandle yeqile kuleyo ekusabelomali. Kwavezwa imibukiso engama-60 ngaphandle yeva kuleyo eyayabelwe imali engama-45

Yenyukile imali yokudayiswa kwamathikithi yahambisana nemibukiso ekhonjiswe ngaphandle nayo eyenyukile

Ingxenye enkulu yombukiso ongumculo owawuhlelelwe ukuba ukhonjiswe ngesikhathi samaHolidi kaKhisimusi ihlehlisiwe ngenxa yezingqinamba ezibhekene nababhali bawo kanti lokhu sekube nomthelela ekwehleni kwesibalo sabazokwethamela imibukiso kanye nokudayiswa kweziphuzo

Imisebenzi engakhokhelwa mali njengalokhu ichazwe kuNothi 25.

Ukuqashwa kwezindawo zokwenzela imicimbi kweqile emalini ekusabelomali ngenxa yokwenyuka kwesidingo sezindawo

Ingxenye enkulu yombukiso ongumculo owawuhlelelwe ukuba ukhonjiswe ngesikhathi samaHolidi kaKhisimusi ihlehlisiwe ngenxa yezingqinamba ezibhekene nababhali kanti futhi nangenxa yokubheduka kwe-COVID-19 uMqhudelwa weNgoma owawuhlelelwe ukuthi ube ngoNdasa wezi-2020 wahlehliselwa isikhathi esingakaziwa

Zonke izikhala zomsebenzi ezingagcwalisiwe ziyabuyekezwa ngokubhekela izidingo zokusebenza kwenkampani knye nokwehliswa kwesabelomali, yingakho kungeke kuqshwe ngokushesha. Izikhala zomsebenzi zigcwaliswa uma kunesidingo esikhaulu.

Kube nokonga ngenxa yokwehliswa kwesibalo semibiko eprintwayo

Imali engakakhokhwa yokucwaningwa kwamabhuku kuzwelonke ikhokhwe kunyakamali omusha.

Kube nokonga ngenxa yezinhlelo zokonga

Kube nokonga ngenxa yezinhlelo zokonga

Umasipala wendawo usebenzise indlela yokuqagela izinombolo zikagesi zibe phezulu ngenxa yokwehluleka kwesigubhu sikagesi esenza kube lula ukufunda izinombolo usehhovisi. Lokhu kuholele ekutheni kusetshenziswe imali eyeqile

Ukuqubuka kwe-COVID-19 kanye nokwesulwa kwemibukiso kuholele ekusetshenzisweni kancane konogada abengeziwe emibukisweni nasemicimbini

Ukubuyekeza okuphelele kwazo zonke izinkontileka kwaqala ngekota yesine okuyinto eyayingahlelelwe futhi ingekho kusabelomali

Ukumaketha okuhlelelwe imibukiso yesikhathi sikaKhisimusi kwabekwa ethala ngenxa yokuhlehliswa kwemibukiso

Imisebenzi engakhokhelwa mali njengalokhu kuvezwe eNothini 25.

Isabelomali esikhna sagcinelwa izinhlelo zokunakekela okwakumele zenziwe ngoNdasa kodwa kwadingeka ukuthi zimiswe ngenxa yemithethonqubo yemvalelwandlini ye-Covid-19

Kube nokonga ngenxa yohlelo olusha lokulawulwa ukusetshenziswa kocingo oluqalise nyakenye

Okwakuhlosiwe okukhona oHlelweni Lokwenziwa Komsebenzi Lonyaka (APP) kwakungama-90% futhi sakwazi ukukufezekisa lokhu. Ezinye izinhlelo zokuqeqesha zesulwa ngenxa yokuthi abasebenzi bashiya kumbe babengakwazi ukwethamela izifundo ngenxa yezinselelo ze-Covid-19

Isabelomali samanzi sehlisiwe emalini ekusabelomali. Nokho, imali okuyiyona esetshenzisiwe ibe ngaphezu kwekusabelomali esibuyekeziwe okuohethe ngokuthi kube nemai eyevile esetshenzisiwe

Ayikho imali engine ngempahla ebingahlelwe kusabelomalo sonyaka

Ukonga empahleni ethile ehlukene ngenxa yezinhlelo zokunciphisa izindleko

Imali ilondolozwa ngendlela efanele ebhange bese inikeza inzuzo enhle.

## Amanothi Maqondana Nezitatimende Zonyaka Zezezimali (ayaqhubeka)

***28.2. Ukulungisa phakathi kwesabelomali kanye nokusebenza kwezitatimende zezezimali – imali esetshenziselwe imisebenzi emikhulu***

**FIXED ASSET ADDITIONS – ACTUAL VERSUS BUDGET**

| | 2020 Okuyikho | 2020 Isabelomali sokuqala | 2020 Isabelomali esibuyekeziwe | 2020 umehluko | 2020 umehluko | Incazelo ngomehluko obonakalayo |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | R | R | R | R | % | |
| Impahla yasehhovisi | 411 998 | 300 000 | 300 000 | 111 998 | 37% | Iprinta yasehhovisi okwakuhlelelwe ukuba ithengwe onyakeni omusha wezimali yathengwa ngoNhlolanja njengalokhu yaba nezinkinga zokwephuka njalo. |
| Impahla yezamakhompyutha | 1 253 349 | 225 000 | 1 114 500 | 138 849 | -21% | Ukuhlanganiswa kwesifundo se-Pastel CSD ne- pastel evolution kusaqhubeka kuzophothulwa ngonyaka omusha wezimali. |
| Impahla Yasesiteji | 3 140 887 | 200 000 | 3 280 245 | (139 358) | -92% | Ukuthengwa kwenye impahla yasesiteji okwakuhlelelwe ukuba isetshenziselwe imibukiso yokuphela konyaka kusabekwe ethala ngenxa yokuhlehliswa kwemibukiso |
| Izakhiwo | 1 184 208 | 5 700 000 | 22 271 609 | (21 087 401) | -80% | Ngenxa yobhubhane lwemvalelwandlini ye-COVID 19, angeke kube lula ukuphothula nokukhipha amanye amathenda ekupheleni konyaka. Lawa mathenda azokhishwa aphinde aqalise ukusebenza ngonyaka ozayo wezimali. |
| **Isamba** | **5 990 442** | **6 425 000** | **26 966 354** | **(20 975 912)** | -78% | |

Izinguquko kusabelomali esivunyiwe ukuba sibe yisabelomali sokugcina zidalwe ukwedluliselwa kwesabelomali semali yokwenza umsebenzi onyakeni omusha kanye nemali ewuxhaso yokwenza umsebenzi eqhamuke kwa-DAC.

Uxhasomali lwemiklamo emikhulu olwamukelwe zingama-31 kuNdasa wezi-2020 kanye nemali kudingeke ukuba yedluliselwe onyakeni omusha ophela zingama-31 kuNdasa wezi-2021 ibekelwe ukuqalisa kokusebenza kwemiklamo kanye neminye imisebenzi.

